# UNKOSIБOMVU

IZINDAБA ZEБUTHO ELIDALA
ELALIYINSILA YENKOSI uTSHINGA
OWAQANJWA IGAMA LOKUTHI
nguNKOSIБOMVU

Zilandwa ngu-
P. A. STUART.

AБAKHIPHI БAMAБUKU
SHUTER & SHOOTER
BOOKSELLERS & STATIONERS
PIETERMARITZBURG

## OKUKHONJIWE.

IZINDAБA engizibale lapha akuzona ezingamaqiniso ngaбantu бakwaZulu.

Kepha, noma kunjalo, zingeze zaбizwa ngokuthi "Izinganekwane" ngoбa nonxa izinto ezixoxwayo zingazange zenzeka, kodwa zazingahle zenzeke. Nangaphandle kwalokho, ziqondene nezinto zasendulo kwelakwaZulu, inxa sizwa ngaбadala aбaбekhona ezinsukwini zawokhokho.

Izindaбa ezibalwe ngalendlela engiloбe ngayo zivamile kakhulu kwaбamhlophe kuwo wonke umhlaбa, futhi бaningi aбalobi бamabuku aseбaduma ngokuloбa kwaбo osekwenza ukuбa бaphile ngakho.

Aбantu aбkaбiphi ekuloбeni ngalendlela. Okwaбo ukuloбa kusengokwezinto ezenzekayo.

Kephake nokho, ngiyethemba ukuthi isikhathi asisekude kangakanani lapho aбamiqondo ihlakahlekile kinina бeyokusuka phansi бacindezele amabuku ezindaбa, okothi noma zingesiwo amaqiniso kodwa zilande ngezinto ezingase zenzeke ekuphileni kwenu.

Umseбenzi lo wokuloбa muhle kakhulu, kanti unjalo-nje uvamise ukuбa nenzuzo kumuntu oloбayo.

Umake zinithokozisile izindaбa engizibale kulencwadi ngiyothokoza nami, kanti inxa zinenze naбa nesifiso sokungilingisa ngiyoбe ngithole inzuzo enkulu ngalemizamo yami.

Izwi lami lokugcina elokuɓonga amadoda angisiza ekuhumusheni lezindaɓa, njengoɓa zikhishwe ebukwini lami engaliloɓa ngesiNgisi. Lawo madoda nguMnu. S. Nyongwana noMnu. A. C. Maseko. Nime njalo madoda.

P. A. Stuart.

# NGQIБITHI.

Emakhasini amane kuleli ibuku :
27, 47, 81, 132,
kuthiwe *baqa baqa* imiбuzo. Lemibuzo phela ngefaniselwa ukucija aбantwana, бaqaphelisise amaxoxo aбawafunda lapha.

Angathi aбantwana бangake бakhonjiswe ukuthi naбo бangaбuzana-nje, бaphenyane, elokhu elalele oбafundisayo—enakile. Lokho kungenza ukuбa kuбe mnandi ukufunda, kuthi kusukwa lapha, kuyiwa laphayana, emaxoxweni, kuhambe ngokumonyuluka, ku-de kuthiwa *ngqiбithi-nje.*

Amanye amasu okuyibeka lendima aseyoбonwa ngaбafundisa izingane.

# AMAXOXO.

IKHASI

1. UKUVELA KWAMI ENKOSINI UTSHINGA . 1
2. MHLA NGISINDISA INKOSI, ƁEZAKUYIƁULALA . . . . . . . . . 28
3. UKULWELA KWAMI UMFAZI . . . . . 48
4. MHLA NGINUKWA YISANGOMA, INKOSI ITHI MANGIƁULAWE . . . . . . 82

# IMIFANEKISO YOKUHLOƂISA IZINDAƂA.

IKHASI

Suka lapha lomfokazana! Kanginduna yeNkosi yini! . xii

Ichalaha liyasamuka isimaku ithambo . . . . . 14

Uthinike manje Tshinga-ndini! . . . . . . 25

Hayi! Musa ukuphakamisa izwi kangaka, funa kanti ƃakhona aƃasilaleleyo noma sisehlane-nje . . 30

Kuhle sikuƃophisise sikuthi *ngqi* . . . . . 37

Umkhonto wangena kimi esicutshini sengalo wathi *buxe* 45

Ngamqukula ngamphakamisela phezulu ngamphonsa esiweni . . . . . . . . . 64

Thula uthi *du*! Unganyakazi ungathi *vu*, funa ngikugwaze . . . . . . . . . . 71

Kwathi kusa lwalufika udwendwe lwami luvela koNqaƃayembuƃe . . . . . . . . . 79

Ngasale sengivuma ngithi: "Kakuƃenguye ushevu" . 88

Isangoma saxhuma saya phezulu, saye sema phambi kweƃutho . . . . . . . . . 95

Lapho ngasengigaxe umhluhluwe wonke umzimba, sengifana nengungumbane . . . . . . . 128

## UKUVELA KWAMI ENKOSINI UTSHINGA.

ZAKE zaɓakhona izinsuku ezishisayo kwelakithi. Sithe sikhula thina maɓutho amadala, sasiphangelana ngokukhonza eNdlunkulu. Amadoda aɓevela ngakho lokho eNkosini.

Izwi elaseliɓekwe yiNkosi ɓekuhanjwa ngalo ngisho lɓuhlungu ngisho limnandi, ngoɓa phela sekukhulume "Umlomo ongathethi manga."

Ngangikhona lapho mina Sithole sinhlamvukazi sakokaQhweɓeyakhe—mina Makhomba ngomkhonto aɓanye ɓekhomba ngezinti—mina Sokwephula luɓukwayo—mina Mzungezi wendoda ingaze yalala ɓuthongo.

Yimike lowo ɓaɓa, ngingumfo kaSolwandle—wakwaZulu uBolokoqa owabolokqa umuntu ngomkhonto — uMafaniso onjengoyise uMafika — uDeda ngendlale impi kayisekho.

Nguɓaɓake lowo, ozala mina, owangiqamba igama wathi nginguWatala, ethatha ngoɓa ngizelwe eɓulele uhlanya eluthunywe yiNkosi uTshinga, ngoɓa lwase luqede izinkomo, luhlala emphalwini. Lumɓone qede lwakhuza isaga lwahloma—ɓadumelana kwaze kwahwelela. Kwagcina ngoɓa uɓaɓa alushaye ngempisela enhlafunweni lushayeke phansi—wayeluphisela umkhonto njalo, naye esefudumele. Uthe eɓuya wafika kuzelwe mina. Wayesethi igama lami kuzakuthiwa nginguWatala ngoɓa ugwaze uZatala.

Ngenziwa yinike ukuɓa ngithi unguɓaɓa wena na? Ikhona into engiyithandayo kwaɓakini—ɓahamba emthethweni — ɓayazisana — ɓangamadoda — izimpofana ɓayazazi — futhi, okuyikhona ngikuthanda kakhulu kuɓo, yinhliziyo yaɓo yokuzwela omunye uɓuhlungu njengendoda izwela umntwana wayo.

Lalelake ɓaɓa ngikuthathele ezakithi, kusaɓusa iNkosi uTshinga; kusekhona amadoda; kusakhonzwa; eɓulawa umuntu ophambanisa ukukhuluma ekuthunywe yiNkosi.

Ngikhuluma-nje ɓaningi ɓaphansi lapha, aɓaɓegwazwa yimi lo, ngiɓagwaza ngomthetho weNkosi ngoɓa ɓengahambisanga njengokukhuluma kwayo. Ngiyayazi indoda eyaɓulawa ngenxa yokuɓa kwashelela ulimi iɓika uduɓa. Ngangikhona eɓuthweni elagwaza isifunda engangizwana naso, ngenxa yokuɓa kwaphambanisa inxusa leNkosi emagamini omɓiko.

Kwakwenza okunje, kwenziwa yisimo esasakhe ngaso. Kwakungenzi ngoɓa kungekho mthetho, futhi aɓantu ɓenamaceɓo. KuTshinga ɓekujezwa kakhulu—ngisho izikhulu naɓafokazana — uma umuntu ephambanisa emseɓenzini wakomkhulu. Lokho kwenza ukuɓa kuqhame kakhulu kwaɓakithi isimo sokungaɓi namaceɓo, nokungagwingcizi, noɓuqotho ɓenhliziyo.

Kwake kwathi sixoxa indaɓa-njeneɓutholakithi, Amazembe, kwaqhamuka inceku yeNkosi yathi: Nguɓani phakathi kwenu uWatala na? Ngangenwa yinqe ngasheshe ngaphendula ngathi: Yimi uWatala. Kwangima-nje ukuthi ngoneni komkhulu.

Isithi inceku kimi : Shesha, uyafuneka, ufunwa yiNkosi !

Ngaphose ngagqiɓuka luvalo, ngoɓa ngazi ukuthi iNkosi ingeze yaxoxa ludaɓa nomfana ongangami —uma imfuna isuke imfunela icala. Namaɓutho lana akithi angiɓuka angidaɓukela, nami umzimba wathi dengelele, ngaɓona ukuthi ngiyafa namhlanje.

Ngithe ngisankemile yangikhankatha inceku yathi ngikulokothelani ukuɓambelela iNkosi lokhu yona kayilindi muntu na—yathi : Kasheshi na !

Ngathi : Ngamanga Nduna—ngisaɓuka ukuthi ngigezephi namuhla ukuɓa ngiɓizwe yiNkosi na. Ngase ngithi kleze aɓakithi, sengisuɓatha ngiɓanga khona esigodlweni—sinjenga-njeya.

Ngithe ngifiika kugqayinyanga, ngangikuthathatha engihamba ngakho, wayesethi angidlule ngiye—akhona amadoda ayemi ixukwana emathunzini.

Angiɓukisisa amadoda; yayisithi enye kimi : Uɓizwe yiNkosi mfana na ? Nguwe uWatala na ?

Ngathi : Yeɓo wena waseNdlunkulu. Yathi : Pho uhlezi-phi wonke unyaka lo ! Yoza lapha !

Ngayilandela—ngaɓona-nje ukuthi sesiya esigodlweni khona ngangingakaze ngisiɓone-nje. Isigodlo siɓiyelwe ngothango olude, esangweni kuhlezi amaɓutho akhethiwe ngoɓungwazi.

Sa singasifile singene nezikhali lapho. Sazishiya esangweni sangena. Lapho, kimi kwase kuthi du du du, ngiɓona ngizakubekana nesilo ngingazange ngibekane naso. Ingani kwakwesaɓa ngisho amaɓutho amadala ukubekana neNkosi.

Kwakwakhiwe izindlu ziseshumini esigodlweni, zizinhle zesaƃeka—zingafani nalezi zaƃantukazana. Induna eyangisa eNkosini kwaku uMfuleni. Yezwakala ngelikhulu isiƃonga iNkosi sesiqonde eNdlunkulu. Kwakungumthetho omkhulu ukuƃa izinceku ziƃonge amakhosi uma ziya eNdlunkulu. Sithe si-njeya, sema saphakamisa izandla sakhuleka sathi: Bayede! Wena waseNdlunkulu! Sasesigaqa phansike, sesibeke ukuƃa iNkosi ithi masingene. UMfuleni lo ugaqa phambi kwami njengomthetho wakhona.

Sithe sethuka kwakuphuma induna enkulu isimemeza omunye. Wayesegijima efika egaqa engena. Phela ƃaƃuthene phandle lapha, izikhulu zikhona emashumini amaƃili eziƃiziwe. Zingena ngazinye eNkosini. Ezinye ziyaphuma seziqedile ukukhuluma neNkosi; ezinye ziphuma sekuthiwe maziyoƃulawa, sezizihola-nje, kodwanake kumnandi ezinhliziyweni ngoƃa igama liphume eNkosini yezwe—umlomo ongathethi manga.

Ngisemi ƃelu mina. Lingiyile elokuthi kazi mina ngiƃizelwani. Ngema ngema, ngithe ngizwa induna yayithi: Watala, ngena! Ngethuka kwathi mangishayeke pahnsi, ngagaqa, ngakhuleka, ngangena. Ngingeze ngakulanda okwakusenhliziyweni lapho, ngoƃa ngangingasezwa lutho—sengiveva-nje. Ngingene umlilo uthi loko-loko ngingaƃoni kahle. Kuthe ukuƃa kuthi qaƃu, ngaƃona ukuthi kanti iNkosi ihlezi namadoda.

INkosi yayithe-nje klwi, inhle yesaƃeka. Kwakuseyinsizwa, kephake ngingeqonde ukuthi yayiƃutho lini. Yayinomzimba-nje, yesaƃeka.

Yayiluhlaza ithe cwe. Isicoco sayo sasicwazimula sixhopha amehlo, sifanelana nekhanda le-Nkosi. Umuntu wayekhangwa uбoya бububuzela esifuбeni, kanye nezinkonyane lapha ezingalweni. Wayengantuleki ukuthi unamandla kwasangonyama.

Emzimbeni kwakungumutsha kuphela. Isinene sasenziwe ngezinjoбo eziphothwe ngoбunono, kucweбezela uбoya бezinkaбi—eбesekuбa yibeshu elimбala unjengowesinene. Yayithi ihlezi embukwini izinjoбo ziбe zithe bu phansi. Amehlo, баба, ngiyakutshela ayengabekeki. Ayeбonakala ukuthi ngamehlo omuntu ohlakaniphile odlula бonke aбantu. Uбethi uma ethi ukuwaphonsa kokunye afane namalangabi, kokunye aбeluhlaza cwe, kokunye aбeбomvu njengegazi. Iбithi lapha iwaphonsa ngakimi kuthi angishone phansi.

Ngiyiбona ikhuluma neбandla-njeke, cha, yeneme i-de ithi ukumamatheka, neбandla eбeselimamatheka nalo. Ngithi ngenhliziyo: Hawu! Amathongo akwethu koSoklazu angaбe esaбanami, kuthi uma isikhuluma nami yenze-nje.

Ngathula ngalalela. Ngithe ngizwa iNkosi yayisithi enduneni, uMagamu: Uthi kampe kungalunga ukuбa udaбa olungaka luбekwe kumfana ongaka na? Ngiyezwa phela ukuthi unamandla, futhi ulula ekuhambeni, kephake hawu, Magama!

Ithe iNkosi ikusho lokho yayisithi kleze ngakimi. Ngasengisola mina sengathi yimi lo okukhulunywa ngami. Lokho kwafikisa isiбindi kimi ngamazwi engiwezwe ekhishwa yiNkosi.

Ngithe ngizwa wayesephendula uMagamu ethi:

Yebo, Ngonyama, ngiyamasiza lowo mfana—ngazisa inhliziyo kayise uSolwandle owaze wafa enamathele eNdlunkulu, izindaba zakoMkhulu eziphatha ngesizotha nangobudoda. Nayeke lomfana unayo leyo nhliziyo yobudoda, uWatala lo.

Ngincoma yena-nje ngoba, Ngonyama, loluudaba lufuna umuntu ozakubalula ekuhambeni. Unjaloke umfo kaSoklazu lo.

Kwasekuthi damu lapho kimi ukuthi ha-be, kanti kukhulunywa ngami impela na! Ukhona umsebenzi weNkosi engizakuwunikwa!

Ngayizwa iNkosi isithi kuMagamu: Cha, ngiyezwa.

Ngithe ngibona yayisingiqhweba ngomkhonto eyayiwuphethe—ngagaqa ngasondela ngakhuleka.

Yathi kimi: Beka mfana kaSolwandle, ngikuthuma udaba olukhulu, le enduneni ephethe Amacwele. Kuhanjwa izinsuku eziyisithupha kuyiwa. Ngikhetha wena-nje ngoba ulula ekuhambeni.

Kwathi lapha ngithi ngiphakamisa isandla ngiyakhuleka, ngayibona isihwaqa, amehlo aklwela abomvu, yapkhakamisa izwi yathi: Yindaba enkulu le mfana, unaso isifuba na?

Ngathi mina: Nkosi, ngiyinja yeNkosi, amazwi eNkosi ngingehambe ngiwakhonkotha.

Yangibuka yathi njo, ithe ithatha yayithi: Cha mfana, sengathi uyindoda. Kephake ngithi uyakube uzibulele wena uma lokhu ukukhuluma sengikuzwa kubantu. Yalisho lelo isifutheka, ishaya phansi ngomunwe.

Ngakhuleka.

Yathathake yathi : Ngikuthuma le koMasimini, induna ephethe Amacwele. Ngithi hamba uyekumtshela ukuthi ngizwile ukuthi kuza udwendwe kuye, nokuthi uzakwendelwa yintombi ezedlula zonke izintombi zamaCwele. Ngithike hamba umtshele ukuthi kayiɓophe ngosinga inhliziyo, ayidedele intombi leyo izogana lapha kimi. Ngiyifuna lapha ngayo le nyanga ephezulu.

Lamazwi yawasho ngokufutheka impela. Ngalalela.

Yathi : Beka, udwendwe luyakufika koMasimini ngomhlomunye. Ngifuna ukuɓa luyafika wena usufikile. Kuyakuɓanjalo na ?

Ngathi mina : Nkosi kuyiɓanga, kepha uma kusho iZulu eliphezulu, nguɓani ongaɓuye athini na.

Ngezwa sekuɓila igazi lami lapho, ɓaɓa, ngiɓona ngethenjwa yiNkosi yezwe, ngakuɓona koMasimini sekukhona lapha enqulwini. Ngasengithi : Nkosi ngisacela, ukuthi uma limahlula uMasimini lelizwi leNkosi ngiyakumenzenjani.

Yathi : Uyakumtshela uMasimini ukuthi wena ungumlomo weNkosi uTshinga. Uyakuzazela yena.

Ngagaqa lapho ngaphuma, ɓaɓa. Ngiyaphuma ngiɓonga iNkosi, ngoɓa ngasengizazi iziɓongo zayo. Ngasuka ngaphoseka elawini kwami—ngathi ukudlayidla—akwangena—ngadumela umdlelo wami onkone—ngethula isakaɓuli lami, ngaphosa imiklezo yami yamashoɓa—ngadumela impiselo yami

ngayiphosa ngapha, nga ngiƃamba imikhonto yami ngapha. Ngezwa uvalwana oluncane luthi kepekepe. Kwafika injana yami engayiphiwa umkhwenyana wethu—ngathi : Hayisuke ! Ngaphuma ngathi ta-ta-ta-ta-ta-ta-ta. Ngathi ukubeka ilanga. Ngahlangana nentanga yethu, yangiƃingelela. Ngathi ngekhanda, ngadlula, ngathi thwayi thwayi thwayi—ladlala isakaƃuli lami ekhanda, lapho sengi ngangezinyathi.

Ngithe ngithi phaqa ngaphandle komuzi, ngathatha ngejuƃane. Kwakude-kude.

Kuhle ngikulinganisele ukuthi leyo ndawo yayingakanani—ƃekuƃa usuka eMalazibogwe uliƃangise le eNyukhasela.

Ngihamba-nje ngithi : He ! kazi uMasimini uyakuthini ngalendaƃa—kuƃuye kufike umcaƃango wokuthi mhlawumbe iNkosi kayiqonde ntombi, iqonde ukuhlola uMasimini ukuthi ukhonzile yini kanye naMacwele na. Ngoƃa phela iƃikwenza lokho iNkosi ukuƃa ikihlole ukuthi aƃantu ƃasekuthini ƃasakhonzile-nje na ? Ngicaƃanga lelinjeke ngiƃuka ukuthi khathisimbe uma uMasimini eye wayethula intombi eNkosini, iyobodla iNkosi, iƃuye imnike yona kanye nezinkomo.

Ngihambe ngahamba, kuthe seliyakushona, ngafika enhlukanweni yezindlela, enye idunduƃala ezintaƃeni, enye idaƃula emahlathini amnyama anezilo nezindlondlo—iyanquma leyo. Ngangena ngayo le edaƃula emahlathini, ngenyusa umhosha, ngaye ngaduncluƃala emfothongwaneni, ngahlaƃa ikhefu ngahlala phezu kwetshe.

Ngiqale ngezwa izikhova-nje zikhala, ngasengizwa umzimba uthi ukushaqa—ngesuka. Ngithe ngizwa, бaбa, kwakuduma amahlathi khona ngaphambilana kwami—kwathi angishayeke phansi—ngajuluka. Ngathi ukuhamba-hamba, ngamбona ufeleбa—ulele phansi komuthi eduze kwendlela. Cha, бaбa, kakufikanga ukuthi angiбaleke, nayo ingonyama kayethukanga. Yangiбuka-nje, ngadlula. Lapho sekuphelele impela ukuhlwa.

Kwathi ukuбa ngikhuphukele kwelingenhla ihlathi ngezwa kukhuza unoha, ngathi ukwehlayehla kwakhonya ingwe esixeni. Lapho igazi laselishisa njengomlilo, kepha konke lokhu okungethusayo, namakhwelo ezindlondlo zethuka, mina angikunakile—ngicaбanga udaбa lweNkosi kuphela.

Kwathi kuthi juqu ukusa, nga ngiwaqedile amahlathi sengikhuphuka ezinkalweni. Angizwa kukhathala, angizwa ndlala.

Kuthe emini selithe mpo, nga ngidunduбala. Ngithe ngiphosa amehlo ezansi ngakhangwa yinxuluma elikhulu, kanti sekukoMasimini—ethafanini-nje elihle.

Manjeke sengi-de ngifica aбantu, бavunule, бaбange khona koMasimini odwendweni—izinsizwa nezintombi.

Lapho ngasengimnyama, sengimanaphanapha zithukuthuku nanguthuli. Kodwa ngangihambela phezulu ngiza ngezigi-nje impela.

Zangiбingelela izinsizwa — ngavuma kangaze ngema kodwa. Ngiyezwa izintombi seziqhumuka

zihleka, ngoɓa phela nakhu ngimanuphana. Kwasuka enye insizwa yesese kade iphuza yathi: Mina lomfokazana kuwazi yini umfula lapha ungakhona—hamba ugeze! Ngathi ukuyiɓuka ngamehlo yabeka phansi, ngadlula.

Ngaqonda esangweni ngangenisana naɓo ɓonke. Ngithe ngingena-nje ngakhangwa amaviyo aɓantu sekuzinkumbi. Ngathi ukuphendukisa amehlo, ngaɓona amadoda eza—kanti sekunguye uMasimini, uza neɓandla lakwakhe.

Ngema ngaphakamisa izwi kakhulu ngathi: Sikhulekile Nduna yaMacwele! Iyakhuleka inkonyane kaSolwandle!

Izwi lami laye lezwakala ekudeni. Kwathula ɓonke aɓantu ɓangibeka, naye uMasimini wangiɓona. Ngawaphonsa yonke indawo amehlo, ngafike ngawemisa kuyo induna.

Ngithe ngizwa uMasimini wayeseɓiza induna yakwakhe, uMlenzana, wathi: Hamba nalomfo uyekumsikela inyama adle, umphuzise notshwala. Wayesephenduka ebeka kimi uMasimini esethi: Uliqhamukisa-phi na?

Yena wayecaɓanga ukuthi ngingowakhona kuɓo, wethuka lapha mina sengithi: Wo! Nduna, ngiliqhamukisa le eNkosini uTshinga—ingithume kuwe nodaɓa.

Wayesethi ukuxwaya uMasimini, esehosha izwi ethi: Ngiyezwake wena wakoMkhulu, kepha ake ngiqede lomseɓenzi wodwendwe lwami—ngizweke.

Uyaphenduka usethi kwaɓakuɓo: Hambani sihambe.

Ngathukuthela ngafa, бaбa, umuntu enze-nje, engiphatha kalulana kangaka ngithunywe yiNkosi. Ngithe ngithi, бase бeyoshona le aбantu. Ngaбona ukuthi uMasimini lo wenze-nje-nje ungiбona ngizintulana.

Ngasengiбanga emfuleni ngiyogeza. Ngenzela phela ukuбa ngiбencwaбa ngiбenesithunzi. Ngafika qede emfuleni, ngathi ukwesula umdlelo wami ngamanzi—ngaphaqula isakaбuli kanye nemiklezo—ngayiphatha inkomo yakwethu enkone ngezandla zimanzi, ngathi ukuphulula isinene sami. Nginele ngageza ngavunula, ngakhuphuka manje ngaбanga khona odwendweni kuMasimini. Ngithe ngiqhamuka kuбo, ngaбuyisela imikhonto ngapha, ngagqiбula impiselo ngapha.

Ngayengangena esigcawini, бehambe бehembuka ngidlula, бephakamisa izandla бengiбingelela. Ngezwa aбaбengazi бehleбelana ngami бethi: Ngumfo kaSolwandle lo, oyiZembe, uphethe izindaбa zakoMkhulu. Laphoke, бaбa, imisipha yami yayisiqine yonke—ngiseyimi, ngingakaбi-nje; ngisemkhulu ngingumbudla—ngisho ngesihluthu sami—ngintamo ngaka.

Uhele lwamadoda ayemi ngaphambili lwangidedela ngaye ngema phambili kwakhe uMasimini. Uhlezi phansi uMasimini, kanye nentombi engumakoti wakhe.

Awu! бaбa! бala muhle umntanomuntu—uyesaбeka! Uluhlazakazi-njena, uthe klwi—usho ngesitshako sakhe—amehlo ziбakaбaka-nje; imashiya amnyama athe buqe—ihleka qede kuthi faca

ezihlathini, kuvele amazinyo athe hu. Impela ilingene lona iZulu eliphezulu.

Amaɓutho ayagiya manje, ayaɓongana—ngiswele isu lokuthi ngizongena ngenze njani nokukhuluma kweNkosi.

Kuthe lapha kugcina inziswa ukusina, ngasengiphosekile ngakhuza ngaye ngema laphaya. Kwahaza yonke indawo, ngoɓa ngeqa emakhanda aɓantu ngayengagxumekeka phambili.

Ngokuphela kokungikha kwaɓo, ɓaseɓezile aɓantu ɓehlome imikhonto sengizoɓulawa nakhu ngoɓa angaziwa. Ngashikisha phansi ngahleka okudala, ngakhumbula kithi eMazembeni. Zaɓakhuza izinduna ɓaphindela emuva.

Kuthe sekuthe nya, ngasho kakhulu ngathi : E ! wena kaSomizi ! Nani Macwele ! Liyaniɓingelela iNxusa leNgonyama yakoMkhulu ! Ɓavuma kwaduma phansi, ɓaɓa, ɓathi : Siyavuma Nduna yeNkosi ! Ngaɓona lapho ukuthi seɓethambile manje.

Ngathatha—ngathi : Ehene, wena kaSomizi, ngifika-nje nami ngiyathokoza ngifika isizwe saMacwele siɓuthene lapha kuwe, sizosina. Lavuma iɓandla.

Ngathi : Kuhle kumhlophe nakumntwana lo oseceleni kwakho, ozokwenda lapha kuwe—kephake ngithi wo ! umuntu omi kahle kahle ngoqoɓo, nina ɓakwethu, ngozikhonzeleyo eNkosini yezwe, ithi noma imɓuka izwe ithokoza—sonke sikhonze kuyo iNkosi uTshinga.

Nginele ngathinta igama leNkosi-nje, ɓalenancla

yonke indawo, kwaze kwakloloɓa iziwa ezikude le. Lapho ɓaseɓesondela ɓonke aɓantu, seɓekhuza aɓadakiwe aɓanomsindo. Wayesesukuma ema naye uMasimini.

Intombi manje ngithe ngiyiɓona yayingasahleki. Yathula du, yade ithi kleze uMasimini, iɓuye ithi kleze mina, isingenwe luvalo.

Ngathi : Ningiɓona-nje, ngiphuma eNdlunkulu, ngiphethe indaɓa yakoMkhulu—ngizalwa ngu-Solwandle mina, owayeyisilomo seNkosi yakwa-Zulu, intanga yami yiɓutho laMazembe.


Ngithike : Liyaniɓingelela iZulu eliphezulu—lithi liyizwile indaɓa yalolu udwendwe lwakho Nduna—lizwile nokuthi uganwa yintombi enhle. Lithike cha, kwakuvele ichalaha lisemuka isimaku ithambo—thatha usinga uɓophe inhliziyo, intombi le uyethule, igane iNkosi yakho. Ngifuna ukuɓa intombi ifike lapha eNdlunkulu ingakafi lenyanga.

Ngagcina lapho, ngezwa ɓeɓaɓaza yonke indawo ɓethi : He-lele ! Nanso ɓala iNgonyama. UMasimini wagqolozela phansi njalo, walokhu ecumbacumbaza iminwe, eguguda amazinyo eqhwayaqhwaya phansi ngoqukulu, sekuqhanse imithambo eɓusweni.

Intombi yathi ukuhwaqa, yagoloza amehlo, yangithi kleze, yaɓuka uMasimini, yathi ukufaka ucikicane emlonyeni, yahlengezela izinyembezi, yaɓiɓitheka.

Kuthe kusathule kuthe *nya*, sasesisukile isidakwana somfokazana wakhona, sakhokha umkhonto seza kimi. Sithe sifika sasithi singijuqa amathu-

mbu, ngase ngisiphethe—ngasithi *dlikidliki* ngambu, silahla phansi, ngathi: Udakelwa kimi! Vuka usuduke lapha! Ngikubudla ngomkhonto kukho lokhu! Ngasengimkhapha wayewathi *folokohlo* laphaya. Ngezwa iƃandla lijaƃula ukuthi ngimkhapha kahle.




Ichalaha liyasamuka isimaku ithambo.

Kwase kusuka yena uMasimini esethi: "Wo, yeƃo Nduna yaseNdlunkulu, lamazwi eNkosi ngiyawezwa, afana nomkhonto usungene kumuntu

kepha engenamandla okuwukhumula. Nami lomkhonto ungigwaza-nje, ngithi kuhle ngoɓa ngumkhonto woMlomo ongathethi manga. Ngingeze ngasho lutho."

Kaligwinyanga lelo uMasimini, yasuka intombi yaye yaguqa phambi kwakhe yathi: "Hawu! Hawu! Hawu! Ungeze washo lutho na? Ngingashiya wena ngiyogana kwenye indawo na? Ngifunga aɓanewethu, ngingahle ngife, ngaɓe iNkosi leyo kayiganwa yimi." Yakliwula intombi yathwala izandla ekhanda. Wayesethi ukuyiɓamba esihlakaleni uMasimini, esethi ukuhleɓahleɓa nayo, eseɓuye ephakamisa izwi ethi: "Uyaɓona sikhonzile eNkosini mntanomuntu; ngithi mina kuhle uhambe ugane yona iNkosi yethu, uɓuse, uhlale kahle. Kuɓi ukuɓa sengathi sidelela iNkosi isikhulumile. Singeze sawakha uma senze njalo."

"Nani sizwe saMacwele ngithi kasiginge itshe njengokusho kwayo iNkosi. Niyamuzwa okaSolwandle uthi iNkosi ithe ichalaha liyasemuka isimaku. Minake ngiyisimaku, iNkosi yichalaha."

"Hamba kahle Somahle, hamba uyosikhonzela eNkosini." Yasuka lapho intombi kwangathi isiyahlanya, yazindindonya isifuɓa yathi: "Ngingafa khona manje, angisoze ngayigana iNkosi mina."

UMasimini wayesethi amaɓutho mawahuɓe ihuɓo elikhulu leNkosi uTshinga. Alihuɓa amaɓutho kwaɓanga umunyu nakimi, lapho uMasimini ememeza ethi: "Soze sife sikhonzile eNkosini!"

Ngokukhawuka kwehuɓo, wayesethi uMasimini makusuke iɓutho lezinsizwa, amashumi ayisihlanu, liphelekezele intombi yeNkosi liyise kuyo, kanye

namantombazane amaБili azakuyipheleka. Wathi makusukwe khona manjalo kuhanjwe kuyiwe eNkosini. Zasukuma izinsizwa zathatha izikhali, aqhamuka amantombazana amaБili ema nazo eduze kwayo intombi.

Usesuka uMasimini ekhuluma eqondisa kimi ethi: "Nduna yakoMkhulu! Ngithi nampoke aБantu aБazakuhamba nawe Бase intombi yeNkosi eNdlunkulu. Uyakungikhonzela eNkosini, uthi uyaБonga okaManzini, inja yakho. Uthi yeБo, noma iNkosi imaphuce emlonyeni-nje, uvuma lona eleNkosi lokuthi ichalaha liyaБosephuca isimaku. Namike ngiyethula eNgonyameni yezwe ngithi Ngonyama! wena ongangezintaБa!"

Wayesephenduka uMasimini ebeka entombini washo lalinye-nje wathi: "Inkonzo enhle Somahle!"

Kwayilokhu inikina ikhanda intombazana yasuka yaphakamisa izandla yathi: "Funani omunye ayogana lapho eNkosini yenu, uSomahle ningemБone eyakugana lapho, ngifunga aБanewethu."

Ngezwa sengifudumala lapho БaБa, intombi igoma ifunga yala iNkosi, ngaxhuma ngaye ngema kuyo ngayithi dlakathisi ngathi: "Uthini! Uyazi ukuthi ufunwa yiNkosi! Uyazi ukuthi wehlelwe yiZulu! Ufanele ukuБa uziБuke uzazi ukuthi wazala uyihlo!"

Ngayithuma ukuБa yephule uhleko yathi: "YeБuya tate, kwakwehlela ntombi yakwaMpanza! Ngoke ngiБone ukugana umuntu ngingathandi. Sheshanike sihambe siye kuye, niyakungiБuza nithi ngasho!"

Ithe isuka yayisho impompoloza, isihlaбelela igama; ngoбa phela yayiligagu lentombi. Izinhlamvu zegamu layo zazithi :

"Weyiya! Weyiya! Weyiya, Ntombikaбaбa!
Zendel' eNkosini, Ntombikaбaбa!
Weyiya, weMбuso, Nkosi yohlanga!
Kwehla kalukhuni, Nkosi yohlanga!
Qatha langima, weбuya dade, Wo! eyaya! eya!"

Kwathi lapha isithi : "Eya!" zayivumela izintombi, kwachwaza yonke indawo, nazo seizkhala. Lavuthwa impela igama lezintombi, izwakala yona ithe mpo phezulu, ithi : "Kwehla kalukhuni, Nkosi yohlanga—Qatha langima, webuya . . ."

Lathi liphela igama lelo, sasivalelisa sisuka sesiphindela emuva. Inhliziyo yami lapho, бaбa, yayisijaбule kakhulu, sengiwufezile impela umseбenzi weNkosi, sengiza nayo intombi yayo. Ngaбona ukuthi ngizakuvela impela, iNkosi iyakungikhulisa ngalendaбa.

Sahamba silala sivuka бaбa, kwaze kwaphela ishumi lezinsuku nezinsuku ezisihlanu. Kwaziseke kodwa ukuthi sihamba namantombazana, aбuye akhathale siwaphumuze.

Kwathi mzukwana sesiqonde khona impela ekhaya koMkhulu, sesikuбona-nje sekunjeya, ngathi kuhle kesiphumule lapha emfuleni qeduбa siwele. Saphumula namбala, impi le yaбeka amahawu esikhotheni, amantombazana anqampula amahlamvu emithi asitha ngawo ilanga ngoбa laliбalele.

Ngasengiqhweбa intombi le sesithi ukuthi *qekelele*

laphaya, ngithanda ukuɓa ke ngiyikhombise ukuthi ayiqonde manje ukuthi sesiyakungena koMkhulu. Ngathi kuyo: "Uyaɓonake mama, sesifikile eNkosini. Ngithike thatha isimo manje, wazi ukuthi ungumakoti weZulu eliphezulu, uzothe uɓenesigqi esihle phambi kweNkosi."

Yathi ukumoyizela, yathi: "Zendel' eNkosini Ntombikaɓaɓa!" Yasho ithi ukungiɓuka, yaɓuyisa izinhlonze, yaɓuye yamamatheka. Ngathi mina kuyo: "Chaɓo, yeka ukuntela wena manje, siphelile leso sikhathi, zotha! Usuyakuma phambi kweNgonyama manje."

Yathi isuka manje yayiɓalisa ngoMasimini ingitshela ukumthanda kwayo, nokuthi ijiyele kwenzenjani iphindele kuye.

Ngathi mina kuyo: "Ntombi, akewenze ngaɓomu, uyeke lokhu ukukhuluma manje, nansi iNkosi; iyakuthanda kayinteli ngalokho." Manje yathula yaphindela ekuzotheni, yathi iyawezwa amazwi ami. Ngathokoza ngathi masihambe.

Sihamba-nje manje siɓona abantu ɓaningi, ɓavunule ɓaqonde khona koMkhulu. Ngasengigolomba aɓanye, sengiɓuza ukuthi kuyiwaphi na. Sengitshelwa ngomunye ethi phela iNkosi iɓize izwe lonke ukuɓa lize odwendweni layo namuhla ngoɓa yendelwa yintombi. Nami kwathi ngicaɓanga, ngaɓaɓaza ngathi isheshe yazithola izindaba iNkosi ngoɓa nakhu kanti isiyakwazi ukuthi intombi isifikile namuhla le engihamba nayo. Ngaɓaɓaza futhi ukuthi iNkosi ayisafuni noma kushone ilanga, isifuna ukuɓa uyafika-nje umakoti usegcagca engakalali nakulala.

Kwathike sesifikile emasangweni, nagsengithi aɓeme laɓa esihamba naɓo. Ngasengikhangwa yisimame sesiphuma ngesango sikikizela, sithi: "Halala, Halala Mfokazana! Kuhle kwethu! Izitheɓe zimhlophe eNdlunkulu."

Kwasekuphuma isiqhoqho samantombazana omndlunkulu aseza kuyo intombi. Afika athi ukukhulu-khuluma nayo ekhuluma ngokuhleɓa, singezwa, ayeseyithatha eyingenisa phakathi, esethi kuhle ngingene ngiyoɓika ezincekwini ukuthi nangu umakoti weNkosi.

Zasezingena nezinsizwa lezi ezifikayo zihlala esiɓayeni zinikwa utshwala, sekuɓa uɓuhumuhumu, sezojwayelana nalezi zakoMkhulu.

Ngithe ngisuka lapho ngangiɓanga khona eNdlunkulu, ngafunyanisa induna emnyango, uSonkomo, ngathi: "Nduna ngiɓike eNkosini, sengifikile, sengifike naye umakoti weNkosi, nangu emndlunkulu."

Kuthe ukuɓa ngisho lokho kuSonkomo ngaɓona uɓuso ɓakhe ɓuthi ukuhwaqa, wayesethi: "Akume khona laphoke." Wayeseqonda khona eNdlunkulu, wathi ukuthi isikhashana, waɓuya wayesethi kangimlandele.

Ngithe ngisathi emnyango, yezwakala iNkosi yathi: "Waɓonakala Watala!" Ngathi: "Ngonyama sengiɓuyile."

Okwangenyelisa kwaɓa ngukuɓa ngiɓone iNkosi sengathi ayinciɓilikile kahle, ingani yona uɓuso ɓayo ɓuyakhanya-nje, kodwa amehlo ayo kwakusengathi kukhona okukhona. Ngakhohlwa-nje nami

ukuthi phela ngaБe yini ; ngaze ngazindla ukuthi : "Hawu ! ukhona yini ohleБele iNkosi ukuthi lentombi engifika nayo iБingavumi ukwehlukana noMasimini na—nekuthi mhlawumbe usezwile ukuthi kade isithetha khona lapha ngaphandle komuzi ngaze ngayikhuza na."

Kanti ngizindla lokhu-nje iNkosi iyangiБona ukuthi inhliziyo iyakhuluma, ngithe ngizwa yayisithi : "Unani-na, Watala, umzimba wakho wadimede wanohlevane nje—sondela wothe lapha emlilweni."

Lwangishaya uvalo lapho, БaБa, sengisola ukuthi iNkosi ingahle ibodlele kimi—ngezwa sengifudumele, ngingasasweli namlilo.

Ngakhuleka, ngasondela emlilweni. INkosi sikhuluma nje kayiyodwa, inezinceku zimbili. ZihloБile lezi izinceku, nayo iNkosi ihloБile. Ifake isidlodlo sezimpaphe zentshe, yabinca umutsha wayo wengwe uphela nezinjoБo zawo.

Ithule yathula, yayisiqhamuka ithi encekwini uNkomo : "Nkomo, phumani nime lapha phandle —angifuni ukuБa nizwe ukukhuluma kwami nalomfana."

Ngethuka lapho kwathi angiquleke, ukuthi kazi kanti ngoneni lokhu phela Бengithi indaБa ihambe kahle kangaka. Sengizakushiwa ngedwa nesilwananje ngiyakuБa yini.

Yathi : "Sondela lapha." Ngasondela. Yathi : "Thathake ukuthi uhambe kanjani ngizwe."

Ngathi ngingakathathi ngayiБona ithi ukumoyizela. Lokho kumoyizela kweNkosi kwanginika

isiбindi sokukhuluma ngoбa, ngiyaqinisa impela бaбa, ukuбa kayimoyizelanga, angazi ukuthi laliyakuphuma izwi ngoбa ngasengifile luvalo.

Hayike, ngathatha ngathatha ngathatha, ngayiбona isichachile impela eбusweni. Ngithe ngiбona yayisifiphele futhi, kodwa ngaqhuбa-nje ngaze ngaqeda.

Yayisithatha isithi : "Uyaбonake Watala, wenze kahle kakhulu ngalomsemбenzi—sengiyakukhulisa namhla-nje, ngikuбeka induna yamaбutho."

Ngasho kakhulu ngathi : "Ngonyama yako-Mkhulu !"

Yayisithi : "Hawu, Watala, yini le engiyizwile, sengathi lentombi iyakhala ikhalela uMsimini phezu koбa ifunwa yimi ngiliZulu eliphezulu na ?"

Ngathi mina : "O Nkosi бekungeyikho ukwala —iбingala ifunwa nguwe Ngonyama ithini na? Iбiyenza ukuvalelisa-nje Nkosi, ukuбa nalapha isuka ekhaya iyokwenda iyaбokhala ithi mihli ingani iyathanda ukuyokwenda."

Isiбuzake iNkosi ukuthi lelizwe elingaka ngilihambe kanjani masisha kangaka na. Ngaphendula ngathi mina kwenze ngoбa negazi lami бelinciбilikile ngithunywa yiNkosi yami, futhi ngazi ukuthi iNkosi iyayithanda lentombi. Yayisithi : "Suka akungiyeke ngentombi, qhuбa futhi ukuthi yini enye ekwenze ukuбa usheshe kangaka."

Ngasengithi : "Nkosi, kayikho into engashiwo yiNkosi idlule ingenzeki." Leloke kwangathi yilo alithanda kakhulu waze wathi ake ngiliphinde alizwe futhi, бala ngaliphinda.

Isithike iбisithukuthele ngamazwi ewezwileyo okuthi intombi iza-nje kayifuni. Iбizakuthanda ukuzwa kuyo intombi ukuthi nguбani yena lowo ethi iza kuye iбihamba ikhononda na. Yathi sengiphenduleke kodwa, ngawathela amanzi kulokho kuthukuthela kwayo. Nami ngaбonga lapho.

INkosi ngithe ngiyiбona amehlo ayeseбomvu sekungathi kukhona ekucaбangayo okyuithukuthelisayo. Kanti бala kukhona—isacaбanga ngayo lendaбa yentombazana ethi iza kuyo iбe ihamba ikhala ukuthi igila mhlolo muni.

Ithi: "Beka Watala, бesengiqonde ukuyenza kaбi lentombi khona lapha. Iбilingenwe ngukufa ngalokhu ukwenza kwayo. Iбizakugwazwa nguwe khona lapha phambi kwami, ukuze kungaphindi lokho."

Ngathi mina: "Yeбo Ngonyama, okushiwo yiNkosi kuyalalelwa, noma kambe ukugwaza lomntanomuntu ngesami isandla бekungafana nokuzigwaza mina. Sengiбonga khona ukuбa iNkosi isibodlile kulokho—sengathi kunganjalo Mlomo ongathethi manga."

Kwasekuбizwa inceku uNkomo sekuthiwa kayoyiбiza intombi ikifike lapha izoбonwa yiNkosi. Washesha uNkomo wayiбiza. Yafika khona e-Ndlunkulu.

Yathi ukuyibeka iNkosi yayiбingelela. Yavuma intombi. Yathi: "Nguwe uSomahle oбuwendela kuMasimini induna yaMacwele na?" Yathi: "Yeбo!" ngolukhulu ulaka iбuyisa izinhlonze. Qha, iNkosi yamoyizela-nje, yayisithi: "Hayike, ngiyathokoza mntwana ngoбa ngikufumana unje-

ngalokhu ngezwa ukuthi uyaɓukeka—namanje kunjalo. Kuhleke uma nawe uzoɓa ngumNdlunkulu wami lapha."

INkosi yathi isakhuluma kwasekusuka yona intombazana isithi: "Wo, qha Nkosi, ngangingazi ukuthi ngingaze ngikhiwe yiNkosi yezwe; iNkosi make ingivumele ngiyichwayele igama lokuyithokozisa." Isho njalo njalo ihwaqile eɓusweni intombi, ngiyakhohlwa-nje ukuthi iqonde ukwenzani. Cha, ihle ithambe-nje iNkosi ivume.

Yasuka njengohlanya intombi yema yathi chwi phambi kwethu, ngoɓa phela kwakuyimi nayo iNkosi lapho kuphela. Ngithe ngithi ngizakuyikhuza ukuɓa ingameli iNkosi, yayisiyaluza endlini ithe *mpo* ngephimbo layo, ihaya lona leliya eyalihaya mzuku siphuma koMasimini elithi:—

"Weyiya! Weyiya! Ntombikaɓaɓa!
Zendel' eNkosini, Ntombikaɓaɓa!
Weyiya, weMɓuso, Nkosi yohlanga!
Kwehla kalukhuni, Nkosi yohlanga
Q̰atha langima, weɓuya dade, Wo! eya! eya!"

Lapho ɓaɓa, kwasekuthi angiyithathe ngiyijukujele phandle ngoɓa yayihlaɓelela-nje, kungekho nasigqi, kululana-nje, futhi ize iyokwengama iNkosi-nje kaɓi, kungathi kukhona ekuqondile. Kanti ɓala, ɓaɓa, ngiyakutshela, angizose ngakhohlwa, ngofa ngiye kwamhlaɓa.

Isilokhu iphinda-phinda izinhlamvu ezithi: "Kwehla kalukhuni, Nkosi yohlanga, Q̰atha langima, weɓuya dade." Iyaqalaza manje, iqalaza

yonke indlu. Siyakhohlwa-nje ukuthi ilahlekelwe yini endlini yeNkosi. NeNkosi manje ingaƃisayibeka, ngiƃone ukuthi isinengiwe.

Yasuka intombi yayeyema phambi kwayo impela iNkosi, ngithe ngithi ngiyayisukela, ngithi sengiyikhapha ngoƃa nami sengithukuthele ukuthi yini lokhu ekwenzayo—igila mhlolo muni phambi kweNgonyama yomhlaƃathi—wewu, yayisiwuhlwithile umkhonto eNkosini ngifunga uSolwandle.

Yawuhlwitha qede, ngathi iyawufaka eNkosini, ngaƃona iNkosi ithula ithi *du*, ingacwayizi. Yayiƃuka-nje.


Yathi intombi : "He! He! He! angishongo yini ngathi kuyakwehla kalukhuni—sengifikile phela mina, Somahle, ngizogana phela. Ungasukumanje! Unga uliƃuka-nje uyaligcina, ngifunga uƃaƃa!"

Yaphenduka yabeka ngakimi, nami sengikhwashaƃele ngikhala izinyembezi ukuthi kuzakwenzeka amanyala phambi kwami ngingedwa—kazi ngiyakuƃika ngithini ezinduneni.

Yathi : "Beka lenjana eyayihamba ikhephukhephuza ingilandile ingilandele lokhu, ngikuhubuza ngomkhonto khona manje, thula unganyakazi, wafa!"

INkosi lapho isiveva-nje, sekuƃonakala ukuthi nayo isingenwe luvalo lokuthi intombazana zakuyigwaza.

Sithe sisathule, sibeke lokho, yaxhuma intombazana yaxhumisa okohlanya, yayisiwufakile umkhonto—iwufaka kuyo lapha ezingazini—yaze yazigwaza amanxeƃa amathathu.



Uthinike manje Tshinga-ndini!

Yashayeka phansi yangumthwadlana, isadikiza kodwa.

Kwasekusukuma iNkosi, nami sengisukuma.

Yayisithi ukuqaбuka intombi, yathi: "Ningalokothi ningithinte." Yathi: "Wo! He! Masimu, ngifa-nje, ngifela wena. Amandla бenginawo okuyiбulala lenja, kodwa kukhulu eбekuyakukwehlela. Ngifa ka-nje ke-nje, Masimu, ngifela wena, ngifela wena Cwele, ngifa ngenxa———."

Kaliбange lisaphuma, бaбa, elokugcina izwi, yaбe iyagqiбuka njalo intombi.

Kwaбa yikhona kuthi damu eNkosini, kwayilapho isiбonakala nokuthi yiNkosi. Iyathatha

isithi : Hawu! Yeka isiphukuphuku sohlanya siyinsumo! Isimemeza iNkosi ithi : Ye-Nkomo! Ye-Nkomo! 'fika lapha.

Usethi ukuvela emnyango uNkomo, useƃuza ethi : YiNkosi le eƃingiƃiza na? Sekuphendula yona iNkosi ithi : Yimi, shesha uze lapha : Lwenziwa yini lolu uhlanya lwentombi ukuzoziƃulalela phambi kwami na? Thathani isidumbu lesi khona manje nisiphose ezimpisini, kugezwe lomhlola masinya.

Uthe lapha ethi uyasuka uNkomo, yayisithi iNkosi : Akuƃekahle Nkomo kengizwe : Seluphi udwendwe manje? Seƃeƃuthene yini aƃantu khona? Sekuyimi esengiƃambelele umloƃokazi na?

Usevuma uNkomo ethi konke sekulungile. Usho njalo-njalo ulwa nesidumbu lesi sentombi, uyasiphakamisa, usihudula usiƃangise ngasemnyango.

Uthe ethi phaqa naso emnyango, yayisibeka kimi iNkosi, uƃuso ƃayo ƃumamatheka, yathi kimi : Woza, Watala, hamba sihambe siye odwendweni loqoƃo.

Kanti naƃala, ƃekufike enye intombi ezogcagcela yona iNkosi ngalo futhi lelo langa. Sa-siyahamba njalo, kepha umzimba wami wawulokhu uthuthumele njalo ngalento eyehle phambi kwami. INkosi yonake phela ayaze yanaka-nje, ngoƃa phela yayingakuqaƃuki ukufa komuntu.

Kodwa ngikude ukukhohlwa ƃaƃa, ngokholwa ngi-le.

## IMIБUZO.

1.—Uба wawunguWatala wawuyakwenzenjani intombi imela iNkosi ?

2.—Uthi yini eyenza ukuба uWatala angenzi lutho ?

3.—Shono uyise kaWatala, kanye neбutho likaWatala ?

4.—Yikuphi kulendaба okukhombisa ukuthi uTshinga wayaziswa, ehlonishwa ?

5.—UWatala wathola siphi isikhundla ngalomseбenzi owawenzayo ?

6.—Uyamhawukela uMasimini. Shono omhawukela ngakho ?

7.—Lalithini igama elalichwaywa yintombi ?

8.—Shono ukuthi uWatala wayehloбe kanjani mhla eya koMasimini ?

9.—"Kwaduma amahlathi." Kwasekwenze-njani lapho ekuhambeni kukaWatala ? Yini enye eyayimethusa ?

10.—Thatha amagama akaMasimini awakhuluma mhla kuhamba intombazana ?

## MHLA NGISINDISA INKOSI ƂEZAKUYIƂULALA.

NGOƂA ziningi izigemegeme zingehlela, wena ƃaƃa!

Maku-de siyezwa kukhona aƃantu aƃaƃanjwe ƃekhokhoƃa ƃehleƃa, ƃefuna isu lokuƃulala iNkosi, uTshinga. Izinduna ziyakhaliphake ngaleso sikhathi, ƃaƃa, kazidlali—indaƃa embi ziyizwa khona manje, eƃese ziyiƃika njalo eNkosini.

Kokunye ƃeziyizwa indaƃa ngoƃa izigeƃengu lezi zithi ziyalakha-nje iceƃo lazo, kanti zizakuzithela-nje ezinduneni, ngenxa yokungaqondi.

Aƃanye ƃeƃeƃanjwa ngoƃa ƃathi selicetshiwe, kusuke omunye aƃesehleƃela isifazane esigqiƃa. Pho sake sagqitshwa yini isifazane, ƃaƃa! Hawu, uyafika kwaƃanye umuntu wesifazane use *nanka nanka nanka*, naƃo seƃeqhuƃela kwaƃanye. Seƃeƃonakala nasemehlwenike ƃona ukuthi kukhona aƃakwaziyo. Sezihogela izinduna ukuthi: "Hawu! MaSiƃaniƃani! Yini na?" Use *mbo mbo mbo* uMaSiƃaniƃani.

Ehe, izigeƃengu lezi eƃeziƃanjwa zithunga iceƃo lokuƃulala iNkosi, ƃezenziwa yiƃo uƃugeƃengu ngoƃa phela nansi iNkosi kayivumi ukuƃa kuƃe khona owephula umthetho wayo—iƃithi kagwazwe lowo angaze one aƃanye. Sekuƃa ƃuhlunguke lokho ezinhliziyweni zalaƃa aƃazigeƃengu, aƃangafuni ukupanwa.

Kimi enhliziyweni, ƃaƃa, ƃekuƃa sengathi ƃanganikwa mina laƃo ƃantu, ngenxa yokuƃa ƃehlola

umhlolo wokuɓeka izandla zaɓo ezingcolile, ɓaziɓeke eNkosini yami, yezwe lonke.

Kuzawuthi ngikhona koMkhulu neɓutho engiyinduna yalo, ngihlatshwe yisiboɓo. Ikhambi ngiyalazike, ngake ngaliɓona ngisengumfana sikluba izinyoni phezulu entaɓeni eyayingenhla komuzi weNkosi. Sengiphuma ngenyusa iqele, ngingedwa *qhwaɓa*. Sengiye ngidunduɓale, sekuhwelela—ngunyezi kodwa.

Nanku umuthi lo engiwufunayo ngise ngiwuɓone ngiwumbe.

Inhliziyo isithi ake ngehle ngapha kwentaɓa ukuɓuya kwami. Sengithi ukuhlala phansi, ngikhipha ishungu ngithi ukubema-bema. Muhle unyezi, usuthe *nge*. Ngisuke ngewuke, ngingene esikhotheni esikhulu. Kukhona noqunga selwaɓa lude.

Ngise ngehle-nje ngifohloza, ngithi nga kungavuka nesixhumu ngoɓa nansi ngiyiphethe imikhonto yami. Ngihambe ngihambe, ngizwe kuthi ake ngithi ukuhlaɓa ikhefu, ngoɓa phela nakhu umzimba kawumnandi—isiboɓo ngiyasizwa singiphethe.

Ngiɓengiyezwa *humuhumu, humuhumu*. Hawu, yini leyo engathi ngaɓantu ɓayakhuluma, ɓakhulumela phansi, sengathi ɓayesaɓa. Ngiɓeke ihawu lami phansi, ngiqinise imichilo yomutsha wami, ukuɓona ukuthi qha, ngahle isuke impi lapha kulaɓa aɓantu engingazi ukuthi ɓahumuzela laphanje kwenzenjani na. Ngilithathe ihawu lami, ngikhiphe iklwa lami ngiliɓuyisela ngapha, ngisigodle ngapha isijula, ngazike ukuthi noma ɓangenzani sengiɓalungele.

Ngokuɓona ukuthi angizwa kahle ukuthi ɓakhuluma ɓathini, ngasengithi ukugaqa-gaqa ngewuka ngisondela ngakuɓo. Ayesecchacha kahle, sengiwezwa manje amazwi aɓo. Cha, ngilalele ngizwe.

Ngithe ngizwa wayethi omunye: " Mina - ɓo, Maviyo, uyaɓona-nje wethu ukuthi uma senze njalo ngeke kulunge ngoɓa zingaɓona izinduna ukuthi kukhona esikuqondileyo!" Uyahleɓa angimuzwa ukuthi nguɓani, kodwa sengimuzwile u-Maviyo, induna yaseSicelankoɓe.



Hayi! Musa ukuphakamisa izwi kangaka, funa kanti. ɓakhona aɓasilaleleyo noma sisehlane-nje.

Usephendula lona omunye, uMaviyo, uthi: "Heya! Suka Somfula, nguɓani ongahambe esiɓuza ukuthi senzani sizinduna-nje!"

A! kanti nguSomfula lona omunye, umfo lapha olufipha ɓaɓa, esake sadumelana naye esiɓayeni koMkhulu ngathi angimɓulale eshaya isithole sami ngisiqhuɓa kade ngisixoshiswa yiNkosi.

USomfula yena athi: "Cha, mina kunye engikuɓukayo—ngiɓuka ukuthi siyakuɓanjwa yiyo iNkosi, ngoɓa iyoɓona ukuthi siyayikhohlisa. Angazi ukuthi iyaye izwe ngani ukuthi umuntu uqamba amaceɓo—imɓona unyaka u-le."

Ngasengizwa uMaviyo esethi: "Musa ukungenwa luvalo loɓala ulingise isifazane—uyingane yini! Ukhona umuntu ongakhohliswayo? Angasiɓona kanjani ukuthi siyamkhohlisa? Qunga isiɓindi, simsuse impela, usehluphile."

Ngithi ngenhliziyo: "Hawu! Nguɓani-na lowo ozakususwa, osehluphile!" Sekuphunyuka umkhonto wami, ukudla kwawo uthintane nomunye, ikhale ithi *khence*. Sengizwa omunye usethi: "Yini leyo!" Usethi omunye: "Nami ngikuzwile, kodwa phela uyaɓona yindawo yamathongo le; khathisimbe akhona azokotha iɓandla lapha."

Sekuɓuye kuthatha uSomfula, uthi: "Chaɓo, leNkosi isihluphile, kayisadaɓulanga noqoɓo."

Ha! kanti kukhulunywa ngeNkosi! Hiyo le okuthiwa kayisuswe isihluphile! Ngifunga uSolwandle, ngezwa ngiveva ngukuthukuthela, kwathi angikliwule khona phakathi kwaɓo ngiɓajuqule-nje ngeklwa lami. Ngaɓuye ngathi cha, kuhle ngiyokuɓika lokhu eNkosini, isinike laɓa aɓantu—ukuthi ɓezinduna zeNkosi, ɓagile imikhuɓa.

Seɓelithungake iceɓo laɓo, ɓathi ɓayakuthatha inyanda enkulu yoqunga. Lukhonake nempela

uqunga; kade luthuthwa ngamaƃutho ezakwenza imipheme lapha emadlangaleni lapha ehlezi khona. Lenyanda ƃathi ƃoyithwala ƃagijime ƃangene eNkosini sezilele zonke izinduna phakathi koƃusuku. Kuyakuthi ƃefika eNdlunkulu, ƃakhuleke masisha, ƃathi iNkosi mayisheshe ivule umnyango, nakhu kuza impi ivela le esizweni saseZimpisini, izoƃulala iNkosi—khona kuƃo loƃu uƃusuku—mayivuke iNkosi isheshe—yafa! Mayingene lapha enyandeni yoqunga ingaƃonakali, siyithwale siyikhiphe lapha—impi iyafika kayisekho sesiyikhwezile. Ɓathike ƃayakuyithwala ƃaye ƃayiƃeke phansi nentaƃa, ƃayafika lapho ƃayayigwaza.

Ngathi ngenhliziyo kungavuka uSolwandle, khona ngikhwelwe siboƃo-nje, ngizakundiza, ngoye ngifike eNkosini ngikuƃike lokhu ukukhuluma kwalemigodoyi ethi izinduna kanti ngezindala izigeƃengu.

Yimi lowaya, senginyelela sengiƃange eNdlunkulu, ngishona ngapha kwentaƃa lapha ƃengekungizwa khona.

Ngithe lapha ngithatha unyawo-nje sengisuka, ngasengizwa uMaviyo ethi: "Kodwa kasiyikusiza lutho Somfula ngoƃa nampa aƃafowaƃo ƃalesi isikelemu oDingumuzi noDeƃesa, siyakuƃenza njani na?" Waphendula uSomfula wathi: "Luƃala lolo, siyakuthi sisuka siƃesiyogwaza ƃona liƃuswe yithi izwe leli—yindlu embi noqoƃo le, ifanele ukubuqwa ithiwe *nya.*"

Lelo langisheshisa ukuƃa ngihambe ngisheshe ngifike eNkosini. Ngasuka ngesivinini njalo ngaye ngafika esangweni leNdlunkulu. Ngifike ngafinya-

nisa induna khona, ngathi: "Nduna, ngiphangisele, ngifuna ukuɓona iNkosi." Yathi: "Hamba phela uyotshela inceku izwi ofika nalo." Ngasengiɓeka izikhali zami sengingena ngaphakathi encekwini.

Yathi inceku: "Hawu, mfo kaSolwandle, yini eɓusuku kangaka na?" Ngathi mina: "Cha ngifuna ukukhuluma neNkosi." Wathi: "Tshela mina lokho kukhuluma." Ngathi mina: "O! Qha wena wakoMkhulu, lokhu ukukhuluma ngingakutshela yona iNkosi." Ngiyenqenake ɓaɓa, ngenqena nga khathisimbe nazo izinceku lezi zihlangene nalezi izigeɓengu ezihlola ukuɓulala iNkosi.

Yayisisuka inceku ingena eNkosini ingiɓika. Iyaɓuya ithi iNkosi ithi mangoɓuya kusasa. Ngathi mina, sengiphakamisa izwi impela: "Chaɓo-ɓo, ziyimele kaɓi izindaɓa iNkosi, ngiɓike ngikhulume khona manje!" Yayisiɓuye iphindela, iyaɓuya isithi angiyilandele, kodwa ngingakhohlwa ukuthi ngiyenyelisile ngokungayitsheli udaɓa engize ngalo eNkosini. Ngathi mina ngenhliziyo: "Heya! ungisongela-nje uyakungenzani lokhu ngenduku ngingamxosha."

Ngangena ngakhuleka; ngayifunyanisa iNkosi isilele, kodwa yayisithi ukuvusa ikhanda yathi: "Ngiyakuɓona, Watala, uɓekwa yini lapha na?" Ngathi: "Nkosi ngiɓekwa ludaɓa kodwa sengathi iNkosi iɓingaluzwa iyodwa *qhwaɓa*." Yayisithi encekwini kayiphume ime phandle.

Ngawathathake amagama la engifika ngawo engiwezwe ehletshwa ngamadoda entaɓeni. INkosi yakhipha lalinye yathi: "Yimi lowo okuthiwa ngizakuthwalwa ngotshani!"

Kwathi lapha umlilo uthi *gqamu* eziko, ngibeka uɓuso ɓeNkosi ngayifumanisa isithukuthele isimehlo aɓomvu njengegazi, sekuwohloka izinyembezi.

Yathi kangisondele eduze kwayo—ngasondela. Yathi kangikhiphe isandla sami —ngasikhipha. Yayisingithi *mfi* esandleni—kuso lesi-nje—sake saɓanjwa yiNkosi yezwe-nje lesi isandla sami, ɓaɓa usiɓona-nje—sona lesi!

Yasondela impela kimi, yahleɓela eduzane yathi: "Wenze lukhulu namuhla Watala, wangivusa ngizakuɓulawa yizinja zami ngizifuyile. Ngithike, cha, Watala, qunga isiɓindi kufe wena, yikhona ngiyakuziɓamba lezi izigeɓengu."

Lwangishaya uvalo lapho, ɓaɓa, ngakhohlwa yisu, ngoɓa kwangihlwa-nje ukuthi iNkosi ithi sekuzakufa mina-nje phela sengoneni.

Yayisithi: "Beka, cima umlilo lo, mina ngizakucasha ngaphaya kwethala lamacansi; wena lala lapha emacansini ami kuthi lapha ɓefika, ukhulumele phansi, kuɓe sengathi kukhuluma mina. Kaɓasoze ɓakuɓona ukuthi uwe, ɓocaɓanga ɓathi yimi ngoɓa kakho omunye ongalala lapha. Uyakuɓayekake ɓakuthwale uvume-nje wena, ɓaye ɓakugwaze. Minake ngiyakuthuma izwi liye eɓuthweni lakini laMazembe liɓalandele liɓaɓambe liɓalethe lapha kimi."

Ngathi ngenhliziyo: "Hawu! ɓangilahlile oɓaɓamkhulu!"

INkosi ngithe ngizwa yayisithi: "Kodwake beka! Uma seɓekuɓeke phansi, ungaɓaleka nxashana uthola ithuɓa, kodwa ungalwi naɓo; ngifuna ɓafike kimi ɓephela-nje."

Lapho ngakhuleka ngathi: "Ngonyama! Naбaphansi ngofika kahle kuбo manxashana ngifele wena!"

Бala sithe sisakhuluma бaseбezwakala oMaviyo, seбekhuleka lapha ngaphandle.

Sekungena inceku enkulu uNdleleni kanye noMaviyo. Minake ngisacashile-nje, khona endlini, бasangeniswa yiyo iNkosi.

Iyaбuza iNkosi kuNdleleni ithi izwe uWatala ethi kukhona iбutho elithanda ukwedelela, yiqiniso lelo na. Aphike uNdleleni. Iбuze kuMaviyo, aphike. Iбisithi maбaphume. Kaбazi бona ukuthi ukhona omunye umuntu lapha endlini бekhuluma neNkosi-nje.

Бaphume qede, iNkosi yathi angivunule zonke izimpahla zayo. Yanginika uphaphe lwentinginono, yanginika amagwalagwala, yanginika umkhonto wayo, yanginika umutsha wayo wengwe.

Wo! бaбa! ngavunula lapho nganguye uqoбo uTshinga. Ungiбona-nje ngake ngazivunula izimpahla zeNkosi uqoбo, yaze yasho nayo yathi: "Cha, mfo kaSolwandle, seбengakukhulekela aбantu emnyameni." Ngathi: "Yeбo Ngonyama!"

Kwasekuthiwa kangilale njalo, nayo isiбuyela ngaphaya kwethala lamacansi. Sesithulake *du*, sesibeke impi leyo ezayo.

Kuthe phakathi kwamaбili, бafika. Бakhuleka lapha phandle, бathi: "Nkosi vula usheshe, wafa!" Ngavuka ngathi ukulunguza iNkosi ngaphaya kwamacansi—ngayifumana—yathi ukuhleбa yathi "Ukhumbule ungaбagwazi!" Ngasengisheshа ngi-

ya emnyango, ngasho ngasholo phansi, ngalingisa izwi leNkosi ngathi: "Ngenani." Бangena.


Laphoke sengilele sengiyinqwaбa phansi lapha. Бakhuleka, бathi: "Nkosi wafa!" Ngathi: "Ngiбulawa yini!" Бathi: "Nasi isizwe saseZimpisini sizogwaza iNkosi." Ngasengisho ngokufutheka ngithi: "Бenibeke-ni kanti, yini ukuбa ngize ngingenelwe yimpi nikhona-nje—sheshani ningiбizele iбutho lonke laMazembe lize lapha, nxe ngikhombise laбa aбafokazana ukudumela kwendlu yengwe isesixeni sayo—sheshani!" Wayesethi uMaviyo: "Nkosi, kasisekho isikhathi sokuyakuбiza iбutho, nampa! Mina ngithi iNkosi iбandla kaliyithwale liyifihle nansi inyanda yoqunga!" Ngathi: "Kuyimihlola yini kanti! aбahambi бayoбiza amaбutho ami na!" Wathi uSomfula: "Nkosi kawusenamaбutho, onke asengene empini yaseZimpisini, uqinisile uMaviyo ukuthi sengathi iNkosi singayishushumbisa бangaze бayikake."

Бase бephuma бoбaбili бeyothathisana inyanda leyo yoqunga ngoбa ngathi kaбasheshekе бathathe leyonto yokungifihla. Бathi бethi ukuphuma, ngathi ukulunguza iNkosi futhi ngakhuleka ngakhuleka ngavalelisa, nayo yavalelisa kimi.

Бaбuya nenyanda. Бayithi *dinsi* ngaseziko—kwasekokheleka umlilo sekuthi *gqamu* ilangaбi. Ngafaka ikhanda ngaphansi kwesiphuku, kaбaze бangiбona.

Бayisombulula inyanda бayendlala, bathi: "Vuka ungene etshanini Nkosi!" Ngathi: "Mi Maviyo phatha nanka amagwalagwala ami!" Ngangena etshanini—бangiбopha. Ngathi: "Бophani kahle

laƃa aƃafokazana - ƃo, nanginsinya kangaka!" Ɓathi: "Qha Nkosi, siyeke sikunsinye kakhulu, yikhona ungekubidlika."



Kuhle sikuƃophisise sikuthi *ngqi*.

Ngokuqeda kwaƃo ukungiƃopha, ƃangiqukuƫa ƃangiƃeka emahlombe. Yiƃo laƃaya, yiƃo laƃaya, ƃaƃathe ƃethi ƃayaphuma esangweni elikhulu, ƃaƃamisa ogqayinyanga, ƃathi: "Manini, siƃone lokho enikuthweleyo!" Kwakhuza uMaviyo wathi: "Mamo! uyaƃona-nje ukuthi ngoƃani laƃa! Kusiƃoni ukuthi yithi, sizinduna!" Wathi ugqayinyanga: "Cha, noma nizinduna kaniseze nadlula lapha singazi ukuthi yini!"

Kwafutheka uSomfula owayenephimbo elesaƃekayo wathi: "Kuyimihlola yini yona le! Yini le

evimbela thina sizinduna zeNkosi! Ɓekani phansi imikhontshwana le!" Ɓasho kanye-kanye ogqayinyanga kwangathi ɓatshelene, ɓathi: "Nizinduna njalo niweqelani umthetho na? Kaniyi ndawo, ningadlula sifile lapha!"

Zathamba manje izinduna, zaqala ukukhuluma ngokuncenga.

Ɓathi ogqayinyanga: "Ake niɓeke phansi umthwalo wenu ɓanumzane, kesiyoɓiza iɓandla lisiɓukise ukuthi nithweleni." Wasuka omunye ngejuɓane kwasala aɓanye. Ɓase ɓengiɓeka phansi namɓala. Lapho sekushisa, novalo selungiphethe kaɓi, sekuthi angikhalise okwengane. Sengifisanje ukuɓa kufike laɓa aɓayoɓizwa kumbe ngingakhululeka, ngisinde.

Angazi ukuthi kwenzenjani, ngoɓa ngathi ngizwa ɓaseɓemuka nami futhi seɓedlule lapho kogqayinyanga ingaɓi ɓaseɓelele yini ogqayinyanga. Ngasengiɓona ukuthi sekuya kuso isikhathi sokuɓa ngihlatshwe. Wo! Ɓaɓa! Ngihlatshwe ngingalwile mina kaɓaɓa! Ngihlatshiswe okwenkomonje. Ngaphumputha umkhonto lo weNkosi, ngawuzwa, ngethuka ingalo sengiyikhiphile ngaphandle kotshani, kwagqaɓuka izintambo ezaziɓophile, ɓawa utshani.

Kwamcasula lokho uMaviyo, wayesekhuluma ngesankahlu wathi: "Hawu! Usuwenzani phela Nkosi! Uɓuwiselani utshani loɓu!"

Nami ngashaya sengathi ngiyathukuthela—nginguTshinga phela—ngathi: "Yimihlola yini yona le—ukhuluma noɓani ngesankahlu esinje! Usukhohliwe nokukhohlwa ukuthi uyinja yami! Niwisa

niwise utshani, uƃusukhuluma kimi ngokwedelela kanje! Ngiƃekeni phansi khona manje!"

Kwasekusegazini laƃo ukulalela okushiwo yiNkosi. Nembala ƃangiƃeka phansi njengokusho kwami.

Ƃanele ƃangiƃeka-nje ngadluƃulundela ngaphuma etshanini, ƃaqhasha ƃema laphaya ƃethi ngiyaƃagwaza. Ngasukela ngejuƃane sengiƃaleka. Ƃathe ƃethi ƃayangixosha, ngathi *phecephece* emathunzini ngoƃa inyanga yayisishonile, ngaƃacashela. Ngemuka njalo ngejuƃane ngaqonda ezansi ngasendlunkulu. Ngigijima-nje ngihambe ngicaƃanga ukuthi kazi iNkosi iƃe isasithola-nje isikhathi sokuqoqa iƃutho laMazembe na.

Ngigijime ngagijima, ngithe ngethuka ngangingqwamana nomfo kaSozungeza, induna yaMazembe —kangiƃoni yena—ngimƃona nganxanye. Uthe ukuƃa aƃone ukuthi nangu umuntu, wayesememeza ethi: "Uyiliphi?" Ngathi: "Yimi ngiliZembe njengawe—ngingumfo kaSolwandle!" Wathi: "Uƃekwa yini lapha ngalesi isikhathi na?" Ngathi: "Ngiƃekwa ngukuthunywa yiNkosi." Wayesethi: "Hawu! Watala! lomkhonto owuphethe wafana noweNkosi!" Ngathi: "Yiwo!" Uyaƃuzake uthi kwenzenjani na. Ngiyamphendula mina ngithi ngingehambe ngiboƃosa isifuƃa seNkosi. Wangiyeka esehlonipha lokho kukhuluma.

Ngathi mina kuye: "Liphi iƃutho na?" Wathi: "Likhona liphelele khona lapha, licashile, libeke mina." Wayesethi ukuphakamisa umkhonto—kwathi venu lonke iƃutho livuka lapha esikhotheni, kwaƃengezela imikhonto, kwangathi kade ƃema.

Ngasuka ngaphonseka kuzo izinsizwa, ngathi ngafika mina Gqamu njengempukane—zangiɓingelela izinsizwa zakithi zathi: "Waɓonakala Gqamu njengempukane." Yasikhuphula induna senyuka nentaɓa sihamba sisondelene ukuɓa kungaphumi muntu phakathi kwethu.

Sithe siphakathi nayo intaɓa, sakhangwa yithunzana efukwini lotshani. Saya. Kanti yizo izigeɓengu lezi zombili, uMaviyo noSomfula. Saɓaɓamba, saɓaɓopha ngendola saɓahlanganisa izandla, saɓaqhuɓa.

Lonke iɓutho leli lihamba-nje kakho owaziyo ukuthi laɓa aɓantu, ɓezinduna-nje ɓoneni—yimi ngedwa engaziyo. Saɓaqhuɓa saye saɓaɓeka enkundleni yamaɓutho, salinda ukufika kweNgonyama. Kwathula kwathi *nya,* ngenxa yokuɓa phela sekuzwakala egazini kithi sonke ukuthi ɓazakufa laɓa aɓantu—kukhulu ɓakwenzile ukuɓa ɓaɓoshwe kanje.

Naɓala saɓona aɓantu seɓenyakaza, kanti seɓeyiɓonile iNkosi ukuthi isiza khona lapha enkundleni. Yeza kwadlala incele emadodeni ngoɓa engekho owaziyo ukuthi liyakuduma lithathe ɓani. Yafike yema njeya—sasho sathi: "Bayede! Wena weNdlovu! Wena weNdlovu!"

Kwasekungena iɓutho laseMzansini eɓelilokhu limi ngezansi kwethu, nalo lakhuleka.

INkosi, amehlo athe *tubu,* kakho oyibekayo; yilowo uyithi qede *klaɓe,* abeke phansi. Yeza yangena phakathi komkhumbi yathatha yathi: "Nithini! Nithi Bayede! Niyangibinqa! Ngiyi-Nkosi yini! Sengiyinja-nje! Ngingasemuntu ngi-

ngase-ni! Sengiyinto yokuɓoshwa ngotshani ngiɓe yinyandana ngithwalwe ngiyogwaziswa okomuwundlwane wenja! Ngigwazwa zinduna zami ezimbili eɓezithenjiwe zithenjwe yizwe lonke!"

Agquma lapho amadoda ethuka lomhlola oshiwo yiNkosi, kwayilapha kuzwakala ukuthi kanti kwenze njani.

Yaqhuɓa iNkosi yathi: "Nithi mina lo! lo! lo! ngingafa kanje!" Kwathula kwathi *cwaka*. Yathi: "Phendulani ngizwe! Nakhexa imilomo-nje! Nithi yimi lowo engingafa kanjalo!" Kwaduma phansi saphendula sonke sathi: "Qha! Silo!"

Yathi: "Noɓa ngiyakhuluma ngikhulumela iqhawe lami elingivusileyo laqoma ukuɓa kufe lona —ɓagwaze lona-nje!"

Lwangishaya uvalo lapha sengiɓona ukuthi kanti iNkosi iɓikuqondile impela ukuɓa ngize ngigwazwe ukuze amazwi ayo aɓenesinzima—ngaɓona ukuthi ngingase ngijeze ngoɓa nakhu ngikhona. Kwathi ngenxa yokungenwa yilolo luvalo, kwaphunyuka umkhonto lona wayo engiwuphethe washayana nomunye owawuseceleni. Kwezwakala umsindo wokushayana kwemikhonto kwathi *khencence*.

Lowo msindo wezwakala eNkosini, yaphenduka yabeka isithukuthele yathi: "Wena ɓaɓa! Ngiyakhuluma kunkeneza izinsimbi! Likhipheni lelo vambana eliwisa umkhonto lize lapha!" Kwafika isiyezi sokwethuka ngawa, ɓaɓa; yathi iNkosi: "Livuseni leli igwalana elesaɓa ukufa lize lapha sililaye."

Ngasukuma ngema, kwafika isiɓindi ngasuka

ngaya eNkosini, umkhonto lo wayo ngawubekisa kimi ukudla kwawo—ngumthetho phela ukuɓa phambi kweNkosi umkhonto ubeke kimi.

Yathi ukuɓukisisa, ngaɓona ukuthi yangiɓona—yathi ukuphefumula, yamoyizela, yanhle yesaɓeka manje, yathi: "Wo! kanti nguwe Watala, mntaka-Solwandle—nguwe engikhuluma-nje ngikhulumela wena—ngaɓe sengiyaqanda sengithe *mo*." Ngathi: "Yimi Ngonyama! Yimi Nkosi yakoMkhulu!" Yathi mangimele eduze.

Yaphenduka yabeka eɓandla yathi: "Ake nilalele nonke maɓutho! Nanguke engikhuluma-nje ngisakhulumela yena, umntakaSolwandle—ɓengithi ɓamgwazile njengoɓa kade ngisho-nje—nguye lo, yena lo, ngaɓe manje kade ngaphola."

Kwaduma phansi, iɓandla lakhuleka liɓonga lawo magama eNkosi. Yaqhuɓa: "Niyaɓonake ngithi ngiyamkhulisa okaSolwandle namuhla—uyagcina ukuɓa yinduna yamaɓutho—useyakuɓa yinceku eNdlunkulu." Kwazamazama phansi futhi liɓonga iɓandla. Yathi: "Namuhla-nje, ngimqamba igama, ngithi igama lakhe nguSokophula ngoɓa wephule mina ngizakugwazwa yizinja."

Kwathi ukuɓa ɓakhuleke futhi aɓantu yathi makuhutshwe ihuɓo lempi leɓutho lakithi Amazembe. Kwaɓangathi kuzakusuka utshani nemithi, kwaquɓuka uhlevane emzimbeni kimi.

Yayisithi iNkosi: "Sondela lapha Sokophula, ume eduze kwami." Ngathontela ngaye ngema ngapha kweNkosi, ngathi ukuthi ngemuva ingcosana ukuɓa ngingalinganisani nayo. Yathi:

"Ehe! mana nawo umkhonto wami lowo, ungibeke ngawo."

Kwasekuthiwa makusondezwe izigeбengu lezi zize lapha phambi kweNkosi. Zasondezwa. Izilevu zithe *ne* ezifuбeni, kakuvumi noma zibeke aбantu —kangikhulumi ngeNkosi.

Yathula iNkosi yaбaбuka ingasacwayizi, isithukuthele sekuveva ikhanda, yathi ukumoyizela kancane yabeka kimi, yanikina ikhanda. Yathatha: "Zinja-ndini! Zinja-ndini! Khulumani ngizwe ukuthi eningigwazela yona yini—nginiphethe kahle kangaka — nginixoshisa izinkomo — nizisu ziбomvu zi-nje-nje, ngamasi ezinkomo zami— manje nihlola lukhulu — nihlola ukungihlaбisa okwempungushe — ninyela isihlahla semvula — nithi mangishiye ukudla amaбele nina nisale niwadla —landani ngizwe!"

Wathatha uMaviyo wathi: "Nkosi, kakukho mina engizakukulanda, linye-nje, ngelokuthi iNkosi mayiбulale mina ngoбa yimi engisuse lokhu ukukhuluma, asiye lo onguSomfula." Kwasekuvela uSomfula ethi: "Ndlunkulu yeбo, uthatha-nje uMaviyo lo kasho lona lapha ethi mina anginalo icala, ngoбa lento siyihlanganise sindawonye naye uMaviyo—nami leli icala liphezu kwami."

Kwasekuthatha yona iNkosi isithi: "Kanti nenze-nje kimi-nje niyezwana!" Бaseбevuma бethi бayezwana impela, kade бezwana, nasempini бahamba kanye бaбuye kanye.

Yathi iNkosi: "Thulanike kwenele, senivumile ukuthi ninecala." Yayisiбaбuka futhi iбathi *njo* ngamehlo esaбekayo, isithi makwakhiwe umkhu-

mbi ɓakakwe. Ɓala kwathi *giminci*. Yathi maɓathukululwe; ɓathukululwa. Yathi kakuɓe yilowo anikwe umkhonto; ɓayinikwa. Yakhuluma naɓoke manje yathi: "Nithi ngoɓa niyezwana nihlangana ngami! Nifileke namuhla, nizakugwazana nodwa nifele khona lapha phambi kwami, gwazanani!"

Imizimba yaɓo yathi *dica*, ɓaɓukana-nje. Yathi iNkosi: "Kaɓagwazani-na!" Wayesethi uMaviyo: "Hawu! Somfula ngigwaze wena, mfowethu—yimi engikungenise kulendaɓa! Gwaza Somfula! Gwaza!" Waphendula uSomfula wathi: "Wouwu! Maviyo ngingeze ngakuhlaɓa mntakaɓaɓa, ngithi mina ngihlaɓa wena, wena owawuyingwazi ngaphezu kwami nasempini, unele ungigwaze, nawe uzigwaze, sifele ndawonye, Maviyo."

Isithi iNkosi: "Kanti ngithe khulumani yini! Gwazanani-ɓo!" Wasempompoloza uMaviyo esekhala ethi: "Maye ɓaɓo! Maye ɓaɓo! Nkosi sigwaze wena—kuɓuhlungu ukuɓa sigwazane singaxaɓene ngalutho." Yathi iNkosi: "Kanti kuɓuhlungu kini! Mina ɓenithi kakuɓuhulungu kimi!"

Kwasekukhala zombili izigeɓengu manje, kwayileso sathi kwesinye: "Ngigwaze wena, mfowethu!" Kakwaɓakho ogwaza omunye.

Yathukuthela manje iNkosi yathi: "Hambani nicije izigxoɓo siɓajoje—kakuhambe nina ɓutho laMadlampisi."

Ɓazikhalela manje ɓoɓaɓili kwayilowo wathi: "Ngafa ɓaɓa, ngashiya izingane zami—ngangisho thina ngithi iNkosi iyakusiɓamba! Hawu! Hawu!

Hawu! Hawu! Ngawashiya amaɓele—ngawashiya kaɓi!"

Yayisifuthekai Nkosi ithi: "Ɓaɓambeni niɓajoje!" Kwathi lapha kuthi *ngu* kuɓo, ngithe ngiɓona uSomfula wayeɓamba umkhonto wakhe ngazo zombili, wawubuxeka kuye phansi nesiɓele. Wayedindiliza phansi njalo, ɛgquma, efa.

UMaviyo waphenduka wabeka iNkosi. Wo! Angaze ngalithanda leliya liso, laliɓi kwangathi kukhona asekuqondile, ngasengithi ukusondela eNkosini, sengima eduze impela. Kanti iɓala,



Umkhonto wangena kimi esicutshini sengalo wathi *buxe*.

ngithe ngiбona wayeseciбa umkhonto waze wazimelela impela — nami ngethuka sengelula ingalo ngifihla iNkosi. Ithe ithi-nje ingalo yami phambi kweNkosi, wawubuxekeka esicuбini sengalo kimi; kanti uбuqonde eNkosini uzakuyibuxa ezingazini: Hawu, yasinda iNkosi, ngisho ukuбa ukuyithinte umkhonto—kwagcina ngakho ukuбa uhlaбe mina esicutshini sengalo. Kakwaбa lutho.

Lakhuza iбandla manje selithukuthele kwaduma yonke indawo kwathi: "Masiбajoje! Masiбajoje! Kasiбajoje! Kasiбajoje!"

Kwavela iNkosi yathi: "Qha maбutho myekeni ningaбe nisamjoja, ngisayakucaбanga enye indlela yokuthi uzakwenziwa njani lomuntu owenze-nje kimi. Muqapheleni-nje angaбaleki."

Yayisiphenduka iNkosi isibeka kimi, isingikhumula umkhonto lo olokhu ubuxekeke engalweni kimi. Ithe ithi isangikhumula kwasekumemeza iбandla lithi: "Hawu, nangu efa uMaviyo-бo!" Kanti useshaywe luvalo lwamjuqa khona laphaya emkhunjini. Wawuyafa njalo uMaviyo engaбangaze athintwe muntu.

INkosi yayisithi emaбuthweni mawahambe ahudule izigeбengu lezi ayoziphonsa esiweni.

Isiphendukake iNkosi ibeka kimi ithi: "Watala! lomkhonto wami sengikunika wona ngoбa nakhu usuphindile futhi wangisindisa sengiбulawa futhi." Lomkhonto-nje бaбa oбona ngiwuphethe wawuphathwa yiyo iNkosi uTshinga uqoбo.

Kwaбanjaloke ukusindisa kwami iNkosi, бaбa.

1.—UWatala wayefuna-ni mhla eɓamba aɓantu ɓeceɓa iceɓo lokuɓulala iNkosi na?

2.—Yini ekhombisa kulendaɓa ukuthi umuzi weNkosi kwakungahambi muntu kuwo engaziwa na?

3.—Iceɓo lawoMaviyo noSomfula lokuɓulala iNkosi lalithini?

4.—Landa izinto ezintathu kulendaɓa ezikhomba ukuthi uWatala wayeyithanda iNkosi?

5.—Wafa kanjani uSomfula? UMaviyo wafa kanjani?

7.—Landa okwenzekayo lapha uWatala ethwelwe kuthiwa yiNkosi?

8.—Ngakaɓani lamazwi:—
"Mi Maviyo, phatha nanka amagwalagwala."
"Ake niɓeke phansi umthwalo wenu."
"Nkosi wafa! Nasi isizwe saseZimpisini!"
"Uɓekwa yini lapha ngalesi isikhathi?"

## UKULWELA KWAMI UMFAZI.

SEKUYILOKHU sisuse lendaɓa-nje, ngixoxa ezokuvela kwami eNkosini, kanye nezoɓuqhawe ɓami oɓeɓuɓonwa yiNkosi kanye namaɓutho nezinduna—ngixoxa ezakomKhulu nezasendle, ngivelelwa yizigemegeme. Nangempela, nganginjalo, ɓaɓa, ngangingumuntu wakoMkhulu, ngingumenzi wezinto ezinkulu ezazesatshwa ngaɓantu. Ngangingenguye umuntu ohlala ekhaya nezingane nesifazane njenganamuhla lapha sengaphenduka ngangumhlalandlini, sengihlala nezingane, ngeqiwa ngamakhwiɓi.

Kodwana ngiyaɓona-nje ukuthi ngixoxa lezi-nje, ikhona indaɓa oyikhalelayo, ɓaɓa; ngakuzwa kokunye uyiɓuza, kodwa wayiɓuza mzuku ngivukwe yiqunga lokuhamba kwami emaɓuthweni ngihlaɓana. Leyo ndaɓa ngangingeze ngakuxoxela yona inhliziyo yami isembi, ngisakhumbule ukuginqa kwami amadoda okwangiveza ngayisilomo seNkosi uTshinga.

Qha namuhla ngizakuɓuyela kuyo, ɓaɓa, ke ngikuxoxele mhlana ngiqonywa yintombi yami, ingidumba phakathi kwezinsizwa zentanga yethu. Ngoɓa ngangithi ingani ngiyesaɓeka-nje ezintombini, kodwana nganginogazi, ngimuhle, ingakaɓikho imichilo lena osuyiɓona ezihlathini kimi. Ngangike ngizelamele izintombi zikhuluma ngami zithi uyathokoza oyophelėla kimi. Zisho-nje zikhangwa yisihluthu sami eɓengithi uma sengishaye

impithi siбeluhlaza sithi *cwe*, zikhangwa yikhala lami elaligcwele uбuso lijuluka njalo, zikhangwa yintamo yami eyayisijingo singaka.

Sasingavami thina maбutho uku-de siбukana nezintombi, sasinganaki-nje, бesingaбeki nhliziyo-nje nempela.

Kodwa kwake kwenzeka ukuба ngikhangwe yintombi engayiбona sisodwendeni—intombi yaseMangozomeni—nansiya phezulu, ihleka ngamazinyo athe *nke*—impofukazi-nje.

Kwaze kwaphela unyaka ngiyiqomisa, ngithumela aбantu nami ngiбuye ngiyiбone mina—kwaziseke kodwana ukuthi thina zinduna asinasi isikhathi soku-de siphuma-phuma siyokweshela. Thina sithuma odadewethu бasiqomisele, nathike sithi *jwaphu* mhla sithola ithuба.

Cha, yaze yangiqoma, kwaбongwa-nje kahle ngathuma aбafana бawaqhuба amazwi ami okuбonga ngoба mina ngangingekho.

Kangikho-nje ngenziwa ngoба kukhona ezinye izinduna lapha koMkhulu ezingangithandiyo—ziyangizonda—ziбona ukuvela kwami eNkosini—zoбona ukuба mina sekuyimi inceku enkulu yeNkosi—konke ikukhuluma nami, бona бayavela seбetshelwa-nje lokho esesikukhulume neNkosi. Ngiyaбezwake бanokuhleба kwokuthi kothi ngingahamba ke ngithi shelele eNkosini, eбeseбeyongotha, бethi ngiqonywe yi Nkosi ingangijuбanga. Ngathulanje angaze ngaya lapha kuбongwa khona intombi le yaseMangozomeni.

Angihambi-nje ngiyoбonga ngenziwa futhi ngukuбona ukuthi laба aбantu kaбangiphethe kahle

eNkosini. Nayo ngiyayiɓona uɓuso ɓayo kimi seɓuthanda ukuɓa sengathi kukhona esikusola kimi ngoɓa phela nakhu sengiseduze kakhulu nayo. Ithi ingani iyangithanda yona, kodwa ngiyasola sengathi kukhona esikusola kimi. Pho, isilo siyesaɓeka, ɓaɓa ngoɓa ukuɓa kwakungumuntu ngangiyoɓuza ukuthi yini isingincisha amehlo-nje kwesinye isikhathi na.

Kunje-nje ngikhala ngaɓantu ɓaɓili okuyiɓona ngiɓaɓona impela ukuthi ɓanomona omkhulu ukuvela kwami eNkosini—nguMafohloza lo okunguyena mpethu impela, eɓesekuɓa omunye, uNkotheni, umfokazana owazonda ngoɓa ngamumangalela eNkosini ethethe izinkomo zomuntu ezixoshiswa yiNkosi wayesezinika umfowaɓo.

Engase ngikwesaɓake ngukuthi iNkosi iyavama ukuthi uma ithukuthele iyakwenza ukuɓa noma yinduna, iyiɓulale.

Kepha phezu kwalokhu ukwesaɓa kwami, ngasengiphethwe ukucaɓanga kokuthi kazi ngingayingena kanjani iNkosi ukuɓa ingivumele ngiganwe yilentombazana. Ngesaɓa ngesaɓa, kwaze kwafika ukuthi kuhle ngiqunge isiɓindi ngiziɓike kuyo iNkosi mina luqoɓo.

Ngakuhleɓake lokhu ukukhuluma kulezi izinduna zakithi oMafohloza noNkotheni, ngathi mina kuhle ke zingiphendule ukuthi zona zithini kulendaba. Pho, ɓayanginengwa laɓa aɓantu ɓoɓaɓili; ɓathi ɓona ngeke kulunge iNkosi iyothukuthela. Ngaɓe ngiyathe ngiyaɓaɓuza ngithi iNkosi iyothukutheliswa yini, ɓangangiphenduli, kuɓonakale-nje ukuthi laɓa aɓantu ɓenziwa ngumona aɓanawo.

Kwathi ngelinye ilanga, cishe ngangena engozini ngoɓa ngangicaɓanga yona lendaɓa yentombi yami, inhliziyo ikhuluma, ngaɓonwa yiNkosi yathi kimi: "Yini le oyicaɓanga kangaka Watala na! Wathula wathi *du*, kwangathi kukhulu okucaɓangayo na!" Ngaɓona ukuthi mhlawumbe iNkosi idlinza ukuthi kokunye nami sengingenwe umcaɓango wokuceɓa iceɓo lokuyenza kaɓi njengalezi ezi-de ziɓanjwa ziɓulawa.

Ngithe ngisuka manje ngangiqunga isiɓindi ngiya kuyo iNkosi ngithi: "Cha Ngonyama—angithi lutho—ngizokhala eNkosini yohlanga, ngithi inja yayo likhona ithambo ethanda ukulicaɓa." Yathi: "Phimisela Watala." Ngaqhuɓa ngathi: "Nkosi, ɓesengithanda ukwakha umuzi." Yathi: "Wo! usufuna ukuganwa na?" Ngavuma ngakhuleka.

Ithe iNkosi ingakaphenduli, kwaqhamuka lamadoda angizondayo avimba avimba. Yayisithi iNkosi kayiɓoni ukuthi ngingaganwa kanjani ngisengaka. Yathi kuhle ngikhumbule ukuthi umthetho wayo iyaye ijuɓe iɓutho lonke, ingakhethi muntu-nje eyedwa. Yathi futhi ayikathandi ukujuɓa iɓutho elinguntanga yethu.

Ngasengivela mina sengithi: "Yeɓo Nkosi, mina ɓengithi mangitshele iNkosi okukhona enhliziyweni yami, ngoɓa ngithi kuɓi uma kukhona okusenhliziyweni ukuɓa kungaziwa yiNkosi yami neyezwe lonke, okuyiyona mnikazi wezinhliziyo zaɓantu ɓayo. Ngithike yiNkosi eyakwenza njengokuɓona kwayo."

INkosi ithe ithatha yayithi kimi: "Ngizawuze ngikukhethe wedwa-nje Watala, ngikuvumele uku-

ganwa, yini oyenzileyo yedlula ukwenza kwaƁanye na?" Ngithe lapha ngithi ngizakuphendula, yayisiƁuza kuMafohloza ithi kambe kungalunga ukuƁa ngikhethwe ngedwa mina na. NgaƁona-nje nami ukuthi izakungonakalela indaƁa ngoƁa lomuntu angeke angikhulumele lutho oluhle eNkosini.

Nembala uthe ethatha wayethi angesho lutho eNkosini, kodwa kaƁoni yena ukuthi kungavunyelwa umuntu aganwe engazange enze lutho ngoƁa naƁo Ɓaganwa-nje ƁaseƁeke Ɓabekana nezingozi ezesaƁekayo—kaƁavelanga Ɓaganwa-nje—naye lo (esho minake) kufanele ake abekane nezingozi njengathi kuƁonakaleke ukuthi uyazahlula yini, iNkosi imƁoneke.

UMafohloza angizange ngimbeke nakumbeka, ngoƁa ngangazi phela ukuthi uyalwa nami.

Kwathiwa mangimphendule. Ngathi: "Nkosi, ehe! Uqinisile uMafohloza, umuzi utholwa ngezikhwepha—kephake angiqondi ukuthi ukhala ngokuthi angikaze ngibekane nangozi-nje ngani—ngoƁa ikhona yini ingozi eyedlula ukuƁa ngiƁe phambi kweNgonyama zonke izinsuku na—ngilwele isiqu seNkosi na—ngibekane namehlo eNgonyama zonke izinsuku na—ikhona yini indawo eyesaƁeka kwendawo esecaleni kweNgonyama na!"

NgaqhuƁa ngathi kuyinto elula kakhulu ukulwa nokuhlaƁana empini, kodwa yinto enkulu ukuhlala neNgonyama yezwe zonke izinsuku.

Amagama ami aƁamnandi eNkosini, yathi angihambe iyongiƁiza ngomhlomunye isicaƁangile.

Ngithe ngiphuma ngamthi *hlulu* uMafohloza ƁenoNkotheni, Ɓakhophoza Ɓabeka phansi seƁene-

zinhloni ngoɓa nakhu iNkosi ingaphendulanga yaɓavumela.

Ngasuka lapho ngathi enduneni esikanye nayo ize ingiɓike eNkosini ukuthi ngisathe *vu* ngasekhaya ngiyaɓuya khona manje. Ngithe ngifika ekhaya ngafumana intombi ikhona ngathi: "Hawu! Nomusa! uɓekwa yini lapha na?" Yathi iɓizoɓona omama. Ngathi ukuhlala-hlala ngaɓuye ngaphindela emseɓenzini wami eNdlunkulu.

Kwathi ngelanga elanqunywa yiNkosi yathi ngoɓuya ngalo izoqedela indaɓa yami, ngavuka ekuseni ngaya khona eNdlunkulu. Yathi iNkosi kuhle ngingene. Ngakhuleka ngangena; kanti sekuɓuthene iɓandla elize lapha eNkosini.

INkosi yangitshela ukuthi isiɓize iɓandla ukuɓa lizokhuluma lendaɓa yami yokuganwa; yasho ukuthi iyakuqala lokhu ukuɓa udaɓa olunje iluɓizele iɓandla, ingalunqumi-nje iyodwa ngokuthanda kwayo. Yayisiɓuza kimi ukuthi iɓandla angilesaɓi yini kulendaɓa. Ngathi mina kakukho engikwesaɓayo okuyintando yeNkosi, ngesaɓa ulaka lwayo kuphela, nokwenza into ephambene nokuthanda kwayo. Yangiɓuka yamoyizela.

Kwathiwa makuqale uMafohloza ukuphendula, ngoɓa nakhu yena phela kuthangi wayethe kuhle iNkosi ingalele ukuganwa. UMafohloza waphinda wona amagama akhe akuthangi, wagcina ngokuthi yenze kahle iNkosi ukuɓa lendaɓa ithi mayinqunywe yiɓandla; yena uqinisa ngokuthi iɓandla kuhle lingavumi nempela ukuɓa ngiganwe, ngenxa yokuɓa lokho kungaphambana nomthetho we-Nkosi. Uwaɓeke qede awakhe uMafohloza, engi-

fohloza njengegama lakhe, lathula iɓandla lathi *du*, ngoɓa lingaɓoni ukuthi ukukhuluma kukaMafohloza uthatha ngani, kodwanake lesaɓa nalo ukukhuluma liqondise, ngoɓa phela nasi iSilo silalele.

Kwaqhamuka iNkosi yathi: "Siyezwa, Mafohloza, uthatha kahle—makudedele elinye iɓandla sizwe ukuthi lona lithini."

Kwavela uNkotheni wavumelana noMafohloza, wathi kungase kuɓe ngumhlola lokho ukuɓa kweqiwe umthetho weNkosi omuhle kangaka. INkosi yanqekuzisa ikhanda, kwaɓonakala ukuthi nembala ngiyalimala kulendaɓa, ngoɓa nakhu amadoda ayesaɓa ukungiphendulela lapha eNkosini.

Yayisivela iNkosi isithi kuhle kunqunywe ukuthi ngizakuɓekelwa-ni eyakukhombisa izikhwepha zami, kuthike nxashana nembala ziɓonakele, ngivunyelwe ngiganwe na. Yathi kayithandi ukuɓa ngize ngigwaze empini ngoɓa ithanda ukuɓa ngihlale nayo njalo ngingayi ndawo. Langijaɓulisa lelo leNkosi, ngaɓona oMafohloza ɓethi ukujaba.

Uthe ethatha uMafohloza wayethi: "Ehe! Nkosi, sonke sayithola-nje imizi sasilwa naɓafo—sasihlanganyelwa ngamadoda—ɓesiɓagwaza noma ɓesihlanganyele ɓeɓathathu—ngakhoke mina Nkosi ngiphendula ngithi iNkosi kayimnike amaqhawe amathathu uWatala alwe nawo eyedwa, kuthike uma ewahlule iNkosi imvumele."

Walithathela phezulu lelo uNkotheni wathi: "Yilo lelo elishiwo nguMafohloza Nkosi, nami ngivuma lona, ngoɓa nathi sayakha-nje imizi, sagwaza amadoda elwa."

Isiɓuza kimike iNkosi ithi: "Uthinike wena Watala na?"

Ngithi mina: "Ngonyama! Ngiyaɓonga! Ngithi-nje iNkosi inga yenze kahle noma iɓakiphe ɓaɓesithupha uma ɓezinaphungana njengoMafohloza-nje; qhake, uma kuzinsizwa zempi eziseɓuthweni elinguntanga yethu laMazembe, iNkosi nga ingiqhathile impela uma ingibekisane naɓathathu, ngoɓa ngingajuluka."

INkosi yathi kuMafohloza: "Uyamesaɓa yini! Nango phela ethi angadela ngoɓa ɓaɓesithupha aɓayintanga yenu—uma uthula-nje ngizakuthanda ukuɓa kesiziɓonele ngamehlo lokhu okukhulunywa nguWatala."

Wathukuthela kakhulu uMafohloza; ukuɓa kwakungekho iNkosi wayeyakulinga nokulwa nami ingani uyazi-nje ukuthi ngangingamfohloza-nje esathi. Wayesengithuka eNkosini esethi yena angekhulume nesiphoxo lesi esiphuphayo esingehlulwa yinsizwa inye yeɓutho lakuɓo Amathambo. Wathi uma iNkosi ithanda ɓangake ɓabekane phela neɓutho laMathambo.

Hayike mina ngasengithi ɓengingaqondi ukuthi kanti usho ezinye izinsizwa, mina ɓengithi usho aɓanjengaye uMafohloza ngempela engingaɓehlula ɓesithupha mina ngingedwa.

Uthe lapha ethi usephendula futhi uMafohloza, yakhuza iNkosi yathi kasiyeke ukuɓa yilokhu siphendulana lapha phambi kwayo, yathi uqinisile uMafohloza, namanje kuhle ngihlanganyelwe ngamadoda amathathu ngilwe nawo ngiwaɓulale khona lapha. Yathi kalihlakazeke iɓandla liɓuye kusasa

lizoƃukela ngihlanganyelwe zinsizwa ezintathu. Sahlakazeka. Ngajaƃula ngadela lapho, ngoƃa kwase kusemandleni ami. Ngadimede ngaƃuka ukuthi ngisho ƃangangakanani laƃo ƃafo engiyakuqhathwa naƃo, ngiyakuƃahlula.

Kwasa okungaliyo, loqoqwa· iƃandla, saƃizwa, saya.

Kwavela iNkosi iƃandla seliƃuthene yathi: "Lalelani nonke umthetho wami engizakuwuƃeka kuWatala; ngithi kasikhombise khona lapha ukuthi uyingwazi — kodwa angiwufuni umkhonto — ngifuna amandla; nazi izinsizwa ezimbili engithe kaziyoƃulawa ngenxa yokona kwazo–ngithi kaziƃulawe nguWatala, adumelane nazo nganye nganye aziphose esiweni laphaya, kuthi uma zimehlula kuphoswe yena–ngithi indoda yesithathu kazikhethele yena uWatala—uma eƃaphose ƃonke uyakuganwa, kodwa angehluleka, nguye phansi."

Ngakhuleka ngaƃuza ukuthi iNkosi ingangivumela ukuƃa ngiqome noma nguƃani engimthandayo na. Yavuma iNkosi.

Ngathi: "Nkosi ngithi iNkosi mayinginike uMafohloza." Ngamƃona ethi ukukhophoza, wathi ukuqhwaya-qhwaya phansi ngozipho, ngamƃona esejuluke esemanzi ingani kwakumakhaza. Izithukuthuku zaconsa ngesilveu wa-de ethi ukuzigulula ngesithupha, aƃuye athi ukuphephetha eziwela emlonyeni; kwakhohlakala-nje ukuthi yini ajuluke kangaka. Yaze yathi iNkosi: "Hawu! wajuluka Mafohloza!"

Kwasekuthiwa makuƃuthane amaƃutho aƃesihlanu azoƃukela siphosana esiweni nalamadoda,

kwathiwa kakukhushukwe kuyiwe enkundleni yamaƃutho phezulu entaƃeni ekwengameni kwesiwa lapha sizakuphonsana khona.

Lahlakazeka iƃandla kwathiwa sekohlanganwa lapho phezulu entaƃeni. Ngake ngathi hulukuqu kuNomusa ngamtshena lendaƃa. Wamihlika wakhala. Ngamkhuza mina ngathi kayeke ukukhala — ungigilela imihlolo nxa ekhala ngisekhona. Kodwa nami inhliziyo yayimbi kakhulu ngiƃona ukuthi iNkosi kuyaƃonakala ukuthi lokhu ukukhuluma kwawoMafohloza nayo sekuyenze ukuƃa ingaƃe isathanda ukuƃa ngiphile—nayo ingajaƃula sengiya emakhazeni. Lokhoke kwangififiphaza inhliziyo yami. Ngaqunga isiƃindi kodwa angaze ngaƃonakalisa kuNomusa ukuthi inhliziyo yami imbi.

Aƃuthana amaƃandla entaƃeni phezulu kwamnyama intaƃa; kwafika ukujaƃula kimi; kwaƃuye kwafika uvalwana. Ngasenginquma ngeqele ngifuna ukuƃa ke ngiyolunguza khona esiweni ngiƃone ukuthi kunjani. Ngafumanana ukuthi kuyesaƃeka kanti, umuntu ephoseke khona angafika phansi ka-de aphola, kukhona imithana-nje mhlawumbe lapha umuntu engake agaxeke khona uma enenhlahla mhlawumbe asinde.

Ngakhuphuka ngaya emaƃuthweni.

Anela ukungiƃona amaƃutho ngihamba ngedlula a-de ememeza ethi: "Luƃala-nje mfo kaSolwandle — uzakuphuza ikhaƃe-nje." Ngihambe ngaye ngafika kwelentanga yethu iƃutho, Amazembe; ngaziƃona izinsizwa zakithi ngazizwa zingiqunga isiƃindi; ngathi ukuzibeka, nami ngethuka

lapho sekuthi angidlale ke zingiбonge zithi: "Madumela odumele impi yesuka!"

Ngithe ngiphakathi nalo iбutho lakithi laMazembe, ngezwa selihuбa ihuбo lethu lempi thina Mazembe. Lapho kwenaya isiphundu kimi, kwangathi nga sengiбaбona laбa aбafo engizakudumelana naбo ngamandla siponsane esiweni.

Ngathi qala-qala ngiqalaza ukuthi iNkosi isifikile yini, ngaбona ukuthi ayikafiki kanti ngasengikhuluma amazwana neбutho lakithi ngathi: "Niyaбona zinsizwa, seningiqunge isiбindi; sengathi nga sengiyalwa. Ngifuna ukuбa nazi ukuthi angilweli mfazi yedwa mina, sengilwela nina nonke бeбutho laMazembe ngoбa sedelelwe yindoda izolo laphaya eNkosini yathi kasilutho thina Mazembe kwelakuбo iбutho. Ngifunake ukuбa ke ngikhombise iNkosi ukuthi amazwi kaMafohloza okusedelela thina бutho laMazembe, uyaqamba-nje. Ngifuna ukuбa lomfokazana awadle amazwi akhe awakhiphe eNkosini ngathi. Nani madoda, noma engehlule, ingaбi ngoбe ngilunjiwe yini, niqhuбe njalo nikhonze eNkosini nize nife nikhonzile."

Ngasuka lapho ngakhuphukela ngenhla lapha kwakuzakuбakhona iNkosi nezinduna. Ngathi ukuhlala-hlala, ngezwa amaбutho esekhuleka, ngaбona ukuthi sekuyiNkosi. Nembala, yeza nezinduna; emva kwaбo kulandela laбa aбantu aбaбli aбazakulwa nami. UMafohloza nangu ezinduneni.

Yafika iNkosi yahlala phansi, yangiбiza, yathi kangime phambi kwayo; yaбiza uMafohloza kanye nalamadoda amaбili. Sema soбane phambi kweNkosi neбandla.

Yasuka iNkosi iɓandla selithule lithe *cwaka*, yalitshela iɓandla ukuthi kuziwe lapha-nje kuziwe ngesikhalo sami sokuɓa ngicela eNkosini ukuɓa ingivumele ngiganwe. Yasho ukuthi iyavuma ukuɓa ngiganwe, kodwa ifuna ukuɓa ikihlole amandla ami kuthi ke uma nginawo amandla okuphonsa lezi izinsizwa esiweni, zontathu, ngiganwe lapha ngithanda khona. Kodwa uma ngehlulekile, yathi yimi engiyakuɓulawa.

Ithe ukuɓa igcine iNkosi yathi kuhle sisheshe ngoɓa ilanga liyashona.

Ngasengikhuleka, sengicela eNkosini ukuthi ngizoqala ngamuphi. Yathi iNkosi kuhle ngiqale ngoMafohloza. Ngajaɓula ngadela, ngathi: "Woza Mafohloza ke siɓone amazwi akho ayizolo." Ngamɓona esehlengezela izinyembezi, wakhuleka eNkosini wathi: "Nkosi ɓengicela ukuɓa ngigcine mina."

Kwasukuma iɓutho elinye laMazembe selifudumele lathi "Ngonyama! Hiya! Uyesaɓa uMafohloza! Wenza isu lokuɓa amfice esekhathele uWatala!" Yathi iNkosi kulungile ifuna ukuɓa ikiɓone ukuhamba kwami khona sengikhathele.

Ngasengiphenduka sengibeka kulaɓa aɓaɓili ngiɓuza ngithi nguɓani othanda ukuɓa ngiqale ngaye. Kwasuka ɓoɓaɓili ɓathi ɓazakungidumela kanyekanye. Ngathi mina ɓeɓengelutho noma ɓeza ɓoɓaɓili, kodwa iNkosi ithe ngoɓadumela ngaɓanye.

Seɓesuka ɓeqagulisana ngokuthi kuzakuqala ɓani, kwaze kwathukuthela iNkosi yamkhomba ozakuqala.

Weza.

Isiwa nasiya ezansi, sekuthiwa amaƃutho kawasondele akhe umkhumbi aƃukele kahle. Kwagxunyekwa umkhonto phakathi nendawo lapha sizakuqalana khona ukuƃambana.

Yasho iNkosi yathi: "Zidedele! Nakhoke!"

Ngasuka ngaye ngahlala kuye ngamƃamba isandla sokudla ngasisonta, wathi ethi uyaphunyula, ngamƃamba esesiƃili manje ngemuka naye—kudekude esiweni ngimphethe.

Ngathi ukuƃa ngifike esiweni, ngamthathisa okwengane ngamthi *zwizwizwi* kathathu ngamphonsa, kwakhala imithi ngamuzwa esethi *dinsi* phansi esiweni. Ngaƃuya ngeza lapha lapha kugxunyekwe khona umkhonto. Laƃuƃula iƃandla ngilizwa liƃaƃaza amandla ami. Sengihefuzela lapho.

Waphuma owesiƃili yasho iNkosi yathi: "Zidedele! Nakhoke!"

Sasesidumelene—kwathula kwathi *du*—ngayizwa lensizwa ukuthi inezidladla—kayifani nale engiqale ngayo; ngamthatha ngamqukula ngamphakamisela phezulu—yazaƃalaza insizwa inde ngaphinda—yazaƃalaza; ngasengithi ukuthambisa ngashaya sengathi sengikhathele. Wesukela ngamawala wangithi *dlukudluku*, ngema-nje ngayinsimbi. Kwaze kwasondela iNkosi manje ya-de isho kithi soƃaƃili ithi: "Dumela! Dumela-ƃo!". Kwathula izaqha kwathi du.

Ngithe ngizwa iNkosi yayisikhuluma noMafohloza ithi useyakungithatha ikhasi-nje ngoƃa nakhu sengiyaƃonakala ukuthi sengikhathele. Ngathukuthela ngafa lapha ngizwa lokho. Ngacaƃanga

manje isu lokuɓa ngingazikhandli ngalomuntu engilwa naye manje. Ngalithola elihle isu.

Ngaxhuma ngabeka phezulu ngadluɓulunda, wangiyeka nami ngamyeka. Sesihefuzela soɓaɓili manje. Sesiɓukana-nje.

Ngithe ngisuka ngangishaya sengathi ngiyaɓaleka ngiqonde ngasesiweni. Usecaɓanga ukuthi sengiɓaleka ngempela, usesuka ngejuɓane emva kwami. Iɓandla laduma selicaɓanga ukuthi sengehlulekile!

Wathi engazi-nje ngangithi *guɓava* phansi. Wethuka wakhuɓeka, wayesephansi. Ngathi *guɓu*, ngasengimphethe emaqakaleni ngamhola ngemilenze ngaye ngamphonsa esiweni.

Ngakhuphuka ngaya eɓandla ngafike ngema ecaleni komkhonto lo esiqalana kuwo. Ngakubeka okunguMafohloza. Kwakhophoza kwabeka phansi. Ngathi: "Nkosi sengilungele uMafohloza."

Nangu uMafohloza kukhona akukhuluma lapha eNkosini. Sithe sizwa iNkosi yayisiphakamisa izwi, isithukuthele yathi: "Awu! Awu! Suka! Kanti uyivaka! Sukuma uhambe uyokulwa!"

Lezwakala iɓandla lathi: "Ha! uɓeseguda i-Nkosi!"

Laphoke sekuqundeka amehlo ngoɓa phela kade lishonile.

Weza. Wasithi *ji* isiphukwana ayesimbethe. Kanti yilokhu embethe isiphuku kungathi uvunulenje, ufihle umzimba wakhe ngoɓa nakhu wenze isu ayecaɓanga ukuthi uyakungahlula ngalo; wagcoba amafutha wawaxika kakhulu wonke umuzimba

ethi wenza phela ukuбa aбempunyu-mpunyu ngingakwazi ukumбamba mina.

Ufike wangithi *nkamfu* okhalweni, ngezwa-nje ukuthi cha, unamandla impela lomuntu. Wemuka nami, wemuka nami, ngathi ngethuka sasesiphezu kwesiwa. Lapho kwathi *ngu* iбandla, neNkosi yeza, бonke seбeбukela eduze impela. Lapho siyahefuzela soбaбili manje; si-de sithathathana sithathane siye sengamisane phezu kwesiwa, laphoke kuбe yinkani; siбuye sidudulane siyisane emuva. Manje uthe esuka wayengithatha ngamawala njalo engidudula esefuna ukungiphonsa impela. Kuthe sekusele kangaka-nje angiphonse, ngazaбalaza, kwathula kwathi mbo.

Kuthe kusathule kuthe mbo, kusweleke osukelayo manje, angazi ukuthi kwenziwa yini, kwathi ukufika ukuбa ngikhumbule uNomusa. Lokho kwangathi kuwaбuyisa onke amandla ami. Kuthe kusenjalo nganqwamana noбuso бeNkosi isiбuka nayo iбuka sengathi ifisa sengathi kunganguMafohloza owehlulwayo. Ngezwa futhi sengiбongwa yizinsizwa zakithi zaMazembe.

Aбuye lapho amandla ngamбuka eseyimpukanenje uMafohloza. Ngasengimsukele—ngamбamba ngamqukula, ngadidizela naye ngaye ngamthi *dinsi* ngenhla ngaseбandla; wathi *gubu* wavuka. Ngasengimphethe ngoqhoqhoqho — ngazifaka zonke izinzipho zami kwathi *ne*, ngaze ngazizwa zithintana sezisiboбose sonke isicuбu sikaqhoqhoqho. Laphoke, бaбa, ngezwa-nje ukuthi kasadaбulanga. Phinde ukuбa ngisamuzwa ephefumula. Sekuthe *du*.

Ngaɓamba lapho kwaphuma izinkonyane yonke indawo emzimbeni kimi, ngathi ngimɓona wayekhipha amehlo eɓamhlophe ethi *vwa*. Ngamuzwa esethamba umzimba wakhe. Wayesethi ukufinyela —waɓuye wathi *thwi*, kanti uɓeselayela njalo.

Kwazisake ukuthi sekumnyama, angaze ngathanda ukuɓa iɓandla liɓone ukuthi sengimɓulele; ngashaya sengathi sisalwa ngamqukulela phezulu ngamusa khona esiweni. Lahlokoma iɓandla ne-Nkosi ɓathi: "Mjikijele umthakathi!"

Ngazaɓalaza ngamfukulela phezulu ngathi ukugxamalaza sengiqoqa amandla okuɓa sengimphonsa impela. Wo! Ɓaɓa! ngawakhipha onke amandla ami ngamjikijela.

Ngavelelwa ngumhlola engingawaziyo. Kwaɓangathi uyangidonsa. Ngangiyathe wangidonsa. Ngakhohlwa-nje ukuthi ngidonswa yini. Ngithe ngiɓona sasiya soɓaɓili esiweni.

Saphonseka soɓaɓili.

Ngezwa-nje isaho sokuhlokoma kwamadoda lapho sehla soɓaɓili esiweni. Angiɓange ngisezwa luthoke emva kwalokho.

Kwathi ngokuphaphama kwami, sekuphume nenyanga, sekukhanya unyezi, kwayikhathi ngiɓonayo ukuthi kanti ngidonsa yini. Kuthe lapha ngijikijela uMafohloza, kwasuka kwagaxeka umchilo womutsha wami lapha engxotheni yakhe yethusi. Umchilo lo ngowoqhotho—wenqaɓa ukugqiɓuka. Kanti siye saɓambeka emthini onamabaxa salenga khona soɓaɓili.

Ngawukhuluma kahle-nje umchilo lo wami, ngasidedela isidumbu lesi saziwela, sayesathi *dinsi*

enzansi phansi esiweni. Ngasengiɓambelela kahle ngehla emthini, ngagaqa kahle ngewusa isiwa. Ngigaqa-nje, ngicaɓanga iNkosi ukuthi kazi iyakukujaɓulela ukungiɓona ngisaphila na.

Kwasekukhona enhliziyweni yami ukuthi iNkosi ayisangithandi kahle njengakuqala ngenxa yokuɓa maningi amagama iNkosi eyayiwezwa kuMafohloza engingcolisa ngawo eNkosini. Kephake ngangingasawanakile wona ngenxa yokuɓa nangu ngasengimɓulele engasekuphinda ayongingcolisa eNkosini.

Kodwana ngihamba-nje ngiyaɓona ukuthi noma ngiɓehlule-nje laɓa eɓengilwa naɓo, ngasinda, iNkosi iyakuɓuye ithole elinye isu lokungiɓulula. Nami ngasengifuna isu engingangena ngalo eNkosini lokwenza ukuɓa iɓuye ingithande ingethembe njengakuqala. Ngacaɓanga ngacaɓanga, ngalithola iceɓo lokuyenza iNkosi ukuɓa iɓuye ingethembe njengakuqala.

Ngithe ngisaɓuka leli isu lami, ngasengithuswa yizwi lomuntu wesifazane ememeza ngokwesaɓa ezansi nesiwa. Ngalalela. Kanti kumemeza intombi yami, uNomusa, uyangifuna ucaɓanga ukuthi mhlawumbe noma ngilimele kaɓi ngisaphefumula. Umuntu wesifazaneke uyathanda ukuɓa ake azongiɓona noma sengicwayiza okokugcina. Kantike kazi-nje ngiyaphela-nje angilimele ndawo, kodwa indawo imbi angazi ukuthi ngiyokwehla kanjani lapha esiweni—sengiɓuyathe, phinde iwa liɓi—kakwehleki.

Sengize ngimemeze nami ngiphendula uNomusa ngithi: "Angifile ngikhona-ɓo! Qaphelisisa nakhu

nginyakazisa isandla!" Aze angiбone manje, aбalise ajaбule kakhulu.

Ngasengimtshela ngithi kuhle ahambe aye koMkhulu angilandele intambo ende ayilethe kimi. Ngathi kuye kuбi aliбale ngukukhala ngoба ngiphilile anginalutho, kuhle angisize ngayo-nje intambo ngizozama isu lokwehla lapha esiweni.

Yagijima njalo intombazana ilande intambo, yaбuye yashesha. Ngathi kuhle intambo iyiphonse kimi lapha. Yayiphonsa nembala. Ngasengiyiбophela emuthini sengihululuka njalo ngayo ngiye ngifike phansi.

Nginele ngathi *ngqiбithi* phansi, yagijima yeza kimi intombazana, uNomusa, yangiбukisisa ifuna ukuбona ukuthi бala angilimele ndawo-na. Cha yadela ukuthi ngiyaphela-nje.

Ngayiбingelela-nje, ngasengithi kuyo kuhle iqonde ukuthi noma ngisindile-nje kulempi eбengiyilwa, angikasindi *du du du* ngoба nakhu ngiyaбona iNkosi ayisemanndi kakhulu kahle kimi. Ngathi kodwa lisekhona ithutshana lokuба iNkosi iбuye igezeke inhliziyo maqondana nami. Ngathi intombazana kuhle ingilandele; sehla njalo, sihambe siбona izidumbu zalaба aбantu aбathathu engiбaphonse esiweni. Intombazana yethuke ikhale iбona eqethukile, izilevu zibeke phezulu, elokhu evule amehlo engasavaleki. UMafohloza yena wayesaбeka impela ngoба kuyaбonakala ukuthi wafa ehunsule amehlo kakhulu, amehlo emhlophe ethe *hu*.

Manje kwaбuya isu lami lokuба ngenze iNkosi iбuye ingazise ingithande njengakuqala. Ngathi

kuNomusa kuhle asheshe ahambe ayoɓasa umlilo kuɓo—umlilo omkhulu aɓesengicingela imikhonto emiɓili—izijula, ngathi aze avuse uyise angilindele ngize ngifike. Ngamtshela uNomusa ngathi ɓaze ɓangethuki lapha sengifika, noma ɓeyakushaywa luvalo kodwa aze aqonde kahle ukuthi yimina. Uthe lapha esethukile esehamba, ngathi angaze atshela muntu lokhu ukukhuluma ngaphandle kwakhe uyise. Wahamba uNomusa ngiɓona kodwa ukuthi usengenwe ngukwesaɓa novalo olukhulu.

Uthe ukuɓa asithele uNomusa, ngasengiphindela kulaɓa aɓantu aɓafileyo. Ngaya esidunjini sensizwa eɓesithi masilingane nayo. Ngafike ngakhumula konke okwami, ngathatha ngabinca lokho engikukhumula kuyo, konke nomutsha nesidlodlo nani-nani. Ngiyasuka lapho ngiɓanga emfuleni—ngicinga isihlaɓathi lesi esimhlophe esithe qwa. Lapho sengiyikazela ngomutsha wami wotshani esengiwelukile, ngazimboza ngotshani kusuka entanyeni kuze kufike lapha okhalo, ngavela ngemilenze nangezingalo kuphela. Ngifike lapha emfuleni ngazihuqa ngazihuqa ngesihlaɓathi lesi ngamhlophe *hu*, ngesaɓeka.

Ngazihuqa konke lapha ekhanda naseɓusweni konke nezinyawo kwamhlophe *qwa.* Impela ngafana nethongo elivuka emangcwaɓeni, ngaɓona-nje ukuthi ɓayakufa luvalo aɓantu aɓayakungiɓona ngi-nje. Konke engangikubincile ngakufihla esikhotheni ngakushiya khona lapho.

Ngathi *nyaku-nyaku,* unyezi ethe *klelele,* ngaɓanga ekhweni lami kuɓokaNomusa; ngathi ukuɓa ngiɓone aɓantu esangweni, ngagwema ngaya nge-

nhla komuzi, ngakhwela othangweni ngaye ngema phambi kwendlu yakwaƃoNomusa, ngathi ukuthinta-thinta isivalo njengoƃa ngangimtshelile uNomusa. Waqonda uNomusa ukuthi yimi, kephawanele wangithi *nhla*, lwathi kalumqede uvalo, eƃona ithongo uqoƃo.

Ngasengikhuza ngithi maƃangethuki kaƃaseze ƃehlelwa lutho; ngasengilandisa umukhwe wami, uNqaƃayembuƃe ukuthi ngiqonde ukwenze njani manje, ukuze iNkosi siƃuye siphindelane sithandane nayo emva kwalokhu ukusinda kwami.

Umukhwe wami kwaƃa yilokhu enikine njalo, kuƃonakala ukuthi unokwesaƃa okukhulu enhliziweni yakhe.

Umlilo engangithe kaƃowuƃasa wawusunkewuka eziko, nemikhonto le emiƃili seƃeyiƃekile eduzane. Ngayifaka phakathi emlilweni. Sathi ukukhuluma nomukhwe wami, ngisamfezela iceƃo lami; ngethuka imikhonto isiklwele isiƃomvu, yayisiphenduka iƃamhlophe *qwa*, ngenxa yokushisa komlilo.

Ngase ngiwukhipha omunye, sengithi kuNomusa kuhle ahlale eziko lapho, ngize ngifike; alungele ukuƃa anginike lomkhonto wesiƃili inxashana sengiwuƃiza. Aƃase njalo umkhonto ushise njalo uƃe mhlophe njengalokhu unje-nje.

Ngasengisuka nawoke umkhonto lo owodwana, sengithi *zombe-zombe* ngezindlu ngaye ngaphuma othangweni.

Ngaqonda eNdlunkulu njalo, ngaye ngafika khona. Kwaƃakuhle ngoƃa nakhu kwakufudumele, umkhonto wami lo kawaze washesha ukuphola, waƃayilokhu ushise njalo-nje.

Ngifike ɓelele ɓonke aɓantu eNdlunkulu, ɓethe *ngo,* kuphakathi kwamaɓili. Engaɓaɓona ɓebekile, ɓehlezi-nje kwakungogqayinyanga aɓalinda amasango akoMkhulu. Ngaɓona ɓaɓaɓili aɓaɓebekile, ɓonke aɓanye ɓelele khona eduze kwamasango.

We! Ngiyakutshela ɓaɓa, sesiyahleka namhlanje, kepha lapho kwakunzima, ngifuna amasu okuphila, sengisengozini. Kwathi angiphuɓuke ngihleke nami, ngoɓa ngithe lapha ngisondela, wangiqaphelisisa ugqayinyanga ethi ngumuntu-nje. Unele wangithi *qa,* ukuthi kanti yini le, wantshinga imikhonto yakhe phansi waɓamba ikhanda walithi *mbo* ngezandla, wazimboza phansi, wagqumisa okomuwundlwana wenja, walokhu ethi ukuheɓeza ngesandla sokudla.

Ngasondela kuye ngathi: "Uyawagcina amaɓele namuhla, thula *du,* ungathi *khwasha,* ungakhulumi, funa ngikuhangule ngiphefumulele kuwe!" Ngithe ngisho njalo, ngasengithi ukumthi *uhla* ngomkhonto lo oshisayo ehlombe. Ngezwa kuthi *hlwi,* wa-thula kodwa wathi *du,* ngoɓa lezo zinsizwa ɓaɓa, zazikwazi ukuqinisela; zazingakhaliswa luɓala-nje, njengalokhu sengiyaye ngiɓone indoda indala igila umkhuɓa ithi ngoɓa ihlatshwa yiva iɓisikhala ithi: "Maye ɓaɓo!" Thina ameva ɓesihlikihla unyawo phansi ephukele phakathi, size siwaɓangule ekhaya. Awu! cishe wafa lomuntu, wayelokhu ethe *mbo* njalo, ngadlula ngaɓanga phambili.

Ngathi *shalu-shalu,* ngaye ngangena eNdlunkulu, ngafumana isicaba seNdlunkulu sithe ukuvuleka ukuze phela iNkosi ishaywe ngumoya ngoɓa nakhu kufudumele. Ngathi *hebu* utshani, ngaɓuthi *fu*

eziko, ngathi ukuvuthela. Kwagqamuka elikhulu ilangaбi kwakhanya yonke indlu. Yathi *gubu* iNkosi.

Ngaqaphelisisa amehlo ayo ukuthi yethuka kanjani. Ngoze ngiye kwamhlaбa, бaбa, ngingazange ngikhohlwe ukwethuka kweNkosi okungakaya, iбona isimangaliso esesaбekayo, iбona yenganywa yithongo eбusuku ilele. Yethuka kwakude nokuбa ikhulume yadimede yaбopheka-nje, ya-de ingithi klaбe, ishaye izandla imboze uбuso.

Ngithe ngithatha lapho ngangithi: "Tshinga! Tshinga! Tshinga! Vuka! Sheshisa! Kufike mina namuhla! NgiyiNkosi yamathongo onke omhlaбa! Nawe-nje ngikuphethe! Shesha uvuke ungilandele!"

Wagedezela uTshinga, washo eseqhaqhazela wathi: "Ngiyeke weбuya Nkosi! AngiNkosi mina!" Lapho wayesewakhiphe onke amehlo luvalo sekuthi kaqaleke.

Ngathi: "Mamo! uphendula бani! Ngiyakuhangula kukho lokhu!" Ngithe ngisho njalo ngangithi ukumthinta ngomkhonto lo oshisayo esithweni. Wamsukumisa phansi, washo manje: "Wo! бengingaphiki nkani Nkosi! Ngiyeke sengiza!"

Unele washo njalo, ngasengimtshela ukuthi kahambe phambili ngizakumlandela ngimtshele lapha eya khona. Wayesethatha isiphuku sakhe aye-de esibinca. Ngathi mina kayeke konke okoбukhosi бakhe ngoбa uhamba nomuntu omkhulu kunaye, uhamba neNkosi yamathongo aбakhonze

kuyo naбasahamba phezulu naбaphansi. Walalela wayeka konke okwakhe koбukhosi.

Ngamqhuбa ngamkhipha ngomnyango, washesha.

Nanamuhla kalokhu, бaбa, angikakhohlwa ngimeleka iNkosi uTshinga owayesatshwa ngaбantu бonke; mina ngamqhuбisa okwenkomo ngaloбo бusuku; walalela okushiwo yimi—mina lo. Ikhona induna eyake yathi ukusiqaphelisisa, yanele yangiбona, yasuka yemba yembulula ngejuбane isiбange esiбayeni sezinkomo iyocasha, iбona into engazange iyiбone.

INkosi ihamba-nje yilokhu imboze isinquthu nezindleбe ngezandla zombili. Ayilokothi ithi ibeka ngemuva. Konke engikushoyo, ngi-de ngiбona ithi-nje ukwelula isandla sokudla iбisikwenza njengalokhu ngikusho. Ngathi: "Qonda esangweni!" Yaphakamisa isandla yaqonda khona. Ngathi: "Phuma!" Yaphakamisa isandla yaphuma.

Ngayiqhuбa njalo ngayiбangisa ngasekhweni lami kwaNqaбayembuбe. Sithe sifika esangweni, kwakukhona izinduna somukhwe wami. Ngayizwa enye induna ithi: "Hawu! Ngavela ngakutshena ntanga yethu ngathi kukhulu sokuбona ngelinye ilanga, nanti ithongo lasemangcwaбeni!" Zesuka izinduna ngamajuбane, kwasala ezaphelelwa ngamandla zema-nje zathi *ngcwi*.

Sifike qede kuzo ngathi ngathi: "Dedani kudlule iNkosi yamathongo zinsizwa, dedani idlule nenyamazane yayo!" Izinduna lezo zathi gumunqu zawa phansi. Sasidlula siye sifika lapha kulendlu yomu-

khwe wami lapha ngishiye khona uNomusa ngathi kasale ebeke umkhonto ungapholi.

Ngifike ngawuбiza umkhonto lowo kuNomusa, ngathi: "Nomusa! lokho!" Kanti ngisho lokhonje iNkosi uTshinga nangu, uselokhu ebeka lapha lezi izinduna zikaNqaбayembuбe, songathi zizakumsiza zimkhumule kimi. Ngasengimthi ngomkhonto lo engiwunikwa nguNomusa ngathi: "Kahambi-na!" Washesha.

Ngasengithi kame khona lapho sengithi ukukhuluma noNomusa ngimtshela ukuthi iceбo lami ngiyaбona lizakulunga impela angesaбi lutho. Ngaphindela kuye.

Konke lokhuke eбengikubincile mina, ngithe ngingakasuki, ngakubincisa omunye walaбa aбantu engiбaбulele le ezansi esiweni—lona engikhumule kuye lezi izinto engizibincile.

Ngathi kuTshinga kahambe sihambe sehle siбange ezansi esiweni. Sahamba sahamba—kuhlwile бelu kuthule kuthe *nya*.

Sayesathi *caбacaбe* phansi esiweni. Lapho uTshinga usekhathele use-de ephefumula ngokuhefuzela sengizwa-nje ukuthi usephelile nangukukhathala nanguvalo.

Safika komunye walaбa aбafileyo obince izinto zami.

Ngathi: "Mana!" Wema. Ngathi: "Beka lowo muntu ofileyo!" Wambeka. Ngathi: "Nguбani yena lowo!" Wathi: "NguWatala." Ngathi: "Ulandeni lapha!" Wathi: "Cha, Nkosi! Ufe-nje бelwa nelinye iбutho, waphonseka lapha wafa." Ngathi: "Suka! Suka! Uthi бeбelwa ingani

uБehlanganyelwe ngamadoda emathathu! Ngukulwa lokho! Uthi lapha Бenimgeбenga nimgcweleza uWatala, uqambe amaceбo uthi uБelwa! Sengifikileke mina Nkosi yaбo бonke naбahambayo naбaphansi! Umdala wena! Ngimfuna evukile ephilile!"

Ngikhuluma lamazwi-nje, uTshinga useyavevanje, kakusavumi noma angiбuke; nalo athi nguWatala ofileyo kakusavumi noma amбuke.

Ngithe ngisuka ngangithi kuye uTshinga: "Ngiyamfuna uWatala-бo! Mvuse khona manje! Mvuse! Shesha!"

Wathi uTshinga ukumбuka emangala ukuthi kazi uzakumvusa kanjani umuntu esefile. Ngasengithi: "Guqa phezu kwakhe uWatala lowo! Guqa usondeze umlomo wakho kuye—khuluma naye uthi: "Vuka Watala! Vuka mntakaSolwandle! angikuphinda ngihlole ukukuбulala! Vuka mntakaSolwandle!"

Lamazwi бala wawasho kwaze kwa kathathu, esegedezela.

Ngasengithi manjeke kasondeze umlomo wakhe kokaWatala, imilomo ithintane impela aбesephefumulela kuye kathathu aphefumule kakhulu impela. Wazikhalela manje uTshinga esengincenga ukuбa angakwenzi lokho ethi umuntu ofileyo uyamesaбa kakhulu—angafa eke athintana naye.

Uthe lapha esho njalo, ngasondela kuye sengithetha, ngathi kakwenze lokho engimtshela khona funa ngiбulale yena kaбi kakhulu. Wayesezama ethi kawe lapha esesondele impela esidunjini.

Ngamthethisa ngathi angawa futhi, useyoбulawa yimi.

Waбuyathe waze wakwenza lokho.

Kwathi ukuбa aphefumule kathathu, ngathi kasukume alalele. Ngasengimtshela ukuthi induna yakheke uWatala, aбaбethandana naye kakhulu uyophaphama lapha ilanga liphuma kusemazolo—uyakuphaphama esephile *nse*.

Ngathike kuye kuhle ukuбa asheshe aбuyele eNdlunkulu ahambe asheshe. Ngathi: "Nanka amathe, ngifuna ukuбa ufike endlini yakho engakacimi phansi lapha, uma uhamba kancane ngiyakuthukuthela kakhulu ngiбuye ngikuhangule kaбi kakhulu ,ungene engozini embi—khawulezake wena usheshe!"

Wesuka lapho ngokushesha okukhulu waye washona egijima, ehamba ejeqeza aбuye ashelele awe, uyavuka lapho uбanga phambili ngejuбane elikhulu.

Unele washona, ngasengiya kuye lomuntu ekade sikuye, ofile, ngamkhumula zonke izinto zami, ngamfaka ezakhe. Ngasuka lapho ngaya emfuleni ngayogeza wonke umcako lo eбengizicake ngawo, ngasengiбayimi - nje manje, sengithatha konke okwami sengibinca khona.

Ngihlale ngahlala lapho kungakasi, kwathi lapha sekuntwela ezansi, ngazilungisa ngazicola kahle impela, sengenza ngoбa nakhu phela sekuzakuphuma ilanga—isikhathi engithe kuTshinga uyakuvuka ngaso uWatala—sengifuna ukuбa ngiqhamuke kuye ngaleso sikhathi, sekuyimi uqoбo, ngihloбe njengoбa nganginjalo.

Lathi lithi *phasha* ilanga, nga ngikhuphuka esiweni, ngihamba kancane ngiбanga ngakhona koMkhulu.

Kwathi lapha aбantu seбengiбona ngiyongena koMkhulu, бaбamba imilomo, бeбaбaza ukuthi ngisinde kanjani kulesiya siwa esingakaya. Kwaziseke kodwana ukuthi iNkosi uTshinga kanti wayesekhiphe izwi lokuthi kungaze kwaбikho muntu oбuza kimi indaбa yokusinda kwami. Namбala kakho owaбuza, бonke бangiбuka-nje ngazihambela ngaziqondela khona koMkhulu, ngaye ngafika khona.

Ngathi ukufika encekwini eбika aбantu eNkosini, yashesha yayakuбika ukuthi nangu uWatala ngaphandle ukhuleka ukuбona iNkosi. Ngema lapho ngayilinda ukuбuya.

Yathi iбuya yayingitshela ukuthi iNkosi iбingakavuki nasocansini ngokuбa idungekile kakhulu, ikhathele, kayilalanga kahle eбusuku, ithi isingaze ingiбone kusasa. Ngakhuleka, ngathi inceku ize ingiбongele eNkosini.

Ngafika kusa ngakusasa—yangiбika inceku—ngangeniswa eNkosini.

Inele yangiбona iNkosi ngingena ngikhuleka, yangiбuka yangithi *njo*, nami nga-de ngiyithi *klaбe* ngamehlo akhombisa ukuthi iNkosi ngiyayihlonipha futhi ngiyayithanda.

Ithule yathula yaqhamuka manje yathi: "Wo! Watala! MntakaSolwandle! Kumnandi kimi uma ngisakuбona lapha phambi kwami—nokuthi kanti usindile phezu kokuбa uwe kanjeya waphonseka esiweni. Ngithike qha, njengalokhu nakhu usindile,

uphumelele kulokhu eбengikuhlelile ukuбa ngiбone ukuthi unazo yini izikhwepha qeduбa ngikuvumele uganwe, cha, manje ngizakukukhuphula impela, futhi kakukho oyaбe eskuthinta wena Watala. Usungikhombisile ukuthi kufanele impela ukuбa uthathe umfazi uganwe."

"Futhike mntakaSolwandle, phela uyazi ukuthi namathongo ayakhuluma nami mina Nkosi yezwe." Ngathi: "Yeбo Ngonyama! nawo amathongo ayayazisa iNkosi yethu!" Lamthokozisa lelo.

Wayesuqhuбake ethi: "Namathongo angitshelile ukuthi wena Watala, nguwe wedwa phakathi kwezinceku zami zonke ofanele ukuhlala nami njalo, ungikhonze njalo—namike lelo gama lamathongo lihle kimi, ngiyalazisa."

INkosi yayisithi ukuthula kancane kwaбonakala ukuthi kukhona ekucaбangayo. Ithe isuka yayiбiza inceku okuyiyona ibeke izinkomo zonke zeNkosi. Igama lenceku leyo nguMpofana. Yathi kuMpofana kakhiphe aбafana бayohlephula ikhulu lezithole—inyonikayiphumuli—zixoshiswe mina.

Yalisho iNkosi yaliphinda-phinda elokuthi aбafana бaze бakhethe izithole ezinhle kakhulu ziбeyikhulu—ikhulu—amashumi ayishumi.

Kwathi lapha ethi ukufulathela uMpofana, yayisiбuya imuбiza iNkosi isithi kuye kaze adlule ezinduneni esangweni azitshele izinduna ukuthi kazithumele yonke indawo kufike lapha kusa ngakusasa amaбutho ayishumi aphelele, eze odwendweni lwami. Yathi kuze kutshelwe iбutho elinguntanga yethu, Amazembe afike kuqala wona

ngoƃa yiwo ayakuma phambi kwawo onke amaƃutho ngoƃa nakhu kuganwa iZembe, uWatala.

Ngaphakamisa zombili izandla ngakhuleka ngathokoza eNkosini ngalamagama ayo amnandi, nawokuthi ngizakuklonyelwa izithole ezingamashumi ayishumi zeNyonikayiphumuli—amayanda, izinkomo eziligugu kakhulu eNkosini; nawokuthi iNkosi uqoƃo lwayo yiyo esimema udwendwe namaƃutho ayakuza odwendweni, nansi isisho nokuthi iƃutho lakithi laMazembe yilo eliyakuma phambi kwamaƃutho. Ngaƃonga ngaƃonga eNkosini, ngayithatha ngeziƃongo zayo zonke engizaziyo, ngambulula oyise noyisemkhulu nokhokho ƃayo iNkosi. Yathula nayo yajaƃula, yanqekuzisa ikhanda, yashaya ikhwelo elincane elikhombisa ukuthi iyazenanela lezi iziƃongo.

Kwasuka izinsizwa ezindala ezingaƃanewethu, ezazihlala noƃaƃa uSolwandle, nazo zaƃonga, zingiƃongela eNkosini zakhuphulusa uƃaƃa ukuthi naye waze wafa wafela emseƃenzini weNkosi uTshinga, zathi kanti kuyaƃonakala ukuthi uSolwandle kafanga ngoƃa nakhu lo oyindodana yakhe—ƃasho minake—kanti naye unamathele eNkosini. Zaƃonga zaƃonga izinceku lezi ezindala eNkosini zaphenduka zabeka kimi zathi: "Mfana kaSolwandle, namuhla uyakhula—wokhonza njalo eNkosini."

Kuthe kuphela lokho kukhuluma, wayefulathela uMpofana, esukela ngejuƃane nawo onke lamazwi eNkosi.

Yayisithi iNkosi kuhle kuyoƃizwa umukhwe wami uNqaƃayembuƃe eze kuyo izokumƃona ikhulume ngalendaƃa yokuganwa kwami ngumntana-

khe uNomusa. Wafika umukhwe wami ɓakhuluma neNkosi. Nami ngangikhona iNkosi ikhuluma naye, ngoɓa ifike yamtshela ukuthi isifuna ukuɓa umntwana aphume kusasa, yathi amaɓutho isiwaɓizile, yayisimyala ithi kuhle ukuɓa ayiyale inganc yakhe ize iɓenokuhlonipha ngoɓa nakhu yendela isikhulu seNkosi, izokwatha umuzi weNkosi. Awu! kwaɓamnandi ukukhuluma kweNkosi kumukhwe wami, naye waɓonga njalo eNkosini, e-de engithi *jeqe*, emoyizela nami ngimoyizele.



Kwathi kusa lwalufika udwendwe lwami luvela koNqaɓayembuɓe.

Kwasa okungaliyo. Aбuthana amaбutho, aqala kusa kuthi *nwi* ukufika laze lafudumala kulokhu kuthe-nje *mbo*, kuduma inhlaбathi, engenisa eklela ngezindawo zawo, ehuбa.

Udwendwe lwalungenjengaludwendwe lomuntu *phaqa*—lwalunjengolweNkosi uqoбo. INkosi yahlaбa izinkomo kwanuka inyama yonke indawo, umuntu waбona-nje ukuthi бala kuganwa isikhulu seNkosi. Kwakumnandi konke okwalelo langa.

Kunye *zwi* okwaбa yicashaza eliбana phakathi komseбenzi wonke wodwendwe omuhle kakhulu wangalelo langa. Kwasuka umukhwe wami uNqaбayembuбe wadakwa ngutshwala, waphenduka wangumquбa-nje, wathi uyakhuluma wabeda-nje; uyasuka uselala eбangumthwadlana laphaya, seбeбeyamvuse uselokhu endonda-nje uNqaбayembuбe elele phansi kweminga ngaphandle komuzi weNkosi. Seбeбeyamtshele ukuthi uyazidumaza ngalokhu ingani nangu umntwana wakhe wendela esikhulwini esingaka, ukwenzelani lokhu ukuбa azenze ibojongwana lesidakwana na. UNqaбayembuбe konke lokho kakuzwa—udakiwe—uphelile *nya*. Kuyaбonakala ukuthi uthathe ngamawala waziбulala ngotshwala, ingani nakhu sekungumuntu omdala, usesheshe бumngcne utshwala.

Minake kodwa angimenzelanga zaбa umukhwe wami. Uthi wena бaбa, nguбani owayengejaбule aze eqise eбona ingane yakhe igana isikhulu esingangami.

Ngamthola kanjaloke, бaбa, okaMgendane—uNomusa.

1.—Wayengowasiphi isifunda uNomusa? Wayenjani?

2.—UNkotheni yini eyamxaбanisa noWatala?

4.—Wayezalwa nguбani uNomusa?

5.—Iбandla laphendula lathini eNkosini odaбeni lokuganwa kukaWatala?

6.—Landa indaбa yokulwa kukaWatala namadoda amathathu?

7.—Landa iceбo likaWatala aphendula ngalo iNkosi?

8.—Landa indaбa yosuku lodwendwe lukaWatala?

9.—Yini eyakhanga uNomusa waze waqoma uWatala?

10.—Ngawoбani lamazwi:—

" Yilo lelo elishiwo nguMafohloza . . ."
" Zidedele! Nakhoke!"
" Ngiyamfuna uWatala-бo!"
" Hawu! Wajuluka Mafohloza!"

## MHLA NGINUKWA YISANGOMA INKOSI ITHI MANGIБULAWE.

MHLAWUMBE wena бaбa, usungaze ucaбange ukuthi emva kwazo zonke lezi izigemegeme esengizilandile, kakuбanga kusaбakho lutho olwaбuye lwangixaбanisa neNkosi, nokuthi emva kwalokho ngahlala kahle ngaбusa angaбe ngisathintwa lutho.

Yeбo kambe, ngangingasaphumi mina ukuya empini ngoба nakhu phela ngasengiyinceku enkulu yeNkosi—insila yayo ngempela, sengihlala nayo zonke izinsuku. Futhi yiqiniso, njengoба nakhu nga sengiphethe lesi isikhundla, ngangingeбe ngisanukwa kalulana-nje yizangoma, njengoба lokho kwakuhlala kwenza kuбantukazana.

Kephake, бaбa, angazi noma uyakwazi yini ukukhuluma kwaбantu okuthi: "Indlovu idla aбasondezeli." Kwakunjaloke nakimi; ngahlala nginovalo njalo lokuthi ngoба nakhu ngisondele kangaka eNkosini, kungahle kuбeyimi kuqala engiciбekezayo uma isithukuthele, ngoба phela nawe uyayazi indlovu ukuthi okuseduze kwayo uma kungaqaphelanga ingahle ikuciбikeze ngonyawokazi lwayo. Ngalokhoke, emva kwalezi izigemegeme esengizilandile, nokuphakanyiswa kwami ngisondele kangaka eNkosini, ngahlalela ovalweni zonke izinsuku. Kanti kuzakungehla ngelinye ilanga бaбa!

Uyaбonake ukunukwa lokhu kwaбantu esengikushilo kwakuyinto yafuthi ngaleso sikhathi. INkosi iбithi inxashana kukhona aбantu aбonileyo efuna ukuбasusa (ukuбaбulala phela) iбisiбiza izangoma zayo zizekuбanuka ukuze naбo бafe бedelile ukuthi бafa-nje nempela бanukwe yizangoma zeNkosi, naбakuбo бagezeke izinhliziyo ukuthi izihloбo zaбo kazifelanga luбala. Izangoma бezesaбeka-njeke ngakho lokho, ngoбa umuntu esezimnukile phambi kweNkosi, uбengayekwa, ubeбulawa.

Lelo langa mhla kuzakunukwa aбathakathi aбazonda iNkosi бekuбa yilanga elesaбekayo impela. Kwakuбizwa amaбutho ehlome ephelele, aбuthane enkundleni koMkhulu. Kuthi lapha seбephelele бonke aбantu, kuбizwe isangoma esaziwayo seNkosi sizobula. Isangoma lesi phela бekwaziwa ukuthi sona sinokuhlakanipha okwedlula konke ngoбa sikhuluma namathongo—yiwo asitshela imfihlakalo esenhliziyweni yomuntu noma ngaбe yena eyifihla kanjani. Siбizweke seliбuthene iбandla sizophenya izinhliziyo zaбantu aбazonda iNkosi.

Laбoke esiбanukile isangoma бaбeqonda kahle ukuthi бawagcinile amaбele—бaliбuke бaligcine.

Lokhu ukwenza kwezangoma kwakuyinto enkulu ngalezo nsuku, ngoбa aбathakathi бaбesaбa impela ukuthi kaбathakatheli ndawo ngoбa ziyakuбanuka izangoma бaбulawe. Ngalokho, бeбesaбa aбantu ukuthakatha ngoбa kakho othanda ukushiya amaбele. Aбantu бonke бaбezethembile izangoma, бezazi ukuthi ziбona okungaбonwa muntu zona

futhi kaziwaqambi amanga; uma zimnuka umuntu zithi kaбulawe zisuke ziqinisile impela—ufanele aбulawe lowo angadaбuli ngoбa uzakuqeda aбantu бeNkosi—siyamбona isangoma—uбonwa yiso-nje uбonwa yicala—kafe impela.

Hayike-ke kwakuke kwenzeke-nje kokunye ukuбa aбantu бaбulawe noma isangoma singaбanukanga umanxashana iNkosi isithukuthele, kanti kuthiwa бanukwe yisangoma-nje, cha, iNkosi iбisikuбonile ukwenza kwaбo, yaбona ukuthi kakuбantu бalutho.

Thina esasizinceku zeNkosi бesiyaye sikwazi lokho, kodwanake singatsheli muntu phela ngoбa uma sitshela aбantu izindaбa zakoMkhulu бesingaбe sisondeza umkhonto kithi. Nguбanike бaбa owake wathanda ukuбa umkhonto usondele eduzane kuye? Sasizithulela ngalokhoke, nathi sivume lona elaбantu aбangaziyo lokuthi aбantu бafe-nje бanukwe yizangoma.

Kuhambe kwahamba, ngasola ukuthi amehlo eNkosi awasangiбuki kahle. Ngasheqeka-nje ukuthi kazike ngaбe sekwenzenjani lokhu inceleбanyana enguMafohloza ngase ngayiphonsa esiweni yaбamathambo amhlophe; naleliya xhegwana elinguNkotheni lalikade lafa laphonseka esiseleni liбuya kuphuza lidakiwe. Ngakhohlwa-nje ukuthi manje ngaбe iNkosi le ngiyonelwa nguбani.

Kwenzeka lokhu-nje, angisaconsi eNkosini. Yimina ngedwa esengihamba nayo—ngikhulume nayo izindaбa ezinkulu—sizinqume nayo soбaбili —nokudla kwayo konke kuqale kulethwe kimi ngikuzwe kuqala. Umthetho phela uбunjalo uthi

iNkosi ayikuthinti ukudla uma kungakadluli encekwini enkulu eyinsila yeNkosi yakuzwa ukuthi kufanele-na—yakuƃona futhi ukuthi kakufakwe lutho oluƃi olungalimaza iNkosi. Yimike lowo engangenza konke lokho. Kakho omunye ngifunga uSolwandle!

Kwakuthi noma iNkosi igula ingaƃi kangikho ngisaye ngaselawini lami, iƃisifutha izinceku lezi ezikhona ithi kaziƃoni yini ukuthi iyagula kazigijimi ngani ziye kungiƃiza ingiƃone. Namƃala ƃezigijima, ngiyethuka sengiƃizwa njalo kuthiwa iNkosi ithi mangisheshe khona manje, ƃala nami ngiyaya sengikhaphuzela impela. Ngothi ngifika iƃe ithi "Nguƃani lowo engathi nguSokwephula!" Ngisho ngithi: "Yimi Ngonyama! Yimi luhlanga lwezwe!" Yothi ithatha iƃisithi ukuthi *moyi-moyi* ithi: "Kuhleke hlala ungilinde Sokwephula."

Manje ngithe ngiƃona iNkosi yayisingincisha amehlo; sekuthi noma kukhona izindaƃa ezinkulu, ingaƃe isangiƃiza mina, njengoƃa yayenza njalo njalo; kuthi noma igula ingaƃe isasho ukuthi angiƃizwe. Izindaƃa ezinkulu manje yayisiqamba ukuzixoxa nenye inceku. Lenceku kasizange sejwayelane nayo ngoƃa ngathi ngingena eƃuncekwini ngangizwa ukuthi isiƃaqedile aƃantu ngokuthakatha. Nayo yayazi ukuthi angifuni nakuyibeka ngalokho.

Sasingeze singakhulumisana nayo leyo nceku. Igama layo kwakunguMavakeni. Ngase ngaƃona ukuthi yiyo le esingenze-nje eNkosini, iNkosi isingincisha amehlo-nje. Ngathukuthela ngaƃila ukuthi kazi ngingamenzenjani lokhu noma iNkosi

ingake isiqhathe naye angaбe ufile yimi. Lokhu ngaleso sikhathi kwakungasemandla kimi, ngase ngiyinyathi.

INkosi nga ngike ngayihleбelake ukuthi ayobeka lapha eNdulunkulu ngoбa kasinhliziyonhle sonke thina zinceku zayo; kodwa kangaze ngaphatha muntu ngagamu.

Lendaбake engizakuyixoxa manje ithe ifika yenzeka, ngasengiyilungele ngoбa ngasengiбonile ukuthi lomfokazana inhliziyo yakhe ayilungile—kangithandi—uhlala ngami eNkosini.

Kunye-nje iNkosi eyayingakangisusi kukho—kwakungumseбenzi wami wokuzwa konke ukudla okuzakudliwa yiyo. Yonke eminye imiseбenzi engangikade ngiyenza neNkosi yayisithathwe nguye uMavakeni lo, isiyenziwa nguye.

Kuthe ngalanga lithile ngifika ekhaya ngiphuma khona eNdlunkulu, umfazi wami wathi ukungenzela iyambazi—waliбeka lapha phambi kwami—waбeka amanzi okuxuba, wawamboza ngembenge—wanginika ukhezo ngadla. Wasehlala ethi vosho-sho phambi kwami, sengiбuza ngithi yini.

Usethathake ethi uhlushwa ngamagundane lapha ekhaya—asezone zonke izimpahla zakhe zokuvunula kanye nezami, aqeda nokudla futhi; wathi uyacela kimi ukuбa ngenze isu lokuwaбulala onke aphele. Uthike zimbili izindlela esingawaбulala ngazo amagundane—eyokuqala ngeyokuбa kukhishwe zonke izimpahla endlini—indlu ishiswe, ashe nawo amagundane aphele. Eyesiбili ngeyokuwadlisa ngoshevu afe aphele onke.

Kule yokuqala indlela ngifike ngaбona ukuthi kuyakuбalukhuni ukushisa indlu, ngoбa phela umuzi ngoweNkosi.


Kule yesiбili indlela ngafumanisa ukuthi nayo futhi ilukhuni ngoбa amagundane angahle aphonseke ekudleni kwethu aбeseninda ushevu kukho, kufe thina. Okuбike futhi kakhulu engakuбonayo kulendlela kashevu ngukuthi kayikho inceku yeNkosi engangami kangaka evunyelwe ukuthinta into engushevu ngesandla sayo. Umangxa ifunyanisiwe leyo nceku, yaбikwa eNkosini, kakukho okunye ngaphandle kokuбa iбulawe.

Leyontoke yangiphatha kaбi kakhulu, kuбe kunangu umfazi wami uyakhala uthe *mihli* ngamagundane lana aqeda ukudla kanye nezimpahla. Futhi yena uбambelele kulo leli lokuthi kuhle amagundane siwaбulale ngoshevu. Sengiбuyathe ngithi: "Mamo! KaNqaбayembuбe! uyezwa-nje ukuthi umthetho weNkosi uthi ngiyakufa mzukwana ngiбonwa ngiphethe ushevu ngesandla sami na! Uthi mangiбulawe na!"

Qha, kasezwa okaNqaбayembuбe. Uthi ngingeze ngamбukela namagundane emбulala kanje —uthi lokho engikushoyo komthetho weNkosi kusuke kushiwo kuбantu aбawuphethe-nje lowo shevu бewuphathele ukuбa бaбulale iNkosi— kusuke kungashiwo kumuntu owenza-yenza-nje kancane eбulala izilwane zimhlupha njengaye-nje. Uthi kuyakuбa kuncane-nje akukuбa ngakanani, lokho kokuбulala amagundane lawo.

Sikhuluma lokhu ukukhuluma-nje sihlezi phandle ethunzini.

NgicaБange ngacaБanga, umfazi engiphethe engikhalela kwaze kwaБuhlungu nakimi enhliziyweni ngethuka sengimvumela sengithi: "Sizakufuna yena uShevu."




Ngasale sengivuma ngithi: "KakuБenguye ushevu.'

Kanti lamazwi ngiwasho-nje ngithi: "Sizakufuna yena ushevu," nakhu kudlula uMavakeni—uyakuzwa ukukhuluma lokhu kwethu esikukhululmayo; ngoБa phela ngizakuБuye ngizwe lapha indaБa isibidlika ukuthi wangizwa ngisho njalo.

Ngize ngasho kaБili lapha kowesifazane ukuthi: "Sizakufuna yena ushevu" nami sengizophula

kuye owesifazane engiƂelesele ngamagundane. Ngasengimtshelake ukuthi kodwana kufanele ukuƂa ngiyokucela lokho eNkosini ukuze nayo yazi ukuthi ngiphatha lokhu-nje ngizakuƂulala amagundane lana aseqede izinto zami.

Kuthe ngalo lona lelo langa lapha lithambamayo, kwafika induna yathi mangisheshe ngifunwa yiNkosi. Ngashesha ngaya.

Ngithe ngingena eNkosini ngafumanisa ukuthi indlu igcwele sekuƂuthene zonke izinceku kanye nezinduna zeNkosi. Lwangishaya uvalo, ukuthi kazi yini.

Kwaqhamuka iNkosi yathi: "Wo! usufikile mfo kaSolwandle!" Ngathi: "Nkosi sengifikile njengokusho kweNkosi!"

Yathi: "NgiyaƂuza kuwe Watala, ngithi indaƂa kashevu le engiyizwayo uyayazi na!" Lapho ngangenwa yinqe, ngehluleka nokuphendula, ngabadaza-nje—ngaphika—ngavuma, ngezwa kungasavumi nokuƂa ngikhulume. INkosi yangigqolozela manje, yaƂuyisa izinhlonze yathi: "Uyaphika uyavuma yini na?"

Ngathi: "YeƂo Nkosi, angiphiki ukuthi ngiyazi ukuthi ikhona into engushevu eyaziwa ngaƂantu Ƃonke."

Ithe ithatha iNkosi yayisikhuluma kwasakungibinqa yathi: "Ziyezwakala Watala-ndini! SiƂuye sizizwe-nje noma sisuke singekho Zithi: "Sizakufuna yena ushevu" uyezwa—zithi: "Sizakufuna yena ushevu." SesiƂuthene phela Watala, sitshele ukuthi ushevu lowo uzakufunelwa yena Ƃani.

Uбani lowo ozakumfaka ushevu na? Woneni lowo muntu ozakuбulawa ngoshevu!"

Kwasa kwathi *dwi* kimi ukuthi lendaбa ivela ekukhulumeni eбesikukhuluma nowesifazane ekhaya ngendaбa yamagundane.

Ngathi: "Ngiyacela Nkosi." Ngithe ngisasho njalo, yayisifutheka iNkosi ngamandla yathi: "Ucela ucelani! Uthi kayaziwa yini indaбa eбeniyihleбa nomfazazana wakho! Manje uzakuphatha kuбili! Uphathe ushevu uphathe ukudla kwami!"

Ngaphendula ngathi: "Iqinisile iNkosi, ngike ngakhuluma nowesifazane laphaya ekhaya, sikhulumake ngokuthi amagundane la aseqede ukudla kwami kanye nezinto zethu endlini sizakuwenza njani—sakhulumake ngokuthi kuhle siwafunele ushevu."

Ngithe ngingakaqedi kwaqhamuka uMavakeni wathi: "Hiya! Hiya! Hiya suka! Ukhohlisa iNkosi ngani! Kasikuzwanga yini ukhuluma! Ukhuluma nomfazi wakho! Uthi wena ukhathele yiNkosi yethu le! Uthi naбantu бonke seбekhathele! Uthi wena usuzakuyisusa iNkosi! Waze washo kaбili uthi "Sizakufuna yena ushevu—Sizakufuna yena ushevu" na! Hiya! Khuluma uqondise eNkosini!"

Kwathi kangixhume ngimбambe ngoqhoqhoqho ngimsonte intanyana, ngethuka sengithe: "Hawu suka! unamaceбo!" Kwakungashiwoke lokho uma aбantu бephambi kweNkosi бaбa, nami ngase ngenziwa ngukuthukuthela ngingasakwazi ukuziбamba.

Ngakhuzwa yiNkosi lapho, yathi kwanele ngoбa ngiyavuma ukuthi liphume kimi lelo lokuthi: "Sizakufuna yena ushevu." Yathi kuyayahlula lokho ukuthi inceku ephatha ukudla kweNkosi ingalokotha iphathe ushevu na.

Ithe isuka iNkosi yayibeka eбandla ithi: "Niyaбona madoda, imbi lendaбa! Iyangahlula! Nangu uMavakeni uyasho ukuthi igama lami бeliphethwe kuleyo ndaбa kashevu! Kephake nangu umnikazi lokho kukhuluma uyaphika! Kuhleke madoda! Izakukhanya lendaбa! Zikhona izangoma zami! Ziyakungitshela okuyikhona-khona! Sesozwa ngazo iqiniso! Hambani ngiyakuniбiza!"

Ngaphuma sengitshodile lapho ngaбona-nje ukuthi бala ungenzile lomfokazana aбathi uMavakeni. Uthe lapha eguqa ephuma kwathi angimaphule intamo, ngaбuye ngazikhuza.

Kwathi kusa iNkosi yayiбiza izinduna ithi makuhanjwe kuбizwe onke amaбutho eze enkundleni koMkhulu kuбizwe isangoma sayo—uZozosilonda azotshela iNkosi ukuthi yini lomhlola.

Kwanele kwezwakala ukuthi kuzakubulwa, бonke aбantu бalala бengalele, ngenxa yokuбa kakho owayazi ukuthi nguбani isangoma esizakumshaya ngenkonkoni, ngoбa phela esiyakumshaya ngenkonkoni koбe sekuyilanga lakhe lokuwagcina amaбele.

Aqala ukufika amaбutho. Aze angangotshani eбuthana koMkhulu. Ahlome aphelele. Avunule izinto zempi zodwa. Nawo ayaqhaqhazela ngalelo langa ngoбa isangoma nawo ngase sikhwele kuwo siwanuke.

Minake phela ngiyazazela ukuthi yilanga lami nakanjani ngoɓa siɓizwa-nje isangoma siɓizelwa indaɓa le yami engiyenziwe uMavakeni.

Umfazi wami lapho okaNqaɓayembuɓe usekhale waze wanesilokozane ethi kazi yena uyoɓa yini uma sengiɓulawa-nje.

Kodwanake mina ɓekumnandi-nje kimi, ngoɓa ngangiɓona ukuthi kungcono khona ukuɓa iNkosi ingigwaze kunokuɓa ngihlale, sengingcoliswe kangaka kwathiwa ngingumthakathi ngiceɓa ukuɓulala iNkosi. Ngangazi ukuthi noma ngingaɓulewe, angisekuɓa yiyo inceku yeNkosi enkulu. Lokhoke nami ngangikuɓuka ukuthi ngoɓe ngidumele kakhulu ezweni—kungcono khona ukufa okungenani.

Isangoma lesi seNkosi esizongiɓulala kwakuluthwethwe-nje lwendoda ende—isihamba igoɓe ifana nekhonde elidala selaɓulawa yindlala—iyichide, kuleli iso elingaɓoniyo yafaka into-nje eyesaɓekayo efana netshe elimhlophe, kuyimpunyunga-njena kuphumele ngaphandle—lapha ekhanda iɓophe ukhanda lukanoha olumazinyo asinekele ngaphandle—entanyeni lapha kulenga amathambo aɓantu nawezilwana—ingasenamazinyo, lilinye *zwi* izinyo kulomhlathi wangaphansi, selaɓalide laphumela ngaphandle komlomo, noma ikhuluma liɓeyilokhu lavela-nje lona,—ifaka umtsha wesikhumba sezimfene onezinjoɓo zezimpkaa—kuwehlezela izimpondo zezimbuzi nezinyamazane emaqakaleni—igcoɓa izitafutafu zamafutha ezandleni—iphethe umkhonto, neshoɓa lenkonkoni.

Sasesaɓeka lesi isangoma noma sihamba-nje

singasho lutho. Nxa sesibula khona, aƃantu ƃekungavumi noma ƃasibeke kodwa lokhu, ƃesiƃukwa yiNkosi kuphela, ƃonke ƃabeke iNkosi ƃayithi *njo.* Sasinele simshaye umuntu ngeshoƃa sisho ngeliphakeme izwi sithi: "Yigazi! Yigazi! Yigazi!"

Kwathi uZozosolonda engakafiki, sekuƃuthene amaƃutho asephelele, konke nezinduna nezinceku, sekuthule sekuthe *du,* kwavela iNkosi yakhuluma yathi indaƃa izwakele yokuthi ƃakhona aƃafuna ukuyidlisa ife, kwezwakala ukuthi kamunye, ƃaningi. Yathi ngalokhoke ifuna ukuƃa kuze isangoma sezwe sizohlola kahle lolu udaƃa, ukuze izigeƃengu zonke ezizonda iNkosi zisudukiswe kusale aƃathanda iNkosi kuphela.

Kwathula lapho kwathi *nyampu,* kwezwakala amadoda ephefumula kuphela.

Yavela iNkosi yathi: "Phumela oƃala Zozosilonda! Phumela oƃala Mthungathi wezigeƃengu! Sondela usitshele aƃazonda iNdlunkulu! Sondela Mlamula-nkunzi!"

Sathi siƃona isangoma sasixhumisa okwenyamazane, saya phezulu. Kwangathi kukhona okumkhaphayo, waye wathi *gxume* ngamadolo nangezandla phambi kweNkosi. Unele wagxumekeka lapho washo kakhulu wathi: "Nkosi yakoMkhulu! Ndlovu engaphendulwayo! Nyathi eciƃiza ƃonke aƃazonda iNdlunkulu! Tshinga, Mlomo kawuthethi manga! Nkosi yawo onke amathongo!"

Lapho wathi ukuthula, wagwinya amathe, sekuqhilika ingweƃu emlonyen—wasithi sonke ngendluluza yakhe yeso—wasukuma wema ngezinyawo—wahefuzela—wathi ukunyambisa iziñyo lakhe

ngolimi—wagulula izithukuthuku ngesithupha—watshikizisa ishoбa lakhe lenkonkoni. Kwema бonke aбantu бathula бathi *zumpu*, ngoбa phela onyakazayo esezakumejwayela.

Yathula iNkosi yasiбuka isangoma, iбeke unkomba esihlathini, idlala-dlala ngomkhonto ngesinye isandla.

Sathatha futhi isangoma simemeza sathi: "Ziphi! Ziphi izitha zeNkosi yohlanga! Zindala zona namuhla! Ngizakuzikhipha ngiziбeke oбala! Ngizakuzidwengula ngizishise ngomlilo! Zindala zona! Ngizakuzicwiya zizwa! Ngizakuzikhipha amehlo! Wo! Zindala yimi!"

Simemeza senze-njenje, sesicimezile nangaleli iso eliбonayo, sesimanzi lapha esifuбa ngamagweбu aqhilika lapha emlonyeni kuso. Sithe sithatha sasilivula iso, saligijimisa yonke indawo. Manje sasuka sagiya sa-de sixhuma-nje sekusengathi sesinezimpiko sesiyandiza. Siqale sagiya ndawonye, sagiya ndawonye, sesuka manje sa-de sihlehlela ngakulamaбutho ayesohleni lokuqala ngaphambi kweNkosi. Sa-de sithi ukuwagema siбuye siwadlule.

Lapho umuntu useбona lapha eziбeleni zamadoda sekubakuza-nje, yindaбa yovalo. Sigiye sagiya siyilokhu sijwayela lapha kulamadoda emi phambili, nawo eseze enyela manje. Ngayiбona enye isihlengezela izinyembezi, zehla kwaze kwamata uбuhwanqa ezihlathini. Manje isangoma salingisa ingwe, saxhuma, sakhasa, sanyonyoбa, saqalaza, safutha.

Zehla impela izinyembezi kulomfo manje, samuzwa eseбiбitheka njengengane. Wo! samбona isangoma. Samgqolozela njalo ngeso. Wo! Wakhamuluka manje esekhala.




Isangoma saxhuma saya phezulu, saye sema phambi kweбutho.

Saxhumisa okwengwe saye sahlala kuye samemeza sathi: "Yigazi! Nanti igazi!" Samshaya samvala amehlo ngenkonkoni, samemeza sathi: "Nampo! Nampo aбazonda iNkosi yethu!"

Kwaklolo6a onke amaбutho athi: "Hawu! Nango umthakathi!" INkosi yase isukuma ithi kaбanjwe, ephucwe imikhonto aqhutshwe ayomiswa laphaya. Amбamba amaбutho, amhlanganisa

izandla aziбopha ngegoda ngemuva amqhuбa ayakumumisa yedwa laphaya.

Kwaбa yikho lokho kwayikho lokho, бaze бahlangana бangamashumi maбili aбantu eseбekhishiwe бema laphaya, seбelinde-nje ukusho kweNkosi ukuthi бazakuбulawa kanjani.

Ngimi-nje nami ngiyasho ngenhliziyo ukuthi siyeza kimi. Ngicaбanga konke noma ngisisukele ngisisonte intamo ngisale sengifa sengisiбulele okungenani.

Kuthe ngisacaбanga lokho-nje sagxuma sema phambi kwami ngimi lapha nezinceku ezinye. Sangiphuбuza ngeshoбa eбusweni sasho sathi: "Yiбo laбa! Yigazi! Yihlule!"

Ngezwa iNkosi ithi: "Hi! nanso imihlola бakhwekazi! Kanti impela ngizakufa! Nawe Watala kanti unje! Mthatheni nimsuse naye aбulawe!"

Lapho izikhali zami zaziwela-nje zona namaбutho engakangithinti, ngayizwa imikhonto yami ikhenceza, ngadimede ngayimvuthu-nje, ngaphelelwa ngamandla. Athi engiqhuбa amaбutho engiбopha ngamagoda ezandleni ngase ngi-de ngiwa-nje angivuse angisunduze. Aye angimisa kuбo laбaya aseбelindelwe ngukuбulawa. Kodwa ngihambanje, inhliziyo yami imhlophe ithwe *qwa*, ngoбa ngiyazi kahle kamhlophe ukuthi ngifa-nje, kuthiwa ngizonda iNkosi, kakukho lokho kimi ngoбa iNkosi ngiyikhonzile impela futhi ngiyayithanda, kakho ongedlulayo kulokho.

Lithe lishona, sasesingamashumi amane thina esinukiwe esesimi sodwa silindele ukuбulawa ngokusho kweNkosi.

Sathathwa saqhutshwa sesiwa kuyo iNkosi, sema phambi kwayo. Yavela iNkosi yathi kithi: "Migodoyi-ndini! Nina enizonda iNdlunkulu ingone lutho! Nithinike manje! Khulumani phela ngizwe nanka amaбutho azakuniбulala nonke!"

Yathi iNkosi kaбakhulunyelwe yimi бonke. Ngaqhamuka ngathi ukumoyizela-nje kahle, kwangathi angesaбi lutho, ngathi: "Nkosi yakoMkhulu! Nani nina nisezakudla amaбele! Lalelani amazwi aphuma emlonyeni wami mina esengizakuбulawa! Ngithi kuбuhlungu kimi ukuбuka lezi izinsizwa zeNkosi ezizakuбulawa ziбulawelwa ichilo eliwedlula onke amachilo—ichilo lokuthi бazonda iNkosi—iNkosi yami le e-nje, e-nje, e-nje!

"Malungana namike Nkosi, ngithi yeбo, mangife, kodwa ngifa-nje ngiyajaбula ngoбa iNkosi yami sekulokhu ngayikhonza nanamuhla ngisayokhonzile; бengingayifela iNkosi, nanamuhla-nje ngifela yona; iNkosi ingufakazi wami ukuthi ngiyikhonzile; namanje sengijanyelwe ngemikhontonje ngiyikhonzile, бoze бangigwaze ngikukhonzile Nkosi yami, Tshinga! Kade kwasa amadlozi akwethu engiphephisa sengizakufela iNkosi! Namuhla ngithi halala mfo kaSolwandle! Hamba uyofela iNkosi yakho! Noyihlo uSolwandle uphansi-nje wafela yona iNkosi! Sala kahle Ngonyama! Sala kahle Nkosi yakoMkhulu!" Ngathi ngigcina amazwi ami kwakuduma onke amaбutho ekhuleka eNkosini.

Kwaqhamuka uZozosilonda wathukuthela wahlanya, wathi ngifanele ukujojwa mina engilokotha ukuphikisa yena engeze ngawakhuluma amanga,

ngiphike ngithi iNkosi angiyizondi, ingani yena uthi ngiyayizonda. Wangikhankatha kaƂi impela.

Yayisithi iNkosi angiphendule. Ngaphendula ngathi mina noma ngingaze ngijojwe, anginalo icala lokuzonda iNkosi.

Laselishonile ilanga lapho selithe *gqwame*, iNkosi yayisiphenduka ifuna uMavakeni isithi kuye katshele izinduna zisikake, ziqwashe kungaƂaleki noyedwa, yoze icaƂange iqede ukuthi izakuthi kasiƂulawe kanjani.

NgaƂona mina enhliziyweni ukuthi kukhulu okuzakusehlela, ngoƂa ngomthetho sasimelwe ngukuƂulawa sife ngalo lelo langa, kuyasa sidliwa ngamanqe le eziweni. KwaƂonakala-nje ukuthi kanti impela sizakuƂulawa ngokunye thina okunoƂuhlungu kakhulu.

Saqhutshwa sesisiwa esiƂayeni sezinkomo, sikakwe yiƂutho lihlome liphelele. Kwaze kwasa silapho—siƂoshwe ngamagoda njalo, izandla zihlanganiswe ngemuva. Asenzani amakhaza! Kephake phela kakho owayecaƂanga amakhaza ngoƂa umuntu uƂezwa esefudumele-nje efudunyezwa ngukuthi kazi sizakuƂulawa ngayiphi indlela.

Kwathi kusa ngomuso, sasiƂona kwakhiwa esikhulu isiƂaya esineziƂonda ezinde, zakhiwa zahlanganiswa kakhulu zambelwa zajula, kwayisinqalanqala. Sangeniswa khona kukho lokho kwavalwa njengalokhu kuvalelwa izinkomo. KasaƂona muntu ohamba ngaphandle ngoƂa nakhu phe a kuphakeme.

Wo! ƂaƂa! ngiyakutshela, kuƂuhlungu ukuhlala wazi ukuthi usuhlezi-nje usulinde ilanga

lakho lokuбulawa ngoбuhlungu oбukhulu oбesaбekayo.

Sihlale lapho kuleso sihulugu, kwaphela ishumi lezinsuku, kungezwakali lizwi eliphuma eNkosini —kuthule kuthe *nya*. Kwakungasehli nokudla kimi, ngenxa yokuбa ngangiphethwe luvalo lokuбulawa kanye nokuthukuthela okukhulu, ngithukuthelele uMavaneni. Ngoбa ukuбa wake wangena-nje yena esihulugwini lesi esasikuso, wayefile yimi, ngangingamdumela ngimlume nangamazinyo ngoбa phela nakhu ngangiбoshwe ngamagoda.

Ngelanga leshumi silapho, kwathi eбusuku ngangiyathe ngiyalala, uбuthonga kaбafika, ngangiyathe ngiyalala uбuthonga kaбafika. Kuze kwathi sekuzakusa-nje impela zingakakhali kodwa izinkuku zokugcina, ngezwa kuthi *le-le-le*. Ngithe lapha ngithi ngiyajumeka, ngezwa ngithintwa ngumuntu, ngacaбanga ngathi ngithintwa yilaбa esizakufa naбo; ngathi ukugudluka ngideda kuye. Ngathi ukuthulisa. Waбuye wangithinta lomuntu. Kuthe lapha sekufika ukuthukuthela kimi, ngezwa kusengathi ngumuntu uyahleбa uthi: "Watala! We Watala!" Ngathulisa ngaбeka indleбe. Waphinda lomuntu wathi: "Watala! We Watala!" Ngezwa ukuthi ukhuluma ngaphandle kothango lolu lwethu.

Waphinda wanyenyeza wathi: "Ungaze wakhuluma wena Watala! Lalela mina-nje uthule! Yimi, ngingokaMpithimpithi, ngizokukukhulula kulokhu ukufa enizakuбulawa ngakho!"

Ngahle ngamqonda okaMpithimpithi, umloбokazi engangisaqeda kukhulumela indoda yakhe,

wenda ingani izinduna zazingavumi ukuбa ende, mina ngayahlula iNkosi.

Uthe ukuбa ezweke ukuthi nakhu ngimi kaбi kanje, wayesethanda ukuбa aбuyise imikhombe, azame ukungisiza nami, azisa lokho kumkhulumela kwami eNkosini ngisemi kahle.

Ngitheke ukuбa ngizwe ukuthi kanti ufuna ukukhuluma nami, ngasengiholeka kancane, ngaze ngafika othangweni. Ngamбona naбala okaMpithimpithi ngesiboбo othangweni, naye wangiбona ngoбa kwakuyilapha kuthatha ukusa kuthi *nwi* ezansi.

Uthathe wathike okaMpithimpithi: "Lalelisisa Watala, ngoбa nakhu sekuyasa, funa ngiбanjwe—uyazi kambe ukuthi ngihlala neNdlovukazi, unina weNkosi—ngayizwa iNkosi ikhuluma nonina ithi nawe ukhona phakathi kwalaбa aбantu aбanukwa yisangoma, nokuthi nawe uzakuбulawa—ngezwa futhi ukuthi iNkosi ifuna iceбo elisha lokuniбulala —lelo ceбo izakulixoxa noMavakeni—ngasengihlozinga ukuбa ngiбeke indleбe mzukwana бexoxa ngaleyo ndaбa."

Nami ngathathwa yinhliziyo lapho ngingakholwa ukuthi kwakungenzeka lokho ukuбa intombazana esengumakoti-nje iбenamandla okuzwa ukukhuluma kweNkosi ikhuluma nenceku yayo. Ngalikhipha lelo lokuthi kangiбoni ukuthi wakuzwa kanjani lokho kukhuluma. Wayesethi kimi angiyeke ukuchitha isikhathi ngokuthi wezwa kanjani, wathi uyakungichazela ngelinye ilanga lokho. Ngathi mina kuye: "Wo! musa ukuhlekisa ngami, ngoбe ngisephi ngelinye ilanga ngizakuбulawa-nje!" Waphi-

kelela umuntu wesifazane, wathi angilalele akushoyo, angiseze ngafa, uma ngilalela lokhu azakungitshela khona. Ngalalela nembala.

Wayesethathake esethi: " Khona mzukwana ninukwayo, iNkosi yakhipha iбutho lonke, yathi kalimbe imboбo isuke ngapha kwentaбa ize iphonseke ngapha. Iбutho liqedileke namuhla, seliphumile ngapha kwentaбa. Kulemboбo, phakathi nayo, kumbiwe izisele ezikhulu ezingamageбe zaбazintathu. Lezi izisele zijule kakhulu, angephinde umuntu aphume uma ephonseke khona.

Ngalelela lapho ngicaбanga ukuthi haбe, umuntu konje ngase ethuka esesinda-nje.

Wayeseqhuбa okaMpithimpithi wathi: "Uyaбona lokhu ukukhuluma ngikukhuluma-nje, ngiyayazi lendawo ngoбa ngaya ngayakuyiбona ngamehlo ngenzela ukuбa ngizosindisa wena. INkosi iyaqonda ukuthi kakho phakathi kwenu oyakuбanamandla okungena ngapha kwemboбo aze aphume ngale kwayo. Ithike iNkosi niyakungena khona lapho embotsheni phakathi kwamaбili, kumnyama kuthe buqe — yethembileke ukuthi ngoбa nakhu kanizazi izisele lezi ezintathu ezimbiwe khona phakathi, niyakukhalakathela kuzo nonke nifele khona, ngoбa futhi koбe kumnyama ningaбoni lutho nolunci.

Ngithe ngithi ngisalalele, kwezwakala izwi lendoda kakhulu, ngashaywa luvalo olwesaбekayo, nokaMpithimpithi wathi *ne* phansi wacasha. Sizwa kumemeza indoda ngelikhulu iphimbo ithi: "Maye! Maye! Hawu! Ngonyama yakoMkhulu!

Shwele бaбa! Ngizakumshiya noбani umfazi wami nengane yami iyodwa qhwaбa!"

Ngashesha ngaqonda ukuthi ngumuntu lo uyaphupha—kukuбo laбa esikanye naбo—kuyaбonakala ukuthi uphupha ezincengela eNkosini ukuбa isale isimthethelela.

Wayeseqhuбa okaMpithimpithi wathi: "Bekake Watala ngikuyalele amageбe ukuma kwawo ukuze uqonde kahle ungaphonseki; elokuqala igeбe, uyakunyathela izinyathelo ezingamakhulu amaбili usuka ekungeneni, ufike kulo." Wathi futhi uyakwazi kahle lokhu ngoбa useze waziбala kaningi izinyathelo kuleyo ndawo, ngoбa waye-de esela umyeni wakhe ukudla, eseбenza khona embotsheni leyo, ngoбa yiбo aбayeni баბo aбaбemba khona.

Wathi: "Uma sekusuka kwelokuqala igeбe kuya kwelesiбili, kuyizinyathelo ezingamashumi amaбili nezinyathelo ezine—uбusunyathela kathathu *zwi*, usufika kwelesithathu igeбe. Onke amageбe angangemboбo yonke uбuбanzi бawo; umuntu usinda ngoбa eweqa kuphela."

Ngaбuza ukuthi aбanzi kakhulu yini uma umuntu eqa, kungafuneka ukuбa eqe kangakanani ukuze angaphonseki phakathi na.

Wayesengitshela ethi elokuqala lingangezinyathelo ezine umlomo walo; elesiбili elikhulu kunawo onke lilingana nezinyathelo ezisishiyagalombili; elesithathu lona lingangelokuqala, linyathelo zine.

Uthe lapho esekushilo lokho wathi usethembileke ukuthi angiyikufa mina ngoбa nakhu sengizwile leli iceбo aбazakuбulawa ngalo. Wathi sengiya-

kuphuma ngiphela ngale kwemboбo. Wathi kodwa бekungasafanele ukuбa ngiбe ngisakha kulelizwe ngoбa iNkosi kayikukuthanda ukuбa yehlulwe ngumuntu eбiqonde ukumбulala.

Wo! ngaбongake lapha kowesifazane, ngaбaбaza kodwa ngathi kazi izinyathelo ezisishiyagalombili ngiyakuzeqa ngizithini emnyameni, futhi noma ngizeqile, angiyikuthatheka yini ngiye ngiphonseke kuleli igeбe lesithathu aбalisondeze kangako kwelesiбili na.

Wayesethi okaMpithimpithi angiyeke ukuzihlupha ngokuбonga ngomlomo—ngiyoбe ngiбongile uma ngiye ngaphuma ngale kwemboбo ngiphela. Wathi naбaphansi бayakungibeka ngoбa nakhu ngomthetho ngifela uбala.

Uthe engakahambi ngathi ukuбuza indaбa yomkami okaNqaбayembuбe kanye nomfanyana wami owayelusa izimbuzi zami, uFaбagiye, okunguyena nkosana yami. Wadimede waqhimika wakhala lapho owesifazane ukuбa ngimkhumbuze umkami, wangitshela ukuthi kakwazi ukudla emlonyeni okaNqaбayembuбe kanye nomfana wami uFaбagiye sekuyilokhu sanqunyelwa ukufa. Wathi naye okaMpithimpithi usewakhuluma wakhuluma waze wayeka-nje ethi: "Mamo! KaNqaбayembuбe dlana ukudla wondle ingane le yomyeni wakho! Usayakuбuye wenzenjani-na!" Phinde!

Lapho kwasekuthanda ukuthi *juqu*, ukusa. Umuntu eza laphaya esengaбonakala ukuthi unguбani. Ngithe ngithatha ngangithi kowesifazane lo kahambe бangaze бamбone, aphindele ekhaya, afike angikhonzele kakhulu kuNomusa nakuFaбa-

giye, aбatshele ukuthi uma бengibekile oбaбa phansi, mhlawumbe ngiyakuphumelela ngiбuye ngiбaбone. Ngamłayeza ukuthi kafike khona manje amtshele owakwami ukuthi kangaziбulali ngendlala, kadle ukudla, aphe nengane yami idle.

OkaMpithimpithi wagcina ngelokuthi kimi kangisoze ngafa, uzakufike atshele aбakithi ukuthi ngiyeza ekhaya, kuhle бangibeke. Langimisa isiбindi lelo lizwi lomuntu wesifazane.

Waveza isandla othangweni, waxhawula, wafulathela.

Uthe efulathela wayekhuluma yedwa ethi: "Hawu! Ngiyazisa ngomntakaSolwandle! Wangisiza kangakaya! Ngihlezi kahle-nje, ngasizwa nguye umntakaSolwandle! Angasindi, бaбa!"

Ngamбuka njalo waye wathi *tshoбe*, nga ngiбeka ikhanda phezu kwegade ngicambalala. Lilele iбandla leli eselizakufa, nalo lithe *wo*.

Akuбange kusavuma ukuбa ngiłale; ngiбalisa ngithi kazi ngifulathelwe yikho konke-nje ngoneni kuSolwandle phansi—ngithi iNkosi yini lena eyenze ukuбa isale isikhohlwa yikho konke ukuyiseбenzela kwami, ngiyisindisa nalapho seбefuna ukuyiбulala—ngathwalwa ngotshani yizigeбengu ngizakufela yona—ngibongelwa ngamabuбesi emahlathini ngiyilandela intombi yayo koMasimini—ngiбalisa ngazo zonke izigigaбa engangisinda kuzo ngisindisa iNkosi ngithi ngiyayijaбulisa kodwa yona isigcina ngokungiбulala kaбi kangaka!

Nakulemboбo engiyizwa ngokaMpithimpithi, inhliziyo iyakhala ukuthi mhlawumbe kukhona okunye angakuбonanga esicushwe ngakho pha-

kathi embotsheni le esiyakuguduza kuyo kuhlwile kumnyama kungaбonakali lutho.

Ngiбuye ngiбuke ukuthi noma kambe ngingaye ngiphume embotsheni ngiphela, iNkosi ingeke ikuthande ukusinda kwami; iyakuбuye ifune elinye iceбo lokungiбulala, noma mhlawumbe ingehlise ingikhiphe esikhundleni sami enganginesithunzi ngaso kuбantu, eбese ngiбa ngumuntu *phaqa*. Kwakuбuye kufike kodwa ukuthi khathisimbe iNkosi ngothi uma ngisindile, ijaбule ingiбuyisele esikhundleni sami soбukhulu. Kodwanake lowo mcaбango wawuбuye uxoshwe yilo wokuthi iNkosi iyoбuye ifune elinye isu lokungiбulala noma ngingaphuma ngiphela embotsheni leyo.

Kuthe ngalo lelo langa, liбantuбahle, lafika salizwa izwi leNkosi lokuthi masikhishwe size kuyo izositshela isu esilicaбangile. Sakhishwa, sagqutshwa sayiswa eNkosini.

Sithe sesimisiwe phambi kwayo, yona ihamba nenceku yayo uMavakeni, yathi kasilalele isitshele.

Yathatha yathi: "Niyakhumbula mhla ninukwayo ukuthi lo owayeyinceku yami, uWatala, wakhipha izwi lokuthi ufa-nje yena kazinyezi ngalutho ngoбa ukhonzile kimi, kanacala lalutho umhlophe kulendaбa. Amazwi akhe angithinta kakhulu inhliziyo ingani ngangithukuthele ngithi ngizakuniбulala nonke ngalo lelo langa. Kephake ukuthinteka kwami inhliziyo kwangahlula ukuthi njengokuбa ninukwe yisangoma sami esingathethi manga, uWatala ulithatha kanjani elithi kanacala na.

"Kephake inhliziyo yami kayivumi ukuбa nginiбulale. Sengiyoбona ngoбa niphume niphela ngale kwemboбo elaphaya entaбeni ekade imbiwa yiбutho izinsuku ezilishumi. Ngifuna ukuбa nonke ningene khona niholwa nguye uWatala lo. Nongena phakathi koбusuku kungasahambi muntu, sekuhamba amathongo odwa. Iqiniso sengoliбona lapho ukuбa amathongo la eniyakuwafinyanisa kuleyo mboбo, aniyeke uma ningenacala. Kodwa onecala angeke amyeke. Ayakumgwaza khona phakathi embotsheni. Sesoбonake aбayakuphuma бephela. Soбona ukuthi бala kaбanacala.

"Lento ngiyenza-nje, ngiyenza ngoбa phela nakhu kukhala lo owayeyinceku yami, uWatala. Ngithanda ukuбa kungaбikho okhalayo entweni engiyenzayo. Ngithanda ukuбa kusale sekunquma wona amathongo eбusuku. Kakukho okuhle okwedlula lokho ukuze kungakhali muntu."

Wathi eqeda lamazwi wayesebeke eбandla lezinduna ayehamba nazo oMavakeni. Nazo zaklwaza zonke zakhuleka zathi: "Yeбo Ngonyama! Kungakhali muntu!"

Manjeke iNkosi yangithi ukungibeka — ngoбa phela sesilokhu sifikile-nje ayikaze ingibeke nokungibeka. Ithe ivela yayithi: "Uthinike kulokhu ukukhuluma wena Watala!"

Minake ngithule-nje ngilalele iNkosi ikhuluma, ngiбuka aбantu laбa eseбeze бakholwe impela ukuthi iNkosi ikusho-nje lokhu ikuqinisile ukuthi siyakugwazwa ngamathongo phakathi emgodini, kuthi aбangenacala aбadedele бadlule. Kodwana phela бonke бaбekukholwa impela lokho, ngoбa

phela kwakwaziwa ukuthi iNkosi ngumlomo ongathethi manga—futhike iyezwana nawo onke amathongo, ngoбa iyakhuluma nawo, kwasa-nje.

Kwakuthi nempela nangezinye izikhathi uma iNkosi isikhuluma ngamathongo, бonke aбantu бalalele, бathuthumele, ngoбa nempela бekholwa ukuthi iNkosi ithatha khona.

Cha mina, бaбa, kwakungeze kwangihlaбa mxhwele-nje uma iNkosi isikhuluma ngamathongo; noma kambe ngangazi ukuthi yeбo, amathongo wona akhona, ahamba khona phakathi kwethu lapha zonke izinsuku.

Ithe lapha iNkosi ithi kangiphenduleke kolokhu ukukhuluma kwayo, ngathi kazi ngizakuthini lokhu mina angizange nanini ngikholwe kakhulu ngikukhuluma okunje; futhike nakhu kulendaбa yalamathongo okuthiwa asilinde embotsheni, sengazi ukuthi kakukho mathongo—amathongo kampe ngamageбe lana esiyokhalakathela kuwo. Cha, ngathamba-nje.

Ngasengivela sengiphendula. Ngiphendula ngathi: "Nkosi! mina selokhu ngavela, amagama eNkosi mahle kimi!" Ngagcina.

Kwasuka iNkosi yathi kimi: "Namanjena-njena usaliphinda elokuthi izandla zakho zimhlophe kulokhu ukukhuluma-na?"

Ngathi mina: "Nkosi! Ukuбa zimhlophe ezami izandla, zimhlophe njengezeNkosi uqoбo lwayo!"

Yayisithi iNkosi kanti kuzakuбa kuhle ngoбa amathongo kaseze angenza lutho laphaya embotsheni.

Lapho ngezwa kufika ukuthukuthela kimi, kwa-

thi angenze into-nje yokwedelela phambi kweNkosi, ngaƂuye ngazikhuza.

Ngasengikhuleka eNkosini, sengithi: "Nkosi ngiyaƂuza ngithi kambe uma ngiphume ngiphela layapha embotsheni, iNkosi iyakungiphindelisela ingimise esikhundleni sami soƂunceku eNkosini na?"

Yavuma iNkosi, yaze yafunga aƂakhwekazi Ƃayo.

Ngathi: "Wo! Ngonyama yezwe! Kanti usazoke aphile okaSolwandle umntwana, ayikhonze iNkosi yakhe, uTshinga."

INkosike yayisithi kuMavakeni kahambe ayotshela induna yeƂutho laseMzansini ukuthi makuƂe yilo elisiqhuƂayo liye lisingenise khona embotsheni phakathi kwamaƂili, lime lapho liqaphele ukuƂa singaphindeli emuva; lime kuze kuse kuthi *cha*.

Saqhutshwake sesisiwa lapho. Kwathi ingani iNkosi ngiyaqonda-nje ukuthi iƂuka mina, ngoƂa nakhu phela yethembe ukuthi ngeke ngidaƂule namuhla, ngabeka le mina, angaze ngabeka kuyo nempela.

Kwathi sesiqhutshwa sedlula kuyo impela eduzane, ngithe ngizwa yayisifutheka ithi mangime. Ngema ngabeka kuyo manje. Yangithethisa yathi kimi ngenziwa yini ukuƂa ngidlule-nje kuyo ngibeke phezulu ngingaƂongi lesi isenzo sayo sokuƂa nakhu isinika ithuƂa lokuƂa sisinde uma singenacala na. Ngathula-nje ngabeka phansi. Yathi: "KawuƂongi Watala na?" Cha, ngathula-nje ngabeka khona phansi. Zangihlokoma izinduna.

Yaqhuba iNkosi yathi: "Wenzani phela wena Watala! Uyazi ukuthi kade wawungisindisa mina! Uyazi ukuthi mina ngangiye ngiбonge kuwe! Wena kawungiбongi ngithi ngenza iceбo lokukusindisa na! Ngithi ngenza ukuбa uhlale udle amaбele na! Lokhu ukuбa amathongo ayatshelwa ngaбe ngithi aze angakwenzi lutho na! Kawuvalelisi nakuvalelisa na!"

Ngaphendula manje ngathi: "Nkosi, kuvalelisa ohambayo! Mina kangiyi ndawo, ngoбa angone lutho; iNkosi ngiyaбuya ngizohlala nayo khona lapha eNdlunkulu! Pho, ngingavaleliselani!

"Kusasa ngoбe ngikhuleka eNkosini khona lapha—ngoze ngivalelise mzukwana ngazi ukuthi iNkosi ingiбulala-nje kukhona engikonile!" Ngawakhipha lawo magama ngibeke kuyo impela iNkosi. Ngiyiбuka izinhlamvu zamehlo.

Yasuka lapho iNkosi yangihwaqela yangifutha yathi angihambe kanti amathongo ayongisonta intanyana ngoбa nakhu ngisakhuluma kanje kuyo.

Ngathi mina: "Nkosi ngoбe ngilapha kusasa ngizokhuleka kuwe—amathongo kawaбenzi lutho aбantu aбangencala njengami-nje—ngophuma ngiphela ngi-nje!"

Yayisithi ukuthula iNkosi, kwangathi ifikelwa ngumcaбango wokuthi бala inecala kimi ngokungiбulalela uбala, yayisithi: "Suka uhambe ulandele aбanye!"

Saqutshwake sasiwa khona embotsheni leyo. Ngihamba-nje inhliziyo ihambe ikhuluma yodwa amagama okaMpithimpithi. Ngikhumbula ukuthi

konje uthe amaɓanga okunyathela mangaki phakathi kwezisele lezi eziphakathi. Cha, ɓengisakhumbula kahle lokho, ngihamba-nje noma uvalo lona lungishaya, kodwa nginethemba ngoɓa imikhuɓa ephakathi ngiyayazi esigilelwe yona, le okuthiwa sizakugwazwa ngamathongo kanti sizakuphonseka eziseleni ezinde siyofela phansi lapho, singangcwatshwa nakungcwatshwa. Imikhuɓa engiyigilwa uMavakeni, ɓaɓa!

Sathi lapha sesiya kuyo intaɓa le enemboɓo, saɓona isikhamisa-nje entaɓeni esimnyama esesaɓekayo. Sasondela sayesafika khona kwathiwa kasime—sekusho induna le yamaɓutho asiqhuɓayo. Sema. Kwashaya umoya oɓandayo othe *mo* uphuma kulomhume owesaɓekayo. Umuntu wezwa lamadoda esizakuɓulawa nawo esezikhalela kuyileyo ikhala ngezingane zayo nezinkomo zayo ekhaya layo.

Mina kwathi kimi *ngqi*, kakwasho nokuthi kangikhale, kakwasho nokuthi kangihleke. Ngemanje ngathi *thwi*.

Induna ithe ithatha yayithi emaɓuthweni kuhle asikhumule amagoda lana esiɓoshwe ngawo njengokusho kweNkosi, singene sesikhunyuliwe emhumeni lapha lo omnyama.

Kwathukululwa mina kuqala, ɓaseɓengikhaphanje kaɓi ɓengikhaphela khona emhumeni ngoɓa kwakuthiwe kohamba mina phambili, ɓalandele mina ɓonke.

Manjeke ayakhala amadoda lana esiɓoshwe nawo; ngalokho ngaɓona ukuthi ngingase ngilimale akhwele phezu kwami lapha nawo esengeniswa

esaɓa. Ngakho ngashesha ngaqonda phambili emhumeni, ngaze nganyathela izinyathelo ezilikhulu.

Ngithe lapha sengiqede lezo zinyathelo ezilikhulu, manje ngaguqa phansi ngagaqa ngamadolo njalo.

Ngigaqe ngagaqa, nami sengesaɓa ukuthi sengiseduze negeɓe lokuqala, ɓala ngithe ngizwa kwasekuthi *he*, umoya oɓandayo. Ngaqonda lapho ukuthi lomoya usuphuma phansi egeɓeni leli lokuqala. Ngaɓona ukuthi sengifikile kulo njengamazwi okaMpithimpithi.

Kumnyama kakuɓonakali ngisho isithunzana sodwa lesi. Ngasengihambisa isandla kahle phansi ngaze ngezwa igaɓajana, ngasengiliphonsa phakathi egeɓeni. Ngalizwa lishwiɓeka njalo, njalo, njalo, laye lathi *khahlahla* phansi emajukujukwini.

Umuntu waɓona-nje ukuthi naɓala eke waphonseka lapha kuyakuɓa kugcina kwakhe njalo okokuphela okokugcina *ngci, ngci*.

Phezu kwalokho, ngezwa kufika isiɓindi esikhulu kimi, ngaze ngamemeza kakhulu ngathi: "Heya! Kanti luɓala-nje!" Nami angikwazi ukuthi lelo ngangilikhiswa yini.

Ngifuqe lapha-nje ngiyawezwa lamadoda ayeza ngemuva kwami ayahefuzela manje, yindaɓa yovalo. Ngithe ngisuka nga ngithi ukuphindaphindela emuva—ngenzela phela ukuɓa ɓangathi ɓefika ɓaɓeɓengisunduza ngikhalakathela egeɓeni leli.

Ngithe ngisaphindela emuva kancane, ngezwa seɓegquma impela seɓengimemeza futhi-futhi,

ɓeɓuza ukuthi sengiphi ngoɓa kaɓaɓoni lutho nempela. Manje seɓeɓambene ɓodwa ngoɓa seɓesaɓa ukwehlukana, nakhu ɓacaɓanga ukuthi lukhulu luzakuɓehlela lapha emhumeni lo.

Ngase ngiɓamemeza ngithi kaɓahambe kahlenje, ɓangashaywa luvalo ngoɓa uma ɓetatazela, ngahle ɓehlelwe yingozi enkulu. Ngathi kaɓalalele ngendleɓe ɓangizwe lapha ngikhona, ɓasondele kancane, ɓahambe kahle-nje; ngaɓatshela ukuthi phambili lapha kukhona ingozi enkulu kakhulu esengiyiɓonile—kuhle ɓeze kahle, ɓangezi ngamawala funa sife sonke.

Cha, ɓalalela ɓathula manje ukuxokozela, ngaɓezwa ngemifutho kuphela, ɓephefumula ngokugedezela emnyameni.

Ngathula lapho, ngoɓa ngiyazazi phela izinyathelo engizinyathele ngiphindela emuva. Ngizakuthi lapha sengiqonda phambili ngingadideki. Nga-de ngithi kulaɓa ɓakithi: "Neno ɓelu!"

Kanti ɓahamba-nje, aɓanye seɓesola khona kimi lapha, ukuthi kungahle kuɓe sekuyilo ithongo leli eliɓaɓizayo, seliɓaɓizela khona ukuɓagwaza. Lokho ngikufumene lapha ngithi ɓaliɓele yini ka-de ngimi ngiɓalindile na. Ngithe ngizwa ɓase ɓekuhleɓa lokho ukuthi mhlawumbe ɓahamba-nje seɓeɓizwa yilo ithongo okuthiwe liphakathi lapha emhumeni.

Ngase ngithi ukuɓafutha ngithi ngiyezwa ukuthi ɓacaɓanga ukuthi ngiɓaɓiza-nje ngilithongo; ngathi uma ɓengasheshi manje ngiyaɓashiya, ngoɓa mina ngifuna ukuphuma kulomhume owesaɓekayo. Cha, laɓasheshisa lelo lami.

Kuthe ɓefika kimi, ngaɓezwa ɓonke ɓethanda ukusondela kimi ɓangithinte ngezandla ɓezwe ukuthi ɓala yimi na. Ngaɓayeka-nje ɓangithinta ngezandla, ɓadela ukuthi nempela yimi, kakuyilo ithongo leli aɓase ɓelesaɓa.

Ngijuluke ngimanzi *minci* ngaleyo nkathi. Ngasengithi kuhle ɓalalele ngiɓatshele engikwaziyo okulapha emhumeni. Ngaɓatshela ngaɓatshela konke, ngasengithi kuhle ɓaklele ɓalandelane, ɓangishiyele isikhala sokuze kweqe mina kuqala egeɓeni lokuqala.

Ngase ngiɓuye ngithathela ngiɓalisisa izinyathelo eziya kulo igeɓe. Aɓantu laɓa ɓemi ɓona ɓathule *nya*.

Ngasengithi kaɓoɓala ngezinhliziyoke izigi zami, ɓalalele lapha ngoqala khona ukweqa, ngithi ɓayakuzwa ngami ngomemeza lapha sengiqala ukweqa.

Ngaya egeɓeni ngathi *di di di*, ngithe ngikulo ngakhuza ngathi: "Ha!" Ngesuka ngaphela phansi, ngalingisa inyamazane, ngazigoqa izinyawo zami, kwangathi ngijikijelwa yinto, ngaye ngathi *gxume* phansi ngaphesheya kwegeɓe. Ngahlaɓa ikhefu lapho.

Ukweqa engakweqa lapho angikwazi. Futhi angizange ngixhume kangakaya; ngofa futhi ngingazange ngeqe kanjeya. Kwaɓa manzi lapha ngimi khona yizithukuthuku ngijuluka zehla ngambili ngantathu zithi *pho pho pho*.

Wayesengimemeza omunye kulaɓa esinaɓo eseɓuza ukuthi ngeqe kahle na. Ngaɓatshela ngathi ngeqile kodwake—kunzima. Ngathi kuyakulunga

ukuɓa ɓakhiphe onke amandla lapha seɓeqa ukuze ɓangaphonseki phakathi emgodini.

Zeza izinsizwa manje sezithukuthele — ezinye zagegetheka zahleka, ezinye zashaya izaga, ezinye zathula *du*. Zeqa, zeqa, zeqa, ngithule ngizilindile. Ezinye zizwakale ukusuka kwazo phansi, zingaɓe zisezwakala ukugxumekeka kwazo nganeno.

Sasiyilokhu sizwa kukhala uɓudinsi-dinsi phansi le.

Eɓeɓephonseka phakathi emgodini, ɓeɓengakhali nakukhala phansi le, ɓekugcina ngakho ukuzwakala ukudinsileka kuphela, ɓangaɓe ɓesaphenduka, kuɓe ngukuphela njalo.

Sithe sesiɓalana lapha nganeno thina eseqile, kwafunyaniseka ukuthi siyisishiyagalombili kuphela phakathi kwezinsizwa ezingamashumi amane ezingenile emhumeni, zifile izinsizwa ezimashumi mathathu nezinsizwa ezimbili, kazisoze zaɓonwa nokuɓonwa kodwa lokhu.

Sathula lapho, kakwaɓakho okhulumisa omunye, sonke sesiveva-nje. Saɓambana ngezandla satotoɓa kancane saɓanga phambili. Angithule ɓelu mina; ngizama ukuɓaqunga isiɓindi, ngiɓatshela ukuthi kakukho lutho ngaphambili. Kodwa nami ngiɓaqunga isiɓindi-nje, kasikho-nje nangempela kimi; sengiphelile, sengizihola-nje—kulokhu ukufa esiya kukho phambi kwethu. Ngoɓa lingimi elokuthi kodwa izinyathelo ezisishiyagalombili umuntu uyakuzeqa azithini engenyamazane ngempela na. Futhi leli igeɓe lesithathu umuntu kayikuze aphonseke khona kulo yini noma ethuke eweqa wona umgodi na.

Ngase ngiбuye ngiбatshelake futhi ukuma kwegeбe lesiбili, nengozi ephambi kwalo ngenxa yokusondela kwegeбe lesithathu.

Nakulo leloke futhi kwaqala mina ukweqa. Ngaбala izinyathelo qedane ngaбuye ngaphinda khona ukudidiza lokho. Manje ngawakhweza onke amaphaphu, ngezwa kugwanya izinkonyane wonke umzimba wami, ngacimeza amehlo, ngasho kakhulu ngathi: "Ha!" njengokwenza kwami nakuqala; ngazigoqa izithwana zami, ngandiza uqoбo lokundiza. Ngithe ngisephezulu emoyeni, kwafika ukwesaбa sengathi ngiyakwehlela emlonyeni wegeбe lesithathu, kokunye ngehlela phakathi nawo lomgodi engiweqayo.

Ngithe ngisaninga lokho enhliziyweni, khona ngisagoqe izitho, ngangiyezwa *mu*, lapha esiphongweni kimi.

Kwahlwa-nje ukuthi lento engiбulala kangaka yini. Ngangiphela njalo khona lapho, angaбe ngisezwa lutho.

Kuбe *nya nya nya*, ngezwa ngiphaphama. Ngathi ukuhambisa isandla ngithi mangizwe ukuthi ngiphi. Ngafumanisa ukuthi kanti ngiwele ngaphesheya kwalomgodi eбengiweqa, ngafike ngadilikiceka eduze-nje komgodi wesithathu. Ngezwa kugquma lapha ekhanda; uбuso seбuthe *te* yigazi. Ngizwa isisele esikhulu lapha esiphongweni sami lapha ngimuleke khona. Ngisantula-nje ukuthi бekuyini le engimulile.

Ngicaбange ngacaбanga ukuthi ngishaywe yini, kwafika umcaбango wangikhanyela wokuthi ngixhume kakhulu, ngaze ngaya phezulu kakhulu

ngashayeka phezulu lapha komhume, ingaбe mhlawumbe kukhona izinkunzi zamatshe ezivele enhlaбathini.

Ngithe ngithatha ngangimemeza kakhulu ngithi ngimemeza aбakithi laбa eбesinaбo, ngithi nga mhlawumbe бasemi kaбakeqi. Ngimemeze ngamemeza, ngaze ngayeka-nje ngingaphendulwa muntu. Kanti kakusekho noyedwa. Kakho noyedwa okwazile ukweqa lomgodi engiweqile—sengisele ngedwa *vo*. Lapho umzimba wami uyadengezela ngoбa phela nakhu sengophe kakhulu ngenxa yalengozi engivelele.

Ngilapho-nje, sengiseduzane kanti impela nokuбa ngiphumele ngale komhume lo. Ngethuke sengiбona ukukhanya kuthi *loko-loko* ekuphumeni laphaya. Yilapha ngiбone khona ukuthi kanti sengiseduzane nomnyango.

Manje ngase ngikhumbula futhi ukuthi konje iNkosi ithe uma sekuze kwasa singaphumile lapha embotsheni, sesoбa sahlulekile, amaбutho ayakusiбulala. Lokho kwangiqhuбela ukuбa ngithi khona sengikhathele-nje, ngiбuye ngizwe senginamandla.

Ngasukuma ngema. Ngezwa ukuthi cha, amandla wona asekhona emzimbeni; ngingeze ngahlulwa ngukweqa lomgodi osusele. Ngacaбanga isu lokuthi ngizakuthathela kanjani.

Manje lomgodi wesithathu, ufike wangahlula ukuthi ngizakuweqa kanjani wona ngoбa usondelene kakhulu nalo wesiбili. Umuntu kanamandla okuthathela ukuбa uyaya khona, usefuthelene uselungele ukuxhuma—kufuneka ukuбa umuntu

asuke khona phansi-nje lapha emi khona eqe—kuɓe nakhu lokho kakulula kimi, ngoɓa nakhu sengingumuntu sengikhulile, futhi nakhu sengiijiyele lapha ekhanda, futhi ngiyasindana, ngoɓa phela, wena ɓaɓa, ungangiɓoni sengingunogolantethe-je, ngaleyo nkathi ngangizimukile, ngimkhulu.

Ngiɓuke ngaɓuka, ngi-de ngithi ukuzizwa amandla, ke ngixhume nje ngiye phezulu, ngizwe ngilula impela, ngaɓona manje ukuthi ngiyakuphumelela. Wo! ngazilahla. Ngasuka ngaphela phansi ngelula izingalo, kwangathi ngemukelwa ngumuntu ngale; ngaye ngagxumekeka phansi ngezinyawo ngale kwawo umgodi. Ngaziɓonga lapho.

Ngithe ngisathi ngiyaziɓonga, ngezwa kukhuluma aɓantu ngemuva kwami, ngathi ukubeka ngaɓona izithunzana ezimbili zaɓantu. Ngithe ngithi ngezwa sekuhlala umkhonto kimi esicutshini sengalo. Kwasekumemeza omunye walaɓa aɓantu aɓaɓili—kanti nguMavakeni, wathi: "Wena ɓaɓa! yikho-na ɓaɓa lokhu okunguWatala!" Ngathi mina: "Ehene! yimi lo, nakhu lapha ngikhona manje!" Ngasho ngiwukhumula umkhonto lo ngiwujikijela phansi emgodini.

Wamemeza uMavakeni wathi: "Uqambe ushilo mfokazana! kawukaphumeli ngaphaya kwemboɓo!" Wayewuciɓa omunye umkhonto, wathi kawungijuqe amathumbu, ngavika ngakhoɓela, ngase ngithethe ngejuɓane sengiɓange entunjeni yemboɓo, ngaye ngaphuma.

Kwaɓangathi ngiyaphupha sengiphumele ngaphandle sengiɓona izwe. Kwaɓa sengathi ngiya-

yiqaбuka imithi, kanye nezintaбa nemizi yakithi, sengiбuka.

Kalikaphumi njalo ilanga ngaleyo nkathi. Kwakungakaбikho naбantu aбahamba phandle ngoбa бабesalele yonke imizi.

Ngasuka lapho ngaбanga emfuleni ngayogeza, ngaбopha amanxeбa lana; ngazilungisa kahle, ngakhuphuka ngaбanga eNdlunkulu.

Yathi ivuka iNkosi ekuseni, mina nga kade ngahlala sengilinde ukuбa ivuke ngikhuleke njengokusho kwami kuyo izolo.

Kwathi lithi *phasha* ilanga kwakufika izikhulu eNdlunkulu; ziyafika ziyangiбona zifike zidudumele imizimba, ngoбa ngasengifana nethongo eliphuma engcwaбeni, ngoбa kakho owayesazi ukuthi ngisayophinda ngiwadle amaбele.

Ngasimeze ngakhohlwa-nje ukuthi ngigcoбe-ni emzimbeni kimi ngoбa nezikhulu lezi kazisondeli kimi, zima laphaya kude; ngisho namahomfu eNkosi, izinja zayo ingani zazikhonkotha-nje phinde ukuбa zize lapha kimi. Zinele zingiбone-nje zikhalise okwemiwundlwana, zikhwice imisila ziбaleke ziyongena esigodlweni seNkosi. Lento yangimangalisa ngathula ngathi *nya,* ngicaбanga ukuthi yini lomhlola futhi na.

Kuthe ngithule lapho, kwaqhamuka isifazane sithwele amanzi. Naso sangithi *klaбe,* sedlula. Munye engamбona aze asalele kwaбanye, engiбukisisa. Nami ngamбukisisa. Kanti nguye lo ongisindisileyo—okaMpithimpithi. Siбukane naye, ngaбona sekwehla izinyembezi kuye, wayesefulathela elandela laбa aбanye. Inhliziyo yami yayi-

lokhu imzonde njalo, ukuthi ngisaphefumula-nje nguye, ngaɓe nami ngiphansi le emigodini lapha zilele khona izinsizwa zamadoda.

Ngihlale ngahlala lapho, ngithe ngizwa kwasekuthiwa iNkosi iyangifuna ngaphakathi. Ngathi *luca*, ngaya, ngafika ngayithatha ngeziɓongo zayo iNkosi ngaye ngakhuphulusa oyise noyise-mkhulu. Ngangena phakathi endlini.

Ngangena qede yangiɓuka iNkosi, kwangathi iyethuka, nami ngathi ukuyibeka ngaɓuye ngabeka phansi, ngithe ngebika futhi ngayifumana isimoyizela kahle impela.

Ngoɓa uɓenjalo phela uTshinga ɓaɓa, uɓuso ɓakhe ɓeɓuphendu-phenduka khona manje.

Uthe ethatha wayethi: "Ngakuɓona Watala, mntakaSolwandle, kawuwaɓonike amagama ami ezolo, kawusindile-nje, ngithenike!"

Ngathi mina: "Yeɓo Ngonyama uvele washo wathi amathongo kawaseze aɓenza lutho aɓazandla zimhlophe njengezami!"

Waɓuza wathi amathongo ngiwaɓonile na—ngathi mina ɓengingeze ngawaɓona ngoɓa aɓonakala kwaɓasuke ɓonile kuphela. Wathi uyavuma, ngiqinisile anjalo amathongo, kawaɓenzi lutho aɓasuke ɓengone lutho.

Wayesethi: "Akungixoxeleke Watala, uhambe kanjani na."

Ngathi mina: "Nkosi, akungakanani-nje—ngidimede ngaɓahola-nje laɓa eɓesinaɓo njengezwi leNkosi—mina ɓengingesaɓi mathongo—intwana-nje eɓiyingozana ɓekuyimigodi emithathu eɓi-

khona phakathi emhumeni—ɓekulukhunyana ukuyeqa ngoɓa phela nakhu ɓekumnyama—kodwana kuɓelula-nje phela kimi, ngoɓa nakhu ɓengingone lutho—kwakuphelake Nkosi—nakhu lapha sengikhona phambi kwakho."

Wayesezwakele uMavakeni phandle eseqaphuza iNkosi ngeziɓongo zayo. Wangena wakhuleka eNkosini. Wahlala njenga-njeya.

Isikhuluma nayeke iNkosi ithi: "Nango phela uWatala Mavekeni! Uphume ephela! Kuyaɓonakala ukuthi kanalo icala kulokhu ukukhuluma."

Waguqa ngamadolo uMavakeni, waqina wasiphengqengqe, wasiklukluluza ngamehlo sonke endlini, wathatha: "Nkosi kakumuntu walutho lomuntu—uSolwandle kazalanga waɓola amathumbu—ulapha-nje uqamba amaceɓo Ngonyama—nangu eɓengihamba naye uMhlwazimamba—uWatala kazange angene emhumeni—uthe *nhla* qede waphindela emuva—wafica amaɓutho esejunywe ɓuthongo wadlula waɓaleka—wesaɓa ukufa lomuntu Nkosi—ɓaphi-nje laɓa aɓehamba naɓo!"

Hawu! ɓaɓa! ngomkhohlwa yini uMavakeni! Wangingcofa umuntu eNkosini! Uyangiphoqa-nje ɓantaɓakaɓaɓa!

Yaɓuyisa izinhlonze iNkosi yakhuluma ngokufutheka yaɓuza ukuthi kwaya ngani ukuɓa amaɓutho alale na—yaphinda yaɓuza ukuthi kuqinisile lokho ukuthi amaɓutho alala na.

Kwavela khona futhi okunguMavakeni kwafunga kwagaɓela, kwathi amaɓutho aɓelele. Yathukuthela iNkosi yathi: "Lawo maɓutho ayafa onke namuhla-nje!"

Yayisiphenduka iNkosi iбuza kimi ngolaka olukhulu ithi: "Landa wena! Uthini ngalamazwi aбekwa yinceku yami! Landa!"

Kwaqhamuka mina ngathi: "Yimihlola yaminje Ngonyama! amaбutho lawo ngingeze ngasho nokuthi ayelele nokuthi ayengalele, ngoбa yilokhu ngangena mina emhumeni entaбeni, ngawashiya khona lapho, angikaze ngiwaбone futhi, Nkosi! Kephake, Ndlunkulu, lezi izinsizwa ezazisiqhuбa zisibekile, engikholwa ukuthi kungaбa ngamaqiniso ukuthi zalala uбuthongo emseбenzini eziwuthunywe yiNkosi—ngiyazazi lezo nsizwa, Nkosi!"

"Lendaбa ekhulunywa yinceku le yakho Nkosi angazi noma Nkosi iyahlanya yini lenceku, ngoбa lokhu ukukhuluma akukhulumayo kungukubeda kodwa Nkosi—uyaphupha-nje—nanti inxeбa lapha kimi emkhonweni."

Ngasengiphenduka ngibeka kuye uMavakeni ngiбuza ngithi kasiye lo ongiciбe ngomkhonto wangigwaza esicutshini sengalo na—ngawukhumula umkhonto ngawujikijela phansi emgodini na —waphinda wangiciбa na—ngavika, umkhonto uthi kawungijuqe amathumbu na—ngathathela ngejuбane na—ngayengaphuma ekuphumeni komhume na.

Yathi iNkosi kaphendule uMavakeni. Uphendule wathi konke engikukhulumayo ngamanga odwa. Wathi uma kungemanga angihambe ngiyothatha umkhonto lowo engithi ngiwuphose emgodini ngizekuwukhombisa iNkosi iwuбone.

Wona lapho uMavakeni eNkosini. Yamkhafula yamjakaja yathi useca6anga ukuthi sekunguyena

Tshinga, sekunguyena osekhipha isinqumo sokuthi kangilande umkhonto, kanti iNkosi isizakunqunyelwa nguye, uselingisa laɓa aɓaceɓa ukuɓa kufe iNkosi kusale kuɓasa ɓona.

Kwafinyela lapho okunguMavakeni, ngasho ngenhliziyo ngathi mina: "Kuzwake! Hawu! Yeka izixhekana ziyinsumo!"

Kwasekuthiwa kasiphume sonke iNkosi isezakucaɓanga lendaɓa ukuthi izakuthiwani.

Kwathi kangizigwaze lapho impela lapha sekuɓuye ngiqhanyukelwa ngelinye icala futhi eselizakuɓuye licatshangwe yiNkosi njengaleli engiphuma kulo; ngingakalali nakanye kodwa lokhu ngiɓuyile kulokho kufa.

Izinsuku zashona zantathu, kwafika induna izekungiɓiza ithi ngifunwa yiNkosi. Ngaya, ngafike ngakhuleka emnyango ngangena, ngahlala ngathula ngalinda yona iNkosi ukuɓa ithathe.

Ngiyifumene icumba-cumbaza umkhonto wayo eyayiwuphatha njalo. Iyodwa *qhwaɓa,* kakukho nduna kakukhoni. Langiya lapho elokuthi kazi namuhla kuzakuthiwani.

Ithe isuka iNkosi yayingiɓuza ukuthi okaMpithimpithi ngiyamqonda na. Kwathi *heshe* kimi ingebe, sengisola ukuthi mhlawumbe seɓeɓikile oMavakeni eNkosini ukuthi waye wangitshela indaɓa yomhume nemigodi. Kodwa ngaqunga isiɓindi-nje, ngavuma ngathi ngiyamazi. Yathi ngimgcine nini ukumɓona. Lapho kwathi fipha ukuthi ngizakuthini. Ngaɓona ukuthi sekufanele wona amaceɓo manje. Ngathi kangisakhumbuli ukuthi konje ngimgcine nini ukumɓona. Yathi

iNkosi kuhle ngicaɓangisise impela ngiyitshele. Ngaɓona ukuthi kufanele ngiqhuɓe ngawo amanga futhi, ngasengithi mina ngiyaɓona ukuthi yinyanga ngamgcina. Manje iNkosi yaɓuza ukuthi ngangiphi ngimɓona, futhi sasikhuluma ndaɓani naye okaMpithimpithi.

Kwangikhanyela manje ukuthi iNkosi iyazi yonke lendaɓa yami nokaMpithimpithi, iyangisinisa-nje idlala ngami.

Kodwa ngaɓuka ukuthi angisale sengifela khona ekuphikeni impela okungenani. Ngasengithi eNkosini ngiyakhumbula ukuthi ngamgcina mzukwana kodwendwe lwakhe, esinela uMsikaɓa, into ayikhulumayo kimi kwakungukuɓonga kwakhe eɓonga kakhulu eNkosini ngoɓa imidedele wagcagca nesikhulu sayo ingani yena uzalwa ngumfokazananje.

Yathi iNkosi angisale sengiyeka sengiqedile, isiyaɓona ukuthi ngithatha kahle. Ngayiɓuka-nje kwasengathi kangesaɓi lutho—kanti ngaphakathi lapha esifuɓeni sami sekuvutha amalangaɓi ovalo nokwesaɓa ukuthi kazi okaMpithimpithi lo ungena ngani kulendaɓa.

INkosi ithule qede, yayisithi kangisondele eduze kwayo. Ngangiyasondele, yaɓuye yathi angisondele futhi, yaɓuye yaphinda. Akubekeke ɓaɓa, isilwane sithi angisondele kuso.

Ngasondela.

Ngisondele qede wathi kangikhothamise indleɓe ahleɓe ngoɓa kathandi ukuɓa kuzwe muntu azakukukhuluma angitshene khona.

Uthi: "Uyaɓona Watala, kuthe eɓusika kwafika

yena uMavakeni lo kimi—wathi wena uthunga iceƃo lokuƃa ngiƃulawe—kwaze kwangena lokho kukhuluma kimi—ngasengifuna isu lokuthi ngingakuƃulala kanjani—sasesithulisa soƃaƃili naye uMavakeni, kwaze kwaqhamuka lendaƃa enanikhuluma ngayo nomkakho kashevu."

Kwala lapho ukuƃa ngithule mina ƃaƃa, ingani isilo siyesaƃeka sona, ngathi: "Hawu! Ngonyama! Nawe wawusukholwa yilawo maceƃo umuntu engithuka engiqambela ukukhuluma okungekho na?"

Qhake, yaƃuye yaqhuƃa iNkosi: "Cha Watala! Mina ngaduma ikhanda lapha ngizwa lokho, kwahlwa-nje kimi."

Kodwanake nawe uyakwazi ukuthi mina into ngiyayiphupha eƃuthongweni ngilele ngiyiƃoniswe. Nembala ngaphupha msukwana ngithi qhutshwanini niyoƃulawa emhumeni laphaya. Ngiphuphe ngivukelwa zindlondlo ziyisihlanu, zavuka zema phezu kwami. Zeza kanye-kanye zizongishaya ikhanda. Zithe zithi ziyangishaya, kwaqhamuka wena, wangilamulela, wazijuqula amakhanda izindlondlo lezo. Kepha wena wawusunyathela ekhanda lenye indlondlo lisadikiza phansi. Yayisikuluma wafa khona lapho. Ngiyaphupha ƃelu. Ngizakuthi ngivuka eƃesengilindwe ngumame, ezekungitshela ukuthi ngikuƃulala-nje wena Watala, kawone lutho. Uthi uzwe ngomakoti kaMsikaƃa, okaMpithimpithi ukuthi wathi ehlezi eluka isikhwabukhwaƃu sakhe wanizwa nikhuluma nokaNqaƃayembuƃe ngamagundane anihluphayo emzini wenu. Wanizwa ukuthi ushevu naniwu-

funela amagundane, futhi wena wawuza kimi uzocela ukuба ngikuvumele uphathe ushevu lowo uбulale amagundane lana ayesenhluphile. Indaба yakho iyakhanya yonke Watala, njengalokhu wayisho kimi. Ngiyakuthanda ngokungaqambi maceбo."

Ngathi mina: "Yeбo Ngonyama, kwaба njalo!"

Yathi iNkosi: "Kodwa wena wawungasangitsheli ngani indaба yonke ngizwe kahle na! Uyaбonake manje sengize ngenze isiphosiso ngithi maбakuбulale ungone lutho na—ngenxa yokuба kanti ngiphethwe ngumgodoyi onguMavakeni ungitshela amanga odwa na. Shonoke Watala, wena ngokwakho uthini kulendaба na?"

Mina ngathula ngabeka phansi ngathi iNkosi kuyangahlula ukuthi ngingayiбonga ngithini, kuhle ngiбonelwe yiyo-nje konke.

Ithe isuka yona yayithi: "Nanku umkhonto wami, ngithi mina mgwaze wena uMavakeni afe."

Ngathi ukuyiбuka iNkosi nganyenyeza ngathi: "INkosi kayinteli na?" Yathi kayinteli.

Isingitshelake ithi бeseбelithungile iceбo naye futhi uMavakeni lokuthi ngizakuбuye ngiphindele khona emhumeni lapho, uMavakeni angilalele lapho angiбambe angiphonse emgodini lapho.

Ithi kodwa isiyaбona ukuthi kuhle kufe yena uMavakeni, yikho ingitshela-nje. Ithi kodwa kayifuni ukuба imбulale nje oбala, sengathi kungayisifuба sethu nayo. Ithi iyazi ukuthi ngiyakumehlula mina ngimphonse emgodini angaphindi aбonwe muntu.

Ngasengicela mina ngithi njengalokhu nakhu-nje

ngijiyelwe kangaka ngingozi-ngozi, ngiyakumahlula kanjani umuntu ephilile engaguli ndawo na. Yathi iNkosi angikuyeke lokho ukwesaба indoda kanjalo.

Kwasekuzwakala izinduna phandle isithi kuhle ngiphume zingaze zisole ukuthi sithunga ceбo lini nawe. Yayisiбuye ingephuca umkhonto lo wayo ithi ngiyakumбamba ngamandla-nje.

Lapho yathi angixhawule kuyo. Yangiбamba isandla yayilokhu ithule ithe *du*, ithi ingifisela ukuбa ngize ngisahlule lesi isigcwelegcwele esinamaceбo.

Kwaбamnandi kwadela kimi isandla sami siбanjwe yiNdlovu yakoMkhulu! Ngasiбukisisa njalo isandla lesi eбesiбanjwe yiNkosi kuthi nalapha ngigeza ngingasigezi sona kwaze kwadlula izinsuku ezisithupha ngilokhu ngisiбuka-nje.

Ngiphume qede lapho eNkosini, ngacaбanga isu lokuthi lokhu nangu uMavakeni noma iNkosi ithe angaphathi mkhonto lapha eyakungilalela-nje, uyakudlula aweбe umknohto angene nawo emhumeni ngoбa uyangesaба.

Lavela isu. Ngasuka ngaбanga ehlanzeni elikhulu elinomhluhluwe. Ngawufumanisa ugcwele ehlanzeni, ngajaбula ngadela, ngawugawula wayinqwaба. Ngathi enhliziyweni kudala okunguMavakeni ku-de kuthi makuбulawe aбantu-nje, kungakho namuhla; kuyawagcina amaбele.

Ngathaбatha umhluhluwe lo, ngathi zombezombe emathunzini ngaye ngafika nawo khona emhumeni. Ngangena phakathi, ngayithola indawana yokuwufihla khona, ngawufihla ngaphuma.

Ngisuke lapho ngaqonda khona koMkhulu ngaye ngangena.

IƂandla laliƂuthene lonke lezinduna nezinceku. INkosi yathi ngenzile ngafika ngoƂa iƂisingifuna nempela. Yayisiƃikela iƂandla ukuthi ngizakuƂuye ngingeniswe futhi emhumeni laphaya kuƂonakale ukuthi ngingaƂuye ngiphume kuwo okwesiƂili na.

Nanti iƂutho lezinsizwa lapha, uMzansini, iNkosi yayisithi kakuhambe lona lingiqhuƂe lingise khona futhi emhumeni. Lalisuka njalo iƂutho lingiqhuƂa.

KwaƂizwa induna yalo kwathiwa Ɓayakuma lapho ekungeneni komhume, Ɓoze Ɓatshelwe yiyo iNkosi isikhathi sokusuka lapho. Yakhuleka induna yahamba. Ngaqhutshwa ngaye ngangeniswa khona. Ngangena, ngaye ngafika kuwo umhluhluwe wami.

Ngawuthatha umhluhluwe ngawuƂophela kimi emzibeni, ngawuthandela yonke indawo ngisho nasekhanda, wema wathi *venu*. Ngenze-njenje, ngithi ngizivikela ukuƂa inja le enguMavakeni ize ingaƂinamandla okungithatha ikhasi lapha emhumeni.

Kuthe lapha sengizwa ukuthi umhluhluwe lo uqinile impela lapha kimi emzimbeni, ngesuka nganyonyoƂa ngaƂanga phambili. Ngihamba-nje ngihamba ngelule izandla ngizwa yonke indawo, nangaphambi kwami nangasemaceleni, nangemuva ngoƂa kakuƂonakali lutho kumnyama *buqe*. Nginevuso lokuthi mhlawumbe uMavakeni nga ungenise naƂanye Ɓakuƃo Ɓangihlanganyele.

Ngagaqa manje, ngathulisa ngalalela. Ngithe ngizwa *nyaku nyaku nyaku*, okwekati, kwakuthi *gi*

*gi gi.* Ngezwa kuwa igaɓade liphonseka emgodini ukhona phakathi. Ngaɓona ukuthi sekunguye uMavakeni. Ngathula ngathi sumpu, ngaphefumulela phakathi, ngathi ukuhosheka, ngema. Kwathi *nya, nya, nya*, ngezwa sengidinwa manje ukuthi kakusale sekuɓakanye kanti.




Lapho ngasengigaxe umhluhluwe wonke umzimba, sengifana nengungumbane.

Umuntuke wethuswa ngukukhwehlela emnyameni. Nami ngaɓona ukuthi kuhle ngikhwehlele nce ezwe ukuthi ngikhona.

Manje ngiyezwa uMavakeni uyakhuluma uthi: "Uyaɓona-nje Mhlwazimamba ukuthi lomfokazana useliɓele ingaɓi iNkosi iɓuye yenze-

njani!" Waphendula uMhlwazimamba wathi naye kazi.

Haбe! Ngivele ngasho, бaбa! Kanti nempela leli ivakana elinguMavakeni njengegama lakhe, ungene nomunye umuntu, бazakungihlanganyela!

Kwafika ukuthukuthela kimi manje, ngathi enhliziyweni бangenele ngisho бeбaбili-nje ngizakuбalungisa. Ngasho kakhulu ngakhwehlela kwaze kwakaбili. Lapho бathula, kodwa бasondela. Ngaбezwa бehambe бethinta amagade ngezinyawo, бeza ngakimi.

Sengiбulawa kunye-nje—ngiбulawa yikuбa nakhu angiбaбoni—kumnyama. Ngiyaбezwa - nje kodwa бayeza бahambe бehefuzela. Ngithe ngizwa ngangithintwa yigaбade lapha onyaweni. Ngaбona ukuthi ukhona oseseduze kwami impela.

Kwala ukuбa ngithule manje, ngase ngikhuzile ngathi: "Hebu! Senginiphethe бafokazana!" Ngaphumputha emnyameni бafinyela kodwa.

Kwamemeza uMavakeni wathi: "Uyawagcina ama . . ." Wathi engakaligwinyi ngase ngimphethe. Ngamsondeza lapha eduze. Ngamcindezela emhluhluweni. Wo! wakhala manje. Ngamбamba lapho бaбa ngezingalo sengimsondezile ngezwa-nje ukuthi akukho lutho olunga lusangithukulula manje. Kwathi *mbo*. Wakhalisa okwenja ihlaбa umkhulungwane manje. Wayesememeza ethi: "Hawu! Mhlwazimamba, wangiбukela nomuntu engiбulala na!"

Wasondela uMhlwazimamba namбala, wathi uyangiбamba, ngamthi ukumthi *ntinye* ngeva

lomhluhluwe, ngaɓuye ngamthi *dakla* ngesithende sonyawo, wayewathi *dinkli* laphaya, wagquma.

Ngamphatha lo. Kwade kuthi *gqushu,* engena ameva omhluhluwe emzimbeni kuye.

Wayesekhamuluka manje esethi kuMhlwazimamba: "Salusuletha nanso imikh . . ." Wagcina ngalo lelo, sengimphethe lapha kuqhoqhoqho. Ngathi mina ha! kanti ɓaphethe imikhonto na!

Nanguya nembala uMhlwazimamba eseyekuyithatha imikhonto laphaya lapha ɓeyishiye khona ngasemgodini wokuqala.

Uthe lapha sengizwa ukuthi useya ngakhona emgodini, ngakhuza kakhulu ngamethusa. Ngiyaɓona ukuthi waxhuma wagelekeqeka ethi sengiseduze kwakhe; kanti nanku umgodi khona lapha. Ngezwa esephonseka, wayewathi dinsi phansi. Kaphindanga waphenduka.

Ngimphethe uMavakeni lapha ngiyambucunga. Kanti usethule-nje kade efile. Sengiɓambe uɓala. Ngithe ngisuka nga ngimhudula ngimthi *dilikici* phakathi emgodini waye wathi *bunsu* phansi.

Manjeke ngase ngikhumula umhluhluwe lona lapha kimi emzimbeni, sengiwuphonsa emgodini, ngathi ukuhlala-hlala kwaze kwasa. Kuthe sekusile sekuɓonakala kahle, ngase ngithi ngqiɓithi ngqiɓithi imigodi le, sengiphuma ngiɓanga koMkhulu.

Kwadlula izinsuku zambili laɓizwa iɓandla yiNkosi, sekuyakuxoxwa izindaɓa, nami sengiyakuɓuyiselwa esikhundleni sami.

Lathi lapha iɓandla liqalaza lithi inceku yeNkosi enkulu uMavakeni uphi ɓenoMhlwazimamba, kwa-

thatha iNkosi yathi iбathumile, iбathume kude; kuyaбonakala ukuthi бayakuliбala.

Yimi neNkosi kuphela esazi isifuбa lesi sokuthi uMavakeni ngimбulele. Sengiyihleбele futhi iNkosi ukuthi uбehamba noMhlwazimamba, naye ngamбulala ngamphosa emgodini.

Hayike iбandla langena ezindaбeni kwaxoxwanje.

Sithe sethuka iNkosi yayiбuza ithi: "Washonaphi uSomhlola induna yami yaseMzansini na?" Zagijima izinduna zaбuza eбuthweni elalisenkundleni. Kwasekuzwakala ukuthi uSomhlola yilokhu wema ekungeneni komhume njengoбa iNkosi yathi kuyoze kusho yona ukuthi kaliбuyise iбutho. Yilokhu zema khona izinsizwa ziбambe izwi leNkosi, zingatholi kudla zingatholi manzi.

Ngoбa kwakunjalo бaбa, ukuhlonipha kulezo zinsuku.

Indoda iбiqoka ukufa kunokuбa iphambane nomthetho weNkosi uTshinga. Kwakungekho lokhu esengikuбona namuhla umuntu athi ethunywa aбe eбika uбumenemene. Angizange ngikuzwe бaбa, ngikuqaбuka khona kulo leli lanamuhla izwe.

Kwakuбulawa aбantu njalo, бебulawa ngaбakuбo. Umuntu uyamgwaza umuntu ucimeze amehlo enzela ukuбa angamбoni funa aбulawe luvalo.

Ngikhumbula mzukwana siyekuбulala — qha, бaбa, ake ngiyiyeke leyo. Akungiyeke ngikhiphe ishungu ke ngibeme.

Uyawuбona ugwayi lo muhle ngoбa umuntu uyamcaбangisa, akhumbule nezindaбa aбesezikhohliwe.

Konje бaбa uбuzile wathi iбutho leli elemba intaбa laliyimba kanjani ayengekho-nje amafosholo namahalavu namapiki lana enu nina makhosi na? Uбuza kahle бaбa, ngoбa nembala kwakuyimikhonto kuphela esasinayo ngaleso sikhathi.

Ngiphendula ngithike kakukho oбekushiwo yiNkosi eбekwehlula amaбutho. Ngisho ukuбa yayingathi akususwe intaбa iphele ithi *nya*, sasingayisusa, simba ngayo-nje imikhonto. Konke kwakunjengezwi lami engalikhipha eNkosini mzukwana ingithuma koMasimini, lapha ngathi: "Uma kusho iZulu eliphezulu, nguбani ongaбuye athini na?"

## IMIБUZO

1.—Sasibinca-ni isangoma sikaTshinga?

2.—Xoxa indaбa eyezwiwa nguMavakeni kukhuluma uWatala nomkakhe?

3.—Wayegane бani okaMpithimpithi? Wathini kuWatala?

4.—Indaбa yokaMpithimpithi yayizwa ngoбani iNkosi?

5.—Xoxa indaбa yokungena kukaWatala emhumeni okwesiбili?

7.—Izwi elikhomba ukuhlonipha elakhishwa nguWatala eNkosini lathini? -

7.—Landa izihloko-nje zezigemegeme zonke ezehlele uWatala?

